

UKUBUYISELWA

KOMUTHI WOMLOBOKAZI



Ngiyabonga, Mfowethu Orman. UNkulunkulu akubusise.

Sanibona ekuseni, bangani. Futhi kuyinhlanhla ukubuyela etabernakele, ngalokhu ukusa okuhle kwePhasika, sikhonza, ukuvuka okukhulu kweNkosi yethu noMsindisi eyigugu, uJesu Kristu.

² Ngithanda ukusho ukuthi ngempela ngibe. . . Kwayo yonke imilayezo esengake ngayizwa umelusi wethu eyishumayela, odlula yonke eyakhe ubukulokhu ukusa. Ngiye ekhaya ngase ngitshela umkami. Ngathi, “S’thandwa, yilokhu ukusa okokodwa owugeje ngakho, ngokungavuki kuse eli.” Lowo ubungoyedlula yonke engayizwa ngokuvuka, kuyoyonke impilo yami. Angizange ngizwe noma yini eyinoma yibuphi ubungcono, ngokuvuka kunalowo umelusi wethu asipha wona kulokhu ukusa. Umlayezo oqhame kangaka pho, nayo yonke into isephuzwini layo ngqo. Lokho kuyakhombisa, ukuthi, nxa ugcobo lubamba umuntu, niyabo, ukuthi kwe—kwenzekani. Lokho kwenza into ethize-ke. Futhi ngakho siyajabula ukuthi—ukuthi uNkulunkulu usiphe lomelusi oyisimangaliso.

Futhi manje ngifuna ukunibonga nonke ngamunye.

³ Sesibe silapha manje isikhashanyana impela, ngezikhathi ezehlukene, emuva naphambili, kodwa ngisuka ngiya emasimini manje, njengoba nazi. Leliviki, ngiya kumaNdiya aseCree, enhla eBritish Columbia. Bese kuthi-ke ngiwele, ngingene ngivela lapho, ngiye eFort St. John. Bese kuthi-ke, ngalelihlobo, iNkosi ithanda, ukuba ngibe se. . . konke oGwini lwaseNtshonalanga, enhla eMpumalanga, na—nasekuphumeleni oGwini lwaseNtshonalanga, nasenhla eAlaska, eAnchorage, eAlaska, nangokudabula lapho. Bese kuthi-ke, mhlampe, ukusuka lapho, ngithumela amanye amazwa-ngomoya eAfrika nezwe lonke, ngobusika obusondelayo. Ngakho mhlawumbe kuzoba yisikhathi esithize ngaphambi kokuba ngithole ukubuyela lapha etabernakele futhi. Okungenani, kuyoba senhla ngoAgasti noma ngesinye isikhathi kulekwindla, ngaphambi kokuba ngithole ukubuya futhi.

⁴ Futhi ngifuna ukunibonga nonke ngobambiswano lwenu oluhle, ngakho konke lokho enikwenzile. Futhi siyadabuka asinayo neze indawo yabantu lapha ngalokhu ukusa okuningi. Sisenhlosweni yokwakha manje, njengoba nazi, ukwakha indlu yokukhonzela enkulu ngokuthe xaxa, ngenkathi. . . ngalezizinkonzo. Futhi ngakho lokho mhlawumbe kuzosebenza

khona nje manje. Bazoqalisa ukwakha indlu yokukhonzela. Manje yibani . . .

⁵ Futhi, ngifisa ukunibonga nonke ngamunye ngokwenu . . . ngeziphlo, amakhadi osuku lokuzalwa, amakhadi ePhasika, iziphlo eniziphle uBilly, nezehlukene, ze, kwe . . . nezinye ezingezami; Mfowethu Wood, nabaningi babo. Ngizithokozela zonke.

⁶ Futhi ngamunye uyafika bese ethi . . . Anazi ukuthi kungubunzima obunjani. Omunye ukuba afike bese ethi, “Manje sifuna ukubona uMfowethu Branham. Sifuna ukubona uyihlo,” kanjalonjalo. Futhi wathi, “Ikhasi seligcwalisiwe.” Manje-ke, o, awazi ukuthi simo sini sokuphoxeka okukufaka kuso, nxa u—u—ufinyelela nje kwabaningi kakhulu. Yilokho kuphela ongakwenza.

⁷ Ngi—ngifisa sengathi bekunganjalo ukuthi benginesikhathi eside nomunye ngamunye, ngikwazi ukuhlala phansi. Futhi ngithemba ukwenza lokho ngesinye isikhathi. Kodwa kungeke, kulomhlaba, ngoba kunabantu ongena lapha evela ezweni lonke jikelele, niyabo, evela ezweni jikelele. Kuleliviki, bekunabantu abavela ezizweni eziningana phakathi lapha, futhi kade kuxoxiswa nabo futhi bakhulekelwa, kuleliviki, bevela ezizweni ezweni jikelele.

⁸ Futhi ukuba nje bekungelethu elincane, inhlango yebandla lendawo lapha eJeffersonville, bengingathatha ngenjabulo amahora amabili noma amathathu nomunye ngamunye, futhi ngikusiphule phansi ngqo futhi ngibakhiphe. Kodwa, niyabo, ngenkathi kusekhona nje kungahle kube, asithi, nezingcingo ezinhlanu ezivela, noma, mhlawumbe, izingcingo ezimbili ezivela ngqo emphakathini wakithi, kunekhulu noma amabili ezivela ezweni jikelele, ngesikhathi esifanayo lezi ezimbili ezingenayo. Ngakho ngempela kube nezinkulungwane ebengingeke ngisho ngizithinte, ndawo, niyabo, abantu. Nezingcingo ezithi “Woza *lapha*, nokuthi yana *lapho*,” ezivela ezweni jikelele, futhi nje amathikithi ezindiza athunyelwa, yonke enye into, “Woza, ukhulekele abagulayo,” kodwa ungeke wakwenza.

⁹ Ngakho, abantu bayadumala. Bengingadumala, nami. Kodwa nje ngiyathanda, ngalokhu ukusa kwePhasika, ukwenza ekuvumeni kwami, ukusho ukuthi—ukuthi angazi ukuthi ngenzenjani ngakho. Kunabaningi kakhulu, niyazi, u—ukufinyelela kubo, izinkulungwane nezinkulungwane zabantu abavela ezweni jikelele. Ngithathe uhambo lwami lwesikhombisa ngijikeleza, njengoba nazi. Futhi nginakho ngokuxhumana siqu sami nabangaphezu kwabantu abayizigidi eziyishumi abavela ezweni jikelele.

¹⁰ Ngakho ningazibonela ukuthi kanjani—kukanjani, ukuthi lokho kungubunzima obunjani kuwe. Futhi izikhathi eziningi

sitheleka ebunzimeni obuningi obuncane, futhi ngiyazi niyenza, nani, nezindumalo ezincane. Kodwa cabangani ngeninazo, izindumalo enginazo, nxa omama abagulayo efonini, bethi, “‘O Nkulunkulu . . .’ Awu, linda umzuzu nje, Mfowethu Branham. ‘Nkosi Jesu, ngi—ngi—ngikhulekela ukuthi Uzomthumela.’” Futhi—futhi ngavele ngayilindisa nje ifoni evela komunye, na *lapha*, na *lapha*, na *lapha*, nasezweni lonke jikelele. Niyazi ukuthi kukanjani. Nalokho—lokho akulula nxa omunye engale efonini, nengane egulayo, noma umyeni ogulayo, noma inkosikazi efayo, ekhulekela ukuba uze. Manje, ningazibonela nje.

¹¹ Akumangalisi ngingoguliswa yimizwa. Nje ku . . . Kwenele ukwenza oyedwa. Kodwa ngenze lento eyodwa, esikhundleni sokuthola ukuphithana. Ngizame ukuzibamba ngingaxhamazeli, ngokugcina amehlo ami eseKalvari futhi ngiqhubekela phambili, njengoba nje Ubeyongenzisa. Namaningi amaphutha ami, ngikhulekela ukuthi uNkulunkulu uzongithethelela ngezinto, ukuthi mhlawumbe bengifanele ngiye endaweni eyodwa futhi angangaya. Ngingumuntu nje, futhi nginga . . . ngisephansi kwamaphutha.

¹² Kunecane, into encane ebukekayo eshiwo phakathi lapha egcekeni elingemuva, kulokhu ukusa, ngenkathi bengiphuma ngivela enkonzweni yokuphuma kwelanga.

¹³ Nginomngani omdala oyigugu. Cishe ulapha ndawondawo. UngowaseChicago. Igama lakhe uStewart. Uthi aka . . . UEd Stewart, ngiqagele ulapha phakathi namashumi akhe ayisikhombisa, noma ngaphezulu. Futhi uhlangane nami phandle lapho. Futhi uzibekela imali yakhe yezishumi ngosheleni. Futhi unginika lonke iphakethe losheleni, abathi ababe *ngako*. Futhi, o, angazi, ngi . . . Kusobala, baya kweliphesheya, umsebenzi wemishini.

¹⁴ Nomngani wakhe olungileyo, nowami, uMfowethu Skaggs, uLeonard Skaggs, waseLowell, eIndiana, ubemi lapho. Futhi angikaze ngazi ngaphambili; wayengoweNhlango yabazalwane yosizo oluyimfihlo. Ubeqhasele kuye inkinobho yeNhlango yabazalwane yosizo oluyimfihlo. Futhi besikhuluma ngohlelo lwabo lweNhlango yabazwane yosizo oluyimfihlo.

¹⁵ Futhi ngakho uMfowethu Stewart omdala uthe kimi, uthe, “Ngiyakuthanda, Mfowethu Branham, futhi ngithanda ukukhuluma kuwe.” Ngiyaxolisa ngalesisisho. “Kodwa,” uthe, “kul’khuni ukufinyelela kuwe kunesigodlo saseTurkey.”

¹⁶ Omunye wathi kimi, kungekudala, wathi, “Ngiyajabula iNkosi ayil’khuni kangako ukufinyelela kuyo.” Awu, angiqondile ukuba nga *leyo* ndlela. Ngiyabathanda abantu. Kodwa ngi . . . Cabangani nje . . .

¹⁷ Ngaya ekhaya ngase ngitshela umkami, futhi sahlala etafuleni futhi sahleka, ukuthi kungal'khuni kanjani ukufinyelela esigodlweni saseTurkey, niyazi. Ngakho—ngakho ngi. . .

¹⁸ Ngithemba ukuthi ngempela akunzima kangako, Mfowethu Stewart, uma usekhona phakathi lapha. Kodwa impela ngicabange lokho ukuthi bekungamancoko asenze sonke sathi ukuba nokugitheka.

¹⁹ Ngakho, ngifisa sengathi bengingabona wonk'umuntu. Futhi ngithanda wonk'umuntu. Lokho kuqinisile. Noma ngabe bangumngani noma isitha, kuyafana nje.

²⁰ Futhi manje ngiyifisa ngempela imikhuleko yenu ngami, kulomhlangano osondelayo. Ngiya phakathi kwamaNdiya. Futhi uyazi, wena, uma useRoma, ufanele ube ngumRoma; futhi uma unamaNdiya, ufanele uphile njengamaNdiya.

²¹ Umngani wami oyisithunywa senkolo, onguphathini wami ozingelayo, lapho engangikhona, enhla emgwaqeni omkhulu, uMgwaqo omkhulu waseAlaska. Umfo osemncane okahle kakhulu, nomkakhe, abavela ekhaya elihle. Futhi ngi. . .Kudleka izingalo, phakathi lapho, namacala onke emva kwezindlebe zakhe nezinto. Futhi ngamangala ukuthi kwakuyini indaba ngaye, “Ngabe wayenotwayi yini?” Kwakavela emazezeni nezimbungulu, lapho ayedingeka ukuba ali- . . .ukuthi wayekade ephila kanjani phandle lapho. Futhi ngakho ufanele uphile kahle nabantu, ukuba ubazuze kuKristu. Bayifa likaKristu. Bangabantu Abafelayo, futhi omunye ufanele aye kubo.

²² Noshifu wayengale komunye wemihlangano yami yamaduze nje yasenyakatho, noMoya oNgcwele emhlanganweni, noma phandle enkundleni yokukhempa, enkundleni (igceke lezihambi, ngikholwa ukuthi kwakuyilo), walibiza igama lakhe, nokuthi wayengubani, nokuthi wayenzeni. Futhi, o, he, lokho nje kwakuxazulula, naye. Wayazi ukuthi izidalwa ezingabantu zazingeke zakwenza lokho; lokho kuzofanele kuvele kuSomandla.

²³ Ngakho, lowoshifu ukubasele nje lokho, konke enhla nasezansi lologu lapho. Futhi sizofaka imihlangano esikebheni esincane sikaseyili, siye phakathi sidabule ezindaweni lapho esifinyelela khona, ePortland, nasekuphumeni, nasenhla ogwini, nakwabanye, kuya kumaNdiya aseCree, anganakiwe. Abaningi babazalwane, abanezinkonzo ezinkulu, babengeye kulokho. Manje, amaNdiya. . .

²⁴ Akuyikuba nowodwa upeni wemali. . .Njengoba nazi, angiwuthathi neze umnikelo emihlanganweni yami. Futhi angiyithathi imali. Kodwa ibandla lapha li—lixhasa lowomhlangano kumaNdiya. Enye yemali yenu yezishumi,

nezinto, izoya kokhokha, ukuletha loMlayezo wensindiso nokukhululwa kulawo ampofu, amaNdiya angafundile.

²⁵ Futhi empeleni, angamaMelikana, niyazi. Thina siyizifiki, niyabo. Siyangena sase siyithatha kuwo. Futhi sifuna... Ngeke ngawabuyisela isizwe sawo, kodwa ngingawanika amathemba kuKristu, ayosihlanganisa njengobuzalwane ngoluny'usuku eZweni lapho okungekho kulwa khona nokuthatha izwe, omunye komunye. Kuyoba yiZwe, indawo yabo bonke. Ngiyobonga nxa lesosikhathi sesifika, uma bonke abathandiweyo bami besindisiwe futhi belungele ngalesosikhathi.

²⁶ Manje, nginabangani abaningi engibabonayo, behlezi bezungeze ngapha, njengoba bengikhuluma. Ngikholwa ukuthi ngiqaphela uDade... Angisalicabangi igama lakhe. Kwakuvame ukuba nguLee. Kunjalo na? Awusuye uNkk. Lee na? Indodakazi yakho lapha, amadodakazi, le eyaphiliswa na? Lokho kuhle kakhulu. Eyodwa yayiseKhaya likaGood Shepherd, noma akusikho... Kubizwa ngokuthini lokho na? "UDade wase..." (esinye isiKhungo samaKatolika) "Inenekazi lokuThula," kwakuyilokho-ke. Ngiwaxova onke lawomagama amaKatolika. Futhi ngakho, laphaya, futhi waye... wayenokwengqondo, ukugula kwemizwa. NeNkosi uJesu ethandekayo, ngenkathi sisahlezi... Ngangihlezi onyaweni lombhede, nonina oligugu noyise bemi besondele. NeNkosi uJesu yamemezela ukuthi sekwenziwe, kuphelile. Nango. Sekuphelile. Futhi, kusobala, siyazi udade unokubonga kakhulu kulokhu ukusa, futhi...

²⁷ Ngibuka phandle laphaya futhi ngibona abantu abebefa, maduze, benomdlavuza. Bebeqaqa bengena lapha, besezihlalweni ezinamasondo, izinduku zokuqhugela; futhi nampa, bengabejwayelekile futhi bephilile, kulokhu ukusa. Lokho yizwe jikelele. Hhayi ngami; ngaYo, iNkosi yethu Evukile kwabafileyo, iphila kuze kube phakade. Kwangathi iNkosi yethu ingadunyiswa njalonnjalo futhi ibusiswe, ngumkhuleko wami oqotho.

²⁸ Nizongikhulekela na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Nonke ningikhulekele. Manje, ngi—ngithembele kulokho. Futhi nxa ngiphuma lapho, niyabo, lapha ekhaya, akukubi kakhulu ngapha; kodwa nxa ufika lapho lapho ngempela ozithela khona ekhaleni lempi. Lokhu ngukuqeqeshwa.

²⁹ Bengizwa, izolo, ngenkathi ibandla lethu lingithengela i—imoto entsha esanqola, futhi ngi... ukuba ngihambe. Nenye yami isithi ayiguge. Futhi ngakho ngi—ngivule umsakazo ngase ngilalela ukusakazwa kwezindaba. Kwase kuthi-ke bebeza behla, izolo ebusuku, lapho khona uJoseph nami besiye kokhuleka. Kwase kuthi thina, siza sehla sivela eGreen's Mill, ba... Ngavula umsakazo. Bekungukusakazwa kwezindaba, futhi ubekusho, elandela, lo*Mxwayisi* ubelandela umfo

osemncane ekuqeqeshweni kwakhe. Nokuthi ubemi kanjani lapho namaphakethe akhe egcwele isihlabathi nayo yonke into, lapho abefanele ehlise ikhanda lakhe kakhulu, ukuthi lokho kuqhuma komshinigani okudubulayo bekuya ngqo phezu kwekhanda lakhe esagaqa eputsha ocingweni olunameva nezinto, ethatha ukuqeqeshwa okul'khuni.

Awu, yilokho esikwenza lapha.

³⁰ Kodwa manje kwehluke kaninginingi ekhaleni lempi. Niyabo? Lowomshini gani ubekelwa isikhathi, baqeqeshwa ngqo ngeleveli ethize. Kodwa, ekhaleni lempi, bekungenyuka noma kwehle. Niyabo? Ngakho—ngakho lokho kuthe ukwehluke kancane lapho, niyabo, kunalokho oku—kunalokho okuyikho. Ngakho sine . . .

³¹ Awu, lokhu ngukuqeqeshwa, lapha. Kodwa phandle lapho nisekhaleni lempi, ngakho sizobhekana nesitha manje. Ngakho sasivame ukulwa . . . sicule iculo elincane lapha, *Impi Iyalwa*. Noma ubani usalikhumbula lelculo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

Impi iyalwa, O mabutho amaKristu,
Futhi ubuso nobuso ihlelwe yaqina,
Nezikhali zibenyezela, nemibala ithutholeka,
Okulungile nokungalungile kuyalwa namuhla.

Kunjalo. Niyabo?

Impi iyalwa, kodwa ningapheli amandla,
Qinani nasemandleni aYo nibambelele;
Uma uNkulunkulu engakithi, ibhanela laKhe
liphezu kwethu,
Sohlabelela iculo lomnqobi ekugcineni.

³² Kunjalo. Manje, bekunezinto eziningi ebengizozisho, kulokhu ukusa, kodwa ngithe nje ukukufishanisa, lapho abantu bakithi bemile futhi beminyene phakathi. Futhi banemibhobho emincane yangaphandle, nokusakaza okuncane, ngiyacabanga, ukuthi imoto ngayinye inga . . . Izinsimbi zokusakaza zisivumela siphume amayadi angaka ukusuka etabernakele, ngawo. Futhi ngakho, thina, sizama ukuthokozela ukuvakasha komuntu wonke nathi kulokhu ukusa.

³³ Manje, ngaphambi kwanoma yikuphi ukuqhubeka, asisho ukuthi . . . Manje, masinya emva kwalokhu, ngiyacabanga, yinkonzo yombhaphathizo. Kuqala, ngumugqa womkhuleko. Sizokhulekela abagulayo, kulokhu ukusa. Ngiyacabanga, uNkulunkulu eza enkundleni kungubufakazi balokho esikhuluma ngakho, ukuvuka kwaKhe. Ngabe Uyaphila, noma Akaphili na? Ngabe *Lena* yindaba eyinganekwane nje, noma ngabe IyiQiniso na? Uma Ephila, Wenza isithembiso, "Ngiyakuba nani njalo, kuze kube ngisho sekupheleni kwezwe." Manje, uma E—uma Eza angene phakathi kwethu lapha futhi

afakazise ukuthi Ulapha, khona-ke akusekho-kuqagela ngakho. Niyabo?

³⁴ Niyakhumbula, zonke izinkolo ezweni, zinezinsuku zazo ezingcwele namaholidi, kanjalonjalo. Kodwa ayikho nayinye yazo engafakaza ukuthi umqambi wazo...Lokho, ukufa kwamthatha, nalokho kwaphela kanjalo. Kodwa, owethu, inkolo yamaKristu, uMqambi wethu wafa wabuye wavuka.

³⁵ EMexico, maduzane, ngenkathi ngangixoxisana nowephephandaba, ngokuvuka kwengane encane eyayife ngalokhokusa ngelesishiyagalolunye nqo. Futhi ligamenxe eleshumi ngalobobusuku, ligamenxe eleshumi noma eleshumi nanye nqo, yavuswa kwabafileyo, khona lapho ezingalweni zikamama emsamo, phambi kwamashumi ezinkulungwane zabantu. Izinkulungwane ezingamashumi amathathu ziza kuKristu ngalobobusuku. Niyabo? Ngakho, manje-ke, ningazibonela ukuthi kwakuyini lapho.

³⁶ Nomfo omncane, ngabona umbono phandle phambi kwami; futhi washo ngokuthi igama lakhe elincane lalingubani, nayo yonke into. Nomama wayesemuva le lapho, akakwazanga ukuthola ikhadi lomkhuleko, akakwazanga ukungena. Kodwa wayengadingeki ukuba asukume, ngomugqa. Ngakho ngenkathi eletha ingane encane; lona lina, liyidliva.

³⁷ Sicabanga ngathi simi; cabanga ngabo. Babeba lapho ngelesishiyagalolunye nqo ekuseni, benzela izinkonzo ukuba ziqale ngelesishiyagalolunye ngalobobusuku. Bemile elangeni elishisayo, bencikene, benzela umthunzi. Bemile, bengahlezi; bemile. Futhi yileyondlela abenza ngayo, iAfrika nezindawo ezehlukene, eNdiya, lapho ingxenye yesigidi ibuthana ngaphandle, ngesikhathi.

³⁸ Manje, lona wesifazane omncane akakwazanga ngisho nokuthola ikhadi lomkhuleko. Ngaphezu, cishe kwamakhulu amathathu abangenisi, ukumhlehlisa, ukuthi angakwazi ukungena emgqeni womkhuleko. Futhi emi lapho ekhulekela leyongane encane; omncane, owesifazane oyiKatolika. NoMoya oNgcwele wabiza wawusuthi, “Mtshela ukuba ayilethe lapha.”

³⁹ Nengane encane, phansi kwebhedspredi emanzi; kade emi lapho kusukela ngalokhokusa. Udokotela wamemezela ukuthi ifile. Manje, sinaso isitatimende sikadokotela sayo, esamemezela ukuthi ifile, ngalokho kusa ngelesishiyagalolunye nqo. Futhi manje-ke lokhu kwakuyilobo busuku, cishe sekuphakathi nobusuku. Futhi mina, ngalokho nje, umbono owakusho, ngahamba, ngabeka izandla phezu kwengane encane. Yayilapho, isiphilile. Udokotela unikeza ubufakazi.

⁴⁰ Ngaba nengxoxiswano nowephephandaba. Futhi ngakho, kungekho lutho olumelene nenkolelo yanoma yimuphi umuntu, inqobo nje uma ikanye neBhayibheli, kulungile. Kodwa indoda eyayinengxoxiswano nami yayiyiKatolika, futhi yathi kimi,

“Uyakholwa ukuthi abangcwele bakithi bangakwenza lokho na?”

41 Ngathi, “Uma bephila.” Kusobala, ngiyalazi ibandla eliKatolika likholwa ukuthi ufanele ube ngofile, ukuba ube ngongcwele. Ngakho manje-ke ngathi, “Uma bephila, yebo.”

Yayisithi, “O, ungeke waba ngongcwele uze ukuba usufile.”

42 Ngathi, “Ngabe uPawulu wayengongcwele engakafi noma emva kokuba esefile na? Wayelobela obani, abantu abafile, ngenkathi ethi, ‘Kwabangcwele abase-Efesu,’ nabangcwele abasendaweni *ethize* na? Wayengenakulobela abantu abafile, uyazi.”

43 Ngakho manje-ke yathi, “Manje uzama ukwehlulela icala lakho ngeBhayibheli. Yithina ibandla.”

Ngathi, “Kulungile, mnumzane. Okeyi.”

Yayisithi, “Yithina ibandla.”

44 Ngathi, “Manje-ke asibone ibandla likwenza.” Niyabo? Manje-ke, ngakho, nguKristu kuphela ongenza lokho. Niyakwazi lokho.

Yathi, “Uthini umbono wakho ngebandla eliKatolika na?”

Ngathi, “Ngifisa sengathi ubungengibuze lokho.” Niyabo?

Yathi, “Awu, ngingathanda ukukuzwa.”

Ngase ngithi, “Isimo esiphakeme kunazo zonke sokukhonza imimoya yabangasekho esikhona.”

Yayisithi, “Ukukhonza imimoya yabangasekho na?”

Ngathi, “Yebo, mnumzane.”

Yathi, “Ukufanisa kanjani lokho na?”

45 Ngathi, “Noma yini encengelana nabafileyo; ukudlelana kwabangcwele, uyabo.”

Yayisithi, “Awu, ukhuleka kuKristu, futhi Wafa.”

Ngathi, “Kodwa, Wabuye wavuka, uyabo.”

46 Ngakho, leyo yinto enhle esiyaziyo, Wabuye wavuka. Asinakho ukubonga na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

47 Asikhothamisi amakhanda ethu futhi siMbonge ngoba Wavuka ethuneni ngenxa yokulungisiswa kwethu.

48 Baba waseZulwini, sinokubonga kulokhu ukusa ngoJesu; nanamuhla, esikhumbuzweni sokuvuka kwaKhe okukhulu, ngalokho kusa komkhosi kakhisimuzi ngenkathi Evuka kwabafileyo, unqoba phezu kokufa, isihogo, nethuna. Ngenkathi Esesemhlabeni, Wakhombisa ukuthi Wayenqobe phezu kokugula, izifo, na—nazo zonke izinhlobo zamademoni namandla. Kwase kuthi-ke ukufa kwaMqamekela, esikhulu nesokugcina isitha. Futhi ekuseni ngePhasika Wafakazisa ukuthi WayenguNkulunkulu. Wavuka ngisho kusukela

nasesitheni sokugcina, sasingenakuMbamba. Ithuna laMdedela; isihogo sasifanele siMveze; iZulu laMemukela.

⁴⁹ O Nkulunkulu, kwangathi izinhliziyzo zethu zingaMemukela namhlanje, emandleni kaMoya oNgcwele, ukuze sibe yiziphathimandla zaKhe, izibonelo zaKhe—zaKhe, zezinceku zaKhe lapha emhlabeni, njengoba sigogobala. Siphe khona.

⁵⁰ Busisa wonke olapha. Nkulunkulu, lababantu abangamagugu abamile, abanye babo kade beminyene phakathi lapha selokhu kube sekuseni. Ngiyakhuleka, Baba waseZulwini, ukuthi Uzothulula “ngokukhulu ngokweqile phezu kwakho konke ebesingakwenza noma sikucabange,” phezu kwabo namhlanje, futhi ubaphe izifiso ezijulile zenhliziyzo yabo. Lokho wonke umuntu akuzelayo, kulokhu ukusa, kwangathi bangabuyela emuva, benelisekile. Wathi Awuyikuxoshamuntu, kodwa Uyomgcwalisa ngezinto ezinhle, futhi ummukise ethokoza. Siphe khona, Nkosi.

⁵¹ Kwangathi ukuba namandla onke kwaKho, kwangathi uMoya oNgcwele waKho, emandleni okuvuka, ungasebenzana kakhulu ngamunye wethu kuze kuthi amathemba ethu azokwakhelwa phezu kwayilutho olungaphansi kweGazi likaJesu nokulunga. Siphe khona, Baba.

Busisa amaZwi manje esiwafundayo.

⁵² SiyaKubonga ngalowomlayezo onesithunzi kulokhu ukusa, njengoba siza kuse eli ebandleni. NokuKubona uthatha umfowethu wakithi, noguquko olungaka kuye ngemizuzwana embalwa, futhi wethula umlayezo kulesisizukulwane esifayo sabantu esiyinxenye yaso manje, siKubonga kanjani ngalokho, Nkosi! O Nkulunkulu, izinhliziyzo zethu zithuthumela ngokujabula njengoba sicabanga ngalezozinto. Manje, mgcine egcotshiwe, Nkosi, kwehle njalo ngezinsuku olumhlalele, Nkosi.

⁵³ Futhi busisa lelibandla elincane. Futhi ngisize, Nkosi, njengoba ngihamba ukuletha uMlayezo kwabany’abantu. Futhi kwangathi thina, sindawonye, njengomuntu oyedwa, umndeni owodwa, singanamathelana ndawonye, futhi sikhuleke ndawonye, futhi sihlale ndawonye ngobunye obungcwele bukaMoya oNgcwele uJesu aze asemukele eMbusweni. Ngokuba sikucela eGameni laKhe nangenkazimulo yaKhe. Amen.

⁵⁴ [UMfowethu Neville uthi, “Mfowethu Branham, ngingaba nesikhathi sokukuphazamisa na?”—Umhl.] Impela ungaba naso, mfowethu. [“Njengophawu lokuthokozela kwethu nango—ngomsebenzi wensizwa phakathi kwethu, sethula lesisithombe kuwe, Mfowethu Branham, nokuzwakalisa okugcwele kothando lwethu nokuthokozela.”] Ngiyabonga, Mfowethu Neville, netabernakele. [“Insizwa nguJerry Steffy, odwebe lesosithombe.”]

⁵⁵ UMfowethu Jerry Steffy udwebe lesosithombe. UNkulunkulu ambusise lowomfana. Lesosihle kakhulu,

Jerry, uma ukhona kulokhu ukusa. Kubi kabi, ngifisa sengathi bengingaba nesu ukuba ngidedele lowomfana aye esikoleni abe yingcweti yemifanekiso. Ngikholwa ukuthi uNkulunkulu usebungcwetini bemifanekiso. Anikholwa kanjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] UNkulunkulu ukumnyuziki. UNkulunkulu usebungcwetini bemifanekiso. UNkulunkulu ukulokhu. Futhi kubi kabi ukubona ithalente, elinjalo, lingenakuthuthukiswa. Okuningi kakhulu akwenzayo, ubeyoba nokuthuthuka okuningi kakhulu. Futhi ngi—ngikhulekela ukuthi uNkulunkulu uzokubusisa, Jerry.

⁵⁶ Futhi ngiyabonga, Mfowethu Neville, nakulelibandla, ngalesisithombe esihle nangevesi elihamba phansi kwaso. Ngizolifunda kamuvanyana. [UMfowethu Neville uthi, “Uyafuna ngilifunde?”—Umhl.] Kulungile, mnumzane. UMfowethu Neville uzolifunda ivesi. Ngithe ukuba nomqondo wokuthi linjani. . . [UMfowethu Neville ufunda ukuthi *Udumo KoFanele Udumo.*]

Akasuye umuntu omude ngesidumbu,
Akaphakeme endleleni yakhe,
Akazibongi yena
Lapho ehamba usuku nosuku.

Akanasifiso sengcebo nadumo,
Kodwa namunye obengagewalisa indawo
yakhe;
Uyindlela nje esimfuna ngayo,
Owethu uqobo uMfowethu Bill othandekayo.

Usifundisa ngokwethembeka
IZwi elingaxutshiwe,
Akukho'zindlela ezifekethisiwe,
akukho'thando lokudunyiswa,
Ukulandela iNkosi nje.

Inkulumo yakhe iphansi futhi immene,
Akaliphakamisi iphimbo lakhe,
Ngaphandle kokumemeza amelane
nokungalungile,
Bese kuthi-ke akanakukhetha.

Akazange akuthole ukufunda okuninginingi
Emakholiji nesikole,
Kodwa uyakwazi okusemqoka
Futhi uyaqiniseka ukuthi akasiwula-samuntu.

Ngokuba ulwazi anikwa lona
LuPhakade luvela phezulu,
Akanasivumokholo, ngaphandle kukaKristu
wethu,
Akukho-mthetho kodwa uThando loBukhosi.

Kwakungekho-kumenyezelwa okukhulu
 Kokwakhe okuthobile, ukuzalwa okuphansi,
 Kodwa kithi ungumuntu omkhulu kunabo
 bonke

Ophila phezu komhlaba.

Sikubala ngokuthi kungaphezu kwenhlanhla
 Ukumazi njengomngani,
 Siyakwazisa konke akumelayo,
 Futhi siyokwazisa kuze kube sekupheleni
 ngqo.

Uthi akasuye umshumayeli,
 Ungozithoba ngakho konke,
 Kodwa mfake epulpiti
 Futhi akul'khuni ukubona.

Waziwa phakade ukuba abe ngumprofethi,
 Abantu mabakubize ngabakuthandayo,
 UNkulunkulu usiphe umusa omkhulu
 Ngenkathi Esipha uMfowethu Bill.

[“Kusayine, ‘Umhlambi omncane.’”]

⁵⁷ Ngiyabonga, Mfowethu Neville. Ngiyabonga ngemicabango yakho. Ubani oqambe lelo na? [UMfowethu Neville uthi, “Ngicabanga ukuthi unina okwenzile.”—Umhl.] Lokho ku . . .

⁵⁸ Angifanelwe yilezozinto, zokusho lokho, kodwa lokho kungaphezulu kimi kunayo yonke imali ezweni. Niyabo? Cabangani nje, umuntu ekwazisa njengenceku yaKhe, niyabo, njenge—njengenceku kaNkulunkulu. Kwangathi ngingaphila ngokwethembeka njalonjalo kulokho, ngumkhuleko wami. UNkulunkulu akubusise njalonjalo. Imicabango yami iyohlala njalo ingawe. Futhi ngikuthanda ngokuzwakalisa, nami.

⁵⁹ Manje, o, sinezinto eziningi kakhulu nje, besingathatha nje usuku olugcwele futhi besingeke neze sehlela eZwini, niyabo, izinto eziningi kakhulu ezinhle.

⁶⁰ Ngino—nombono ovela eNkosini ebengizosho into ethize ngawo, no—nomunye ube phuphe iphupho, ukuthi, o, engicabange ukuthi beliqhame kakhulu, ngokuFika kweNkosi. Futhi ngi . . .

⁶¹ URebekah omncane, indodakazi yami emuva lapho. Ngi . . . Ngisho noma ngithe ukuhlelisa ngaye kancane esikhashaneni esedlule. Uyaphuma, esinye salezo ezinkulu uhlobo lwezi—zigqoko esifakile. Futhi ngithe, “Manje, s’thandwa, sibukeka njengesidleke senyoni,” ngithe, “izinti zonke kuso, nayoyonke into, kanjalo.” Ngathi, “Hamba, usikhumule.”

⁶² Kwase-ke, kwase-ke wabuyela kimi. Emizuzwini embalwa uyabuya; niyazi, indlela abuyele ngayo kimi, bekungukubuyela emuva. Ungena nelikhulukazi ibhuku lasephaketheni, eliphethe. Ngathi, “Ngabe ivelephi leyonto na?”

⁶³ Uthe, “Babayi,” uthi, “Ngingezinyawo ezinkulu, ngakho ngiqagele ngizovele nje ngithathe iphakethe elikhulu ukuba kufanelane.” Ngakho, o, lezi!

⁶⁴ Kodwa uthe ubephuphe kabili ukuthi yena nami sigibele imoto, nami ngimtshela ngokuqhamuka kweNkosi osekusondele; iphupho elifanayo, okwesibili. Ngilinde okwesithathu; mhlawumbe iNkosi, ngaleyonkathi, izonginika ukuthi lichazani.

⁶⁵ Manje, ziningi kakhulu izinto okufanele zishiwo, kodwa asehlele ngqo eZwini manje.

⁶⁶ Wonk’umuntu uzizwa ekahle, ngiyethemba. [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Futhi uma ningenjalo, ngikhulekela ukuthi uNkulunkulu uzonenza nizizwe nikahle ngaphambi kokuba lenkonzo iphele, ukuthi akuzukubakhona-muntu obuthakathaka phakathi kwethu kulokhu ukusa, nxa lenkonzo isiphelile.

⁶⁷ Manje, sifanele sikhumbule ukuthi uKristu wafela abangamesabi uNkulunkulu, nalowo kwakuyithi. Niyabo? Lowo yithi. Futhi Wafela thina, ukuze Asisindise.

⁶⁸ Manje, nizwa macala onke, kahle na? Emuva le ngemuva, nizwa kahle emuva lapho na? Ngabe kuyangena emuva lapho na? Okeyi. Kulungile.

⁶⁹ Manje ngifuna ukufunda amanye eZwi laKhe. Kuqala, asiphenye manje eNcwadini kaJoweli, futhi ngifuna ukufunda ivesi 1, 1 kuya evesini 4. Bese kuba-ke ese 2, kuya kwese...isahluko 2 nevesi 25. NoGenesisi 20:7. Manje, ngiyakuthokozela...

⁷⁰ Manje, uma nikhathala futhi nifuna ukuphuma, qhubekani. Niyabo? Kodwa, lona kuzoba nguMlayezo wami wokugcina eBandleni, ngokuba, lengxenyeye yeBandla, okwesikhathi esithize. Futhi sibheke inkonzo yokuphilisa kulokhu ukusa. Futhi ngi—ngifuna loMlayezo, uma uNkulunkulu ezoWubusisa, ukuba—ukuba uzike ujule ezinhliziyweni zethu, ngakho sizothola incazelo yalokho Okuchazayo.

⁷¹ Manje, silapha ukuzwakalisa, uku—ukusho izinto esizikholwayo, futhi sikufakazise ngomBhalo, ukuthi umBhalo usho njalo; bese kuthi-ke kwangathi uNkulunkulu angajika bese ekufakazisa, ukuthi kuqinisile, kulungile, akwenze kube yikho ngempela. Njenganoma yikuphi nje...

⁷² Wena uthi, “Lena yimbewu kajikanelanga.” Itshale bese ubona ukuthi iyini. Manje-ke, ikhula ingujikanelanga, lokho kuyakuxazulula. Yayingujikanelanga. Niyabo? Yilokho kuphela.

⁷³ Manje, futhi uma abanye babo beshintsha izihlalo, njalo kanye ngankathi; omunye ahlale phansi, abanye basukume futhi

balinde isikhashanyana. Futhi nje ngizofishanisa ngakho konke engingakwenza.

⁷⁴ Manje, khumbulani, ningikhulekele. Futhi nje nethembeke ebandleni manje; nihlale khona lapha ebandleni, noMfowethu Neville. Futhi nina bantu ovakashayo, awu, manje, nibuye ngqo.

⁷⁵ Futhi manje ngikulemihlangano, ngiya kuyo ngingenakho ukubizwa ngokuyikho du. Kodwa, ngingeke nje ngacambalala ngapha; izwe liyafa. Niyabo? NoPawulu wake waba nalesosehlakalo. Futhi wayehlela kwelinye izwe, wayeseba—ke nobizo lwaseMakedoniya, esemgwaqeni. Manje, uNkulunkulu ubenganikeza ubizo lwaseMakedoniya, noma nini. Ngikhansela noma yini, nxa uNkulunkulu enikeza ubizo.

⁷⁶ Ngenza nje okuhle okwedlula konke engingakwenza, ngiya ku *lelikhona*, ngihlwanyela izimbewu; *nangapha*, ngihlwanyele izimbewu ezimbalwa; *nangapha*, ngiphose, ngihlwanyele izimbewu ezimbalwa. Ngiyazi, izinyoni zezulu zibutha eziningi zazo; nezinye zazo iyaminyana, kanjalonjalo. Kodwa kungahle kube nezimbalwa, phakathi lapho, ezimilayo, futhi, niyazi, emhlabathini omuhle. Ngakho nje asihlwanyele imbewu, iyonanto enkulu.

⁷⁷ Ukufunda okuyinqaba impela, oko—komlayezo wePhasika, uJoweli, isahluko 1.

Izwi leNkosi elafika kuJoweli indodana kaPhethuweli.

Yizwani lokhu, nina-badala, nibeke indlebe nina, . . . enihlezi ezweni. Kwake kwabakhona lokhu emihleni yenu, noma ngisho emihlenu yawoyihlo?

Kutsheleni abantwana benu, nabantwana benu batshele abantwana babo, nabantwana babo bazise esinye isizukulwane.

Okushiywe yisibotho kudliwe yisikhonyane; nokushiywe yisikhonyane kudliwe yizinkumbi; nokushiywe yizinkumbi kudliwe yinkasa.

⁷⁸ Manje ivesi 25 lesahluko 2.

Ngiyakubuyisela kini iminyaka eyadliwa yisikhonyane, izinkumbi, nenkasa, nesibotho, eyami. . . nesibotho, impi yami enkulu engayithuma phakathi kwenu.

Niyakudla nokudla, nisuthe, nilidumise igama leNkosi uNkulunkulu wenu, oniphathe ngokumangalisayo: abantu bami abayikujabha kuze kube-phakade.

⁷⁹ KuGenesisi, ele 20, uGenesisi. Isahluko 20 sikaGenesisi, nevesi 7. Ngifuna ukufunda lokhu, ukulandela i . . . okwengqikithi yalendikimba engi—ngilungiselela ukuyithatha. Ngizoqala ngevesi 6, ukuthola isendlalelo kulokhu.

Wayesethi uNkulunkulu kuye ephusheni, Ya, nami ngiyazi ukuthi ukwenze lokhu ngobuqotho benhliziyo yakho; futhi nga—futhi ngakuvimba ukuba ungoni kimi: ngalokho angikuvumelanga ukuba umthinte.

Kepha manje wena buyisa umfazi wendoda; ngokuba ingumprofethi, iyakukukhulekela, ukuba uphile; uma ungambuyiseli, yazi ukuthi uyakufa nokufa, wena, nabo bonke abakho.

⁸⁰ Manje, ngidonsa kulokhu indikimba, noma kulokhu ukufundwa komBhalo, isiphetho sendikimba, ethiwa, “buyisela.”

⁸¹ Manje, emva kokuba uMfowethu Neville eshumayelile kulokhu ukusa, lowomlayezo oqhamile, entweni yokugcina ayishilo emicabangweni yakhe yokugcina, kube ngukuthi, “Ukubuyiselwa.” Futhi ngakho lokho kunginika umqondo, khona lapho, uku “buyisela.”

⁸² Manje, ngiphuthume ekhaya ngase ngithola isichazamazwi sami, kanjalonjalo, namanye amanothi omBhalo, futhi ngiqala ukukopisha ezinye izinto phansi. Kwase kuthi-ke ngathola isichazamazwi sikaWebster, ukuthola incazo eyiyo yokubuyisela. Ukubuyisela, kuchaza, “ukubuyisela kumninikho wasekuqaleni, noma ukubuyisa kuye emumweni wasekuqaleni wesimo.” Futhi singaphoqelela imfuno, ukuba ibuyiselwe.

⁸³ Manje, yilokho uWebster akushoyo igama *buyisela* elikuchazayo, “Ukukubuyisa kumninikho wasekuqaleni, noma ukukubuyisa esimweni sasekuqaleni sesimo.” Futhi uma imfuno yenziwa phezu kwento ethize, ukwenza lokho kubuyiselwa, ungayiphoqelela, ukuyenza ibuyele endaweni yayo efanele.

Futhi kwangathi uNkulunkulu angabusisa amazwi abuthakathaka manje.

⁸⁴ Ukubuyisela, kuchaza, “ukubuyisa.” Noma, ukubuyisela, i—imfuno ingaphoqelelwa, manje, ukubuyisa noma yini iye kumniniyo wangokomthetho, lapho engeyakhona. Ngakho-ke, ngandlela-thize, yasuka kumniniyo wangokomthetho, futhi ingazulazula ngakunoma yikuphi. Kodwa, ukubuyisela, ngukukubuyisa kukho kokungokwakhe ngempela, noma ukukubuyisa emumweni wakho wemvelo lapho okwakukhona esikhathini sokuqala, ukubuyise kuye esimweni sakho sokwemvelo. Futhi ukuze senze lokhu, sinelungelo lokuphoqelela, uma kunomthetho, ukuphoqelela lesisimo sangokomthetho sokubuyiselwa, ukubuyisela.

⁸⁵ Njengokuthi uma omunye weba enye impahla, futhi bayithumbile impahla. Khona-ke ungathatha umthetho bese uya kulomuntu, nomthetho uyaphoqa, uphoqelela lomuntu ukuba abuyisele lempahla ibuyele kumniniyo wangokwemvelo, ingene emumweni wayo wokuqala obhekene nayo.

⁸⁶ Ukuphoqelela! O, indikimba enje pho! Bengingathanda kanjani ukuba nezinsuku ezimbili kulokho, uphoqelele!

⁸⁷ Manje, uMfowethu Neville usishumayebele. Ngizoxoxa kini nje, ngifundise isifundo sikaSonto sikole ukuze kuzo—kuzokuthola ukuba kuqhubeke, ngiyethemba, ngalokho abenakho.

⁸⁸ Phoqelela! Manje-ke, siyi...sinelungelo lokuphoqelela, phezu kukaSathane, izimfuno uNkulunkulu asipha zona. Ngokuba, uNkulunkulu unomthetho, neZwi laKhe lingumthetho, noNkulunkulu kuleliZwi wenza izimfuno ezithize eBandleni. Ngakho-ke, sinelungelo lokuphoqa lezimfuno phezu kukaSathane, futhi sithi, “Kubuyise,” futhi uzofanele akwenze. Ngoba, singathatha uMsebenzeli kaNkulunkulu, uMoya oNgcwele, siguqe phansi ngqo ngamadolo ethu, futhi sithi, “Ngu ISHO KANJE INKOSI.” Uzofanele akudedele, yilokho kuphela, ngoba uMoya oNgcwele ulapho ukumenza akwenze.

Umthetho wezwe ngukuphoqelela. Kungezwe, kwenzelwa izwe.

⁸⁹ Kodwa umthetho woMoya kaNkulunkulu ngukuphoqa uSathane ukuba adedele lokho athe ngokungemthetho, ngenkohliso wakuthatha kuNkulunkulu. Imiphefumulo yabesilisa, wayithatha kuNkulunkulu; imiphefumulo yabesifazane, abantwana. Ukugula komzimba, wakubeka phezu kwabantu. Lapho, uNkulunkulu wabenza ngomfanekiso waKhe, ukuba bafane naYe, neBandla linikwa amalungelo omthetho angokomthetho, ngeBhayibheli, ukuthatha uMoya oNgcwele bese uphoqelela lokhu phezu kwabo.

⁹⁰ Ngikholwa ukuthi ngisanda kukucaphuna nje, umhlangano wokugcina lapha. Anginasiqiniseko. Kodwa umfowethu wafika eLouisville, evela ezansi eGeorgia, futhi washiya imoto yakhe ibekwe laphaya, nomunye wayeba. Futhi wayezingubo zakhe, izingubo zomkakhe, izingubo zabantwana bakhe. KwakunguMfowethu Evans lapha. Ngokuvamile babalapha. Bashayela amamayela angamakhulu ayishumi nanhlanu, nsuku zonke, nxa sinenkonzolo lapha, bangene lapha, ukuba babe nenkonzo. Nomfo bandla wayelapha engasenalutho, namamayela angamakhulu ayisikhombisa nento ukusuka ekhaya. Futhi wayengazi ukuthi uzokwenzenjani.

⁹¹ Wakwedlulisela emaphoyiseni. Kodwa babenomsindo omkhulu eLouisville; babeba izimoto, futhi bezipenda. Futhi unga...awudingi ukuba ube nobunikazi, lapho, ukuyithengisa. Futhi bangakwenzela ubunikazi, ngemizuzu embalwa, kunoma yiyiphi inombolo obungafuna ukuyibeka kuyo. Futhi ngakho babenesikhathi esibi kakhulu.

⁹² Ngakho saguqa phansi ngamadolo ethu. Niyabo? Manje, uJesu wayengeke adingeke ukuba enze lokho, ngokuba

WayeyiZwi. Manje, asisilo iZwi. “IZwi leNkosi leza kubaprofethi.” Babengesilo iZwi, kodwa iZwi liza kubo. Kodwa uJesu wayeyiZwi. Niyabo? Akadingekanga ukuba akhuleke. WayenguNkulunkulu, qobo lwaKhe. Niyabo? Kodwa singa—singabaprofethi baKhe, izinceku zaKhe, iZwi leNkosi eliza kubo. Manje-ke, umprofethi uqinisekiswa ngokuthi, noma ngabe yiZwi leNkosi noma qha, ngalokho akushoyo kufezeka.

⁹³ Ngakho manje-ke sasinomBhalo lapha, ukuthi uJesu wathi, “Nomaphi lapho kubuthene khona ababili noma ngaphezulu ngeGama laMi, futhi uma beyovumelana, Ngiyakuba phakathi kwabo. Futhi uma beyovumelana ekuthinteni noma yiyiphi into eyodwa ethize futhi bayicele, bangayingabazi, bayoba nakho abakucelile. Bayophiwa khona.”

⁹⁴ Manje, nanko u—nanko umthetho. Manje, Lo olapha ukuphoqelela lowomthetho nguMoya oNgcwele. Kukanjani ngabantu abangakholelwa kuMoya oNgcwele, abebengaMenqaba na? Niyabo? Nqa-...Nenqaba ukuthula kwenu uqobo nesihawu. Niyabo?

⁹⁵ Manje, saguqa ngamadolo ethu, cishe amadoda amahlanu, noMfowethu Fred Sothmann na—nabaningi babanye wayelapho, amadoda amane noma amahlanu. Futhi saguqa phansi, futhi ngazincengela ngaloludaba phambi kukaNkulunkulu. Futhi ngase-ke ngithatha iZwi, noma isithembiso, ngase ngiLithumela. UMoya oNgcwele omkhulu, lapho Uthatha iZwi, ukufaka amasamaniso, umbono wavela ngase ngibona indoda iya ngaseBowling Green, eKentucky, ifake iyembe elimpofu, ishayela itrakhi yakhe. UMoya oNgcwele ufika phezu kwayo, wayilahla ngecala, yase ijika, cishe uhhafu wendlela. Ngayibona ibuya yase ipaka leyomoto estradini esithize, ngale ngaphesheya komfula lapha. Ngasukuma ngase ngitshela abazalwane, “ISHO KANJE INKOSI.”

⁹⁶ Futhi ngenkathi beqala bephuma, baqhubeka ngomgwaqo. Futhi yayilapho imoto ihlezi lapho, i emthi uhhafu ngopetroli, lapho i—ithangwe li emthi uhhafu, lapho lalikade ligcwaliswe khona, nje wenele, ukuyithatha uhhafu wendlela ukuya eBowling Green nokuyibuyisa. Manje, lawomadoda ahlezi khona lapha kulokhu ukusa, njengofakazi.

⁹⁷ Kuyini na? Ukuphoqelela. “Ibuyise.” Niyabo? Yilokho-ke. Kukhuluma ngalokho-ke. “Ibuyisele. Ibuyise kumniniyo wangempela.”

⁹⁸ Futhi uma uSathane ekuphange ilungelo lokuba yindodana noma indodakazi kaNkulunkulu, sinelungelo kulokhu ukusa, ngoMoya oNgcwele, ukuphoqelela imfuno kaNkulunkulu. “Zibuyise.”

⁹⁹ Uma ekuhluphile, futhi wakugulisa, sinelungelo phambi kukaNkulunkulu ukuphoqelela imithetho kaNkulunkulu. “Ngemivimbo yaYo siphilisiwe thina” Amen. “Mbuyise.

Mdedele. Umkhiphela ngaleya, ngokufa, futhi siyamfuna. Mbuyise manje.”

¹⁰⁰ Lokho ngukuphoqelela; kubuyisele kubuyele esimweni sakho sangokwemvelo futhi. Owesilisa uyagula; ingane iyagula; owesifazane uyagula. Niyabo? Baphumile esimweni sabo sangokwemvelo. Khona-ke sinelungelo ukuphoqelela imfuno yethu. Hhayi imfuno *yethu*. Yimfuno yethu ngoba uNkulunkulu usipha yona. “Ngemivimbo yaYo siphilisiwe thina. Yalinyazwa ngenxa yesiphambeko sethu. Ngemivimbo yaYo siphilisiwe thina.” Manje sinelungelo ukuphoqelela lowomthetho. No—noMnikezeli-Mthetho, uMoya oNgcwele, qobo lwaWo, ulapha, uMsebenzeli kaNkulunkulu, ukubona ukuthi kwenziwa ngaleyondlela. Amen.

¹⁰¹ Manje, indlela kuphela Angasebenza ngayo, kungenkathi uMdedela asebenze. Niyabo? Ufanele ukukholwe. Kunomthetho. O, uma ngike ngize ngifinyelele endikimbeni yami. Kunomthetho. Kunomthetho onikezwa phakathi kwayo yonke into.

¹⁰² Niyazi, inhlanzi inomthetho. Naleyonhlanzi ingasukuma lapha emanzini, futhi inomthetho phakathi kwayo. Uma nje izodedela okwalowomthetho okukuyo, ingazika iyothi ngqu ezinzulwini zolwandle. Ngeke kuyikhathaze nakancu. Ngeke kwephule nelilodwa ingqamuzana. Zama ukukwenza. Lowomthetho awukho kuwe. Ungeke wakwenza, kodwa inhlanzi ingakwenza. Izibohlisa yona ngalowomoya, ngangokuthi ingeke, akukho lutho kuyo ukuba iqhume isakazeke. Futhi yenziwe ngaleyondlela. Iyayazi. Futhi ingaphoqelela lowomthetho, ukuba uyithathe iyothi ngqu ezinzulwini zolwandle, bese kuthi-ke uyiphakamise ibuye futhi. O!

¹⁰³ Kwakunomthetho kuKristu. Lowomthetho ukubantu. Ungammabela ethuneni elijule ukwedlula konke, noma olwandle olujule kunakho konke, noma i—isihogo esiphansi kunakho konke. Kunomthetho, kaMoya kaNkulunkulu, oyobuye umvuse. Niyabo?

¹⁰⁴ Inyoni inomthetho. Manje, umzimba wayo ungophathekayo. Ibanjwe ngumhlaba, ihlala emhlabeni lapha. Kodwa inomthetho phakathi kwayo, lokho, indlela eyendlala ngayo amaphiko ayo, ingandiza ithi ngqu ize iyosithela. Lokho kuphikisana nesayense. Basho ukuthi i—ibanjwa ngumhlaba; amandla okudonsela emhlabeni azofanele ayibambe lapha. Kodwa ingawashaya indiva amandla okudonsela emhlabeni, iziphakamisa yona isuke kuwo bese iphuma iqonde ngqo, ngoba izofanele ibeke lowomthetho okuyo ukuba usebenze. Futhi yakhelwe ukuba ibe nalowomthetho.

¹⁰⁵ Manje ngiqala ukuzizwa nginokholo. Manje, sinomthetho, umthetho wokuPhila kithi. Asi...Into kuphela ozofanele

uyenze...Wenziwa, futhi uzalwe, futhi ubekwe lapha eMzimbeni kaKristu, njengamadodana namadodakazi kaNkulunkulu. Awudingi ukuba uzinikele kuDeveli. Sinomthetho. Lowo ngumthetho kaMoya oNgcwele. Into kuphela oyaziyo...ozofanele uyenze, ngukwazi ukuthi kudedelwa kanjani bese uvumela uNkulunkulu. Uqhubeke nokulwa nakho, uyabo, futhi akusoze neze kwasebenza. Nxa, udedela bese uvumela uNkulunkulu, yilokho kuphela. Niyabo?

¹⁰⁶ Uma inhlanzi ithe, “Awulinde, ngizobamba ukuphefumula kwami kahle ngempela. Ngizophefumula umoyampilo omncane kimi, futhi ngizobona ukuthi ngingehla yini.” Qhabo. Yenza lokho, iyohuma isakazeke. Niyabo?

¹⁰⁷ Inyoni ithi, “Ngizobona ukuthi ngingashesha kanjani ngigijime ngehlele lapha, futhi mhlawumbe ngizondiza.” Qhabo. Ingeke ikwenze. Izowela phansi. Niyabo? Izofanele yazi ukuthi kulawulwa kanjani, ukuthi lowomthetho ungayilawula kanjani.

¹⁰⁸ Nendlela efanayo okungayo ngathi. Akusikho ukuthi silwa nani, futhi sidonse, futhi—futhi sijahe, futhi—futhi, “O, uma ngingakutholi *lokhu*, uma ngingakutholi *lokho*.” Lokho akusikho. Kungukwazi ukuthi umthetho wokuPhila ukuwe, futhi uvele nje udedele bese uvumela uNkulunkulu. Bese-ke Ekuyisa ekuphilisweni kwakho, akuyise embhaphathizweni kaMoya, kumbe noma yini Ayethembisile. Noma yiyiphi imfuno Ayinikezile ingeyakho, nangokudedela bese uvumela uNkulunkulu. Manje, uma u . . .

¹⁰⁹ Uma isikhulu besizo—sizothatha umfo oweba impahla yakho, besizomyisa enkantolo, bese ulokhu usidonsela emuva, “Awu, angazi nje noma ngabe sifanele sikwenze lokhu noma qha,” asisoze samfikisa lapho. Sidedele nje.

¹¹⁰ Yileyondlela owenza ngayo. Dedela uSathane nje ahambe, zonke izingabazo nayo yonke into ibaleke engqondweni yakho, khona-ke uNkulunkulu uzokuvusa. Kuhle.

¹¹¹ Manje, yisikhathi sePhasika. O, ngiyalithanda iPhasika. Yebo, mnumzane. Kodwa kunokuningi kakhulu ngePhasika, namhlanje, mayelana nonogwaja abafuywayo, namadada, nezinkukhu eziphinki, nezigqoko ezibukekayo, nezingubo ezintsha; nalokho akusilo iPhasika. IPhasika ngukuvuka, ukubuyisela, ukubuyisela emuva. Liyisikhathi sokubuyisela sikaNkulunkulu. Ubuka phandle phezu komhlaba; uNkulunkulu uyabuyisela. Ubuyisela ini na? Imvelo. Kunjalo. Ubuyisela amaflawa. Ubuyisela amaqabunga. Ubuyisela izithelo zensimu. Kuyini na? UNkulunkulu uyabuyisela. YiPhasika; kuchaza ukuthi “kubuyise.”

¹¹² Kuyini na? Bekunomu—musho, imfuno. Izimfuno zePhasika, noma izimfuno za—za—zamaflawa, linelungelo lokuvuka futhi. Niyabo? Nomthetho kaNkulunkulu wemvelo udonsa umhlaba uzungeze bese wenza lowomthetho kaNkulunkulu,

emvelweni, uveze iPhasika, ukuvuka. Kungokuhle. Ukubuya kwelanga, ukubuyisela okubulawe ngubusika, ngenkathi lisasuke emhlabeni. UNkulunkulu uthumela umhlaba ubuye uzungeze ilanga, njengoba sitshelwa, ukusuka emuva le *lapha*.

113 Umhlaba, umhlaba wasuka elangeni, wabuyela emuva ngaphandle *lapha*. Yileyondlela isoni esenza ngayo, siyasuka eN-d-o-d-a-n-e-n-i [S-o-n—English—Umhl.] Awu, leli yil-a-n-g-a [s-u-n—English] Kodwa nxa lomhlaba usuqala ukubuya. . . Futhi nxa uphandle lapho, ukufa kuyawushaya, ubusika. Bubulala yonke into ephilayo obungayibulala, phandle phakathi *lapha*.

114 Futhi, manje, uma umhlaba usubuya uzungeza. Izimbewu ilele emhlabathini. Ziyiqhwa. Ubindiza luphumile kuzo. I. . . Futhi yonk'into ayisekho; kodwa kunokuphila okuncane okulondolozwe. Futhi lithi nje ilanga lingabuyela endaweni eyiyonayona nomhlaba futhi, khona-ke kukhona iPhasika, ukubuyiselwa. Kumila amaflawa futhi. Kumila yonk'into. Konke lokho okubulawe ngubusika, ilanga liyakubuyisela. Konke lokho ukufa kwasebusika okukubulalayo, ilanga lokuphila liyakubuyisela.

115 Futhi kukanjalo manje ngabantu. Konke lokho ukubanda kobusika kokubanda, inkolo ngegama eyakubulala phandle lapho, ukusondela kweNdodana kaNkulunkulu ngalezizinsuku zokugcina, iza eBandleni laYo, iLibuyisela libuyele ekuPhileni futhi. “Ngiyakubuyisela, isho iNkosi.” Niyabo? UNkulunkulu ubuyisela amaflawa aKhe, amaqabunga aKhe, imvelo yaKhe, imbewu yaKhe yomhlaba, futhi ngakho-ke siyazi, ke, ukuthi uNkulunkulu uyobuyisela futhi indawo yaKhe yokuhlala. Uyobuyisela iEdene laKhe. Uyobuyisela yonk'into ukufa okwayibulala. Kunjalo. Manje, indlela kuphela okungaze kulokhu kuhlezi kufile, ngukukuyeka kulale endaweni engafanele. Kodwa uma kuwela endaweni efanele, kuzofanele kubuyele ekuPhileni futhi. Ngakho, Nkulunkulu, asiwele emgudwini ofanele, kunjalo, senzele ukubuyiselwa.

116 Konke lokho okubulawa ngubusika, khona-ke ilanga liyakubuyisela. Ukubuya kwelanga, lenzani na? Liyaphoqa. Lalelani. Liphoqa ukufa. Nxa ilanga, ilanga lasentwasahlobo libuyela emgqeni womhlaba futhi, eqinisweni liphoqa ukufa ukuba kudedele abafuleyo bakho, ekuvukeni, kwenzelwe (ini?) ukubuyiselwa, u “kubuyisela futhi.” Kwenzani na? Ilanga, liza. Lowo ngumthetho kaNkulunkulu.

117 UNkulunkulu wabeka umhlaba emthethweni, umthetho wamandla okudonsela emhlabeni. Yonk'into emvelweni isebenza ngokomthetho kaNkulunkulu. Neflawa lasebenza isigaba salo. Imbewu yasebenza isigaba sayo; yafa emhlabeni. Bese kuthi-ke kukhona ukubuyiselwa.

118 Futhi manje ilele lapho, ifile. Akukho-nto... Besingathatha esinye salezi lapha amalambu *kanje*, bese silikhanyisa kuyo, futhi belingasoze lasiza ngalutho. Akukho-ndlela kithi ukuba sikwenze. Kodwa uNkulunkulu unomthetho, ukuthi nxa lelolanga liza embewini, liphoba lokho kuphila kuphume embewini. Ukufa ngeke kusakubamba.

119 UNkulunkulu ubeke yonke eyemithetho yaKhe ukuba iMkhonze, yomibili yokwemvelo neyokomoya, isebenza ngokweZwi laKhe, kungakhathaleki ngezimo. Ngiyakuthanda lokho. BenginomBhalo lapha ngalokho. Yebo, mnumzane. UNkulunkulu ubeka yonke eyemithetho yaKhe emnyakazweni. Kucabangani. Akuzike manje, ngoba siza enkonzweni yokuphilisa emizuzwini embalwa. Niyabo? UNkulunkulu ubeka yonke eyemithetho yaKhe emnyakazweni, ukuthi ufanele usebenze ngokweZwi laKhe uQobo. Niyakuthola na? Niyabo? IZwi laKhe! Imithetho yaKhe uzofanele usebenze ngokweZwi laKhe. Wayala ilanga. Wayala inyanga. Wayala umhlaba. Wayala imvelo. Futhi konke kuwela ngqo emgqeni, nayo yonke imithetho isebenza ngokuzwana neZwi likaNkulunkulu elikhulunyawe. Nomthetho wokuPhila okithi uyosiletha futhi ekuvukeni. Uzofanele. Akunakwenzeka ukuba ungasilethi.

120 Yingalesosizathu, umthetho wokuPhila owawukuKristu. Ngenkathi iZwi likhulunywa, futhi lathi, “Angiyikuvuma ukuba ONgwele waMi abone ukubola, aNgiyikushiya umphefumulo waKhe ehayidese,” kwakungekho-sikhathi esenele, kwakungekho-mademoni enele, kwakungekho noma yini eyenele, ukugcina uKristu ekulelothuna kuze kuthi (Yena) umzimba waKhe uqale ukubola, ngoba umthetho kaNkulunkulu wawuzofezekisa iZwi. Nomthetho kaNkulunkulu, ngoMoya oNgwele, ufezekisa noma yisiphi isithembiso (niyakuthola na?), kungakhathaleki ngezimo.

121 UJobe wathi, “Noma izibungu zesikhumba zibhubhisa umzimba wami, nokho enyameni yami ngiyakumbona uNkulunkulu.”

122 Kungakhathaleki ukuthi sibancane kanjani, ukuthi siphansi kanjani, ukuthi singcole kanjani, ukuthi asingcwele kanjani, ukuthi sigula kanjani, ukuthi sihlupheke kanjani; umthetho kaMoya kaNkulunkulu, ngeZwi laKhe, uwenza uMlalele, uphoba okuphumayo, futhi uthi, “Kubuyise.” Amen. O, ukuba nje besingacabanga ngalokho okomzuzu. Uyakuphoba, kungakhathaleki ngezimo. Akunandaba ukuthi isimo siyini, umthetho weZwi likaNkulunkulu uphoba isimo ukuba sisebenzisane neZwi laKhe. Niyabo? Uzofanele.

123 Manje, uma iflawu lilele lapho, futhi lifile, izimbewu zibolile, azisekho, ubindiza seluphumile, lokho akuhlangene nangokukodwa nakho. Liyavuka futhi, ngoba uNkulunkulu wabeka umthetho, walo ukuba livuke futhi.

124 Ngenkathi uJobe elele emhlabathini. Mhlampe, ngenkathi ebone uJesu eza, kwakuyiminyaka eyizinkulungwane ezine ngaphambi kokuba uJesu afike lapha. Ungazibonela-ke ukuthi umzimba womuntu wawubukeka unjani, eminyakeni eyizinkulungwane ezine, mhlawumbe kungasekho-milotha enele esasele ukuba iye ekupheleni kwesipunu. Kodwa uJobe wathi, “Nokho enyameni yami ngiyakumbona uNkulunkulu: Engiyakumbona qobo lwami.”

125 NeBhayibheli liyasitshela, kuMathewu 27, ukuthi emva kokufa kwaKhe, nokumbelwa, nokuvuka, ukuthi, “Abaningi babangcwele ababelele othulini lomhlaba, bavuka baphuma othulini.” Ngani na? Kwakuyilowomprofethi, ekhuluma ngeZwi likaNkulunkulu, neZwi lalikade likhulumile. Nomthetho kaNkulunkulu, ngoMoya, wabavusa. IBhayibheli lathi, “Bangena emzini, futhi babonakala kwabaningi.” Akusikho kuphela ukuthi uJesu wavuka, kodwa abangcwele bavuka naYe.

126 Ngani na? Ngale kumaHubo, kwathi, “Phakamani, nani masango aphakade, futhi niphakanyiswe. Vumelani iNkosi yeNkazimulo ingene.” Awu, ngenkathi Enqoba ukufa, isihogo, ithuna, ukugula, wavuka ngosuku lwesithathu, “Wenyukela Phezulu, wayesethumba abathunjiweyo.”

127 Kwakuyini na? Labo ababesekuthunjweni babebheke phambili esithembisweni esinaso manje. O, mfowethu! Bengakaze ngisho babe noMoya oNgcwele. “Kodwa, bakholwa, futhi banikeza ubufakazi obuhle. Nangabo bavimba imilomo yezingonyama, bacima amandla omlilo, baphepha osikweni lwenkemba, abesifazane bemukela abafileyo babo bevusiwe futhi: bengenasithembiso.” O, kodwa babheka phambili! Phansi komhlatshelo wezimvu owawungenakusisusa isono, wawungasisibekela kuphela isono. Kodwa bakholwa ukuthi wayekhona Owayeza. Futhi ngokukholwa kwabo, le ngale kwethunzi, amen, basifuna. “Futhi beqiniseka, bazulazula ezingwadule, futhi bembethe izikhumba zezimvu nezikhumba zezimbu; wahlupheka, futhi baswela, futhi bahlushwa.” O!

128 Labobantu, bebheke phambili kulokho kuvuka, futhi, ngalokho, bafela ekukholweni, nobufakazi babo. Futhi ngalokho kusa kwePhasika, lowomthetho kaNkulunkulu, owawukhulume iZwi ngoJobe nalabo abanye abaprofethi, bavuka kwabafileyo. O, he! Nakho lapho enikhona. Kungakhathaleki ngezimo!

129 Abanye abantu bacabanga kakhulu ngokuba necala, ukuthi abafuni ukubhekana nanoma yikuphi ukwahlulelwa. O, abantu abaningi! Akul’khuni ukufa. Noma yimuphi umuntu balahlekelwa yingqondo yabo, enye into ethize, futhi benze into ethize ewubudedengu. Abanye babo bashiswa imizimba yabo, ukhishelwe olwandle bese kuphoswa lemilothe emagumbini amane alokhu, imimoya emine yolwandle. Lokho akukumisi ukwahlulelwa. Uvela ngqo, ngokufanayo nje. Yebo, mnumzane.

Niyabo? Akunandaba, kungakhathaleki ngezimo, uzodibana noNkulunkulu, ndawondawo. Uzofanele uze kuYe. Uzofanele udibane naYe. Niyabo?

¹³⁰ Ngoba (Ngani na?) Ukhulume iZwi, wayesebeka umthetho ngaleloZwi. Nomthetho ngumthetho waKhe uQobo, ukuPhila kwaKhe uQobo, emva kwaLo. Yingalesosizathu Azifunga Yena uqobo; akekho omunye omkhulu kunaye. Niyabo? Waye, thathe isifungo, ngoba akukho-sivumelwano esifanele siqinise ngaphandle kwesifungo. Nendlela kuphela Ayengenza ngayo, Engakenzi, usithatha ngaYe uqobo, futhi Yena uqobo uba yisiFungo. O, mfowethu! Ngenkathi, uNkulunkulu eba ngumuntu futhi wayeyisiFungo, wazenza Yena uqobo isiFungo.

¹³¹ Nangokufa kwaKhe uQobo, ukumbelwa, nokuvuka, Wafakazisa ukuthi imithetho yaKhe wawuqinisele. Wathi, “Bhidlizani lesisakhiwo, Ngiyobuye ngisivuse ngezinsuku ezintathu.” “Ngi,” isabizwana somuntu, “Ngiyobuye ngisivuse ngezinsuku ezintathu. Ngiyosikhuphula. Sibhidlizeni nje, futhi nibone ukuthi kwenzekani.” Ngokuba, Wayewazi umthetho kaNkulunkulu. Wayazi ukuthi wawuyini. Wayazi ukuthi wawufanele usebenze ngokweZwi. Wayazi ukuthi iZwi likaNkulunkulu lalikade likhulunywe ngomprofethi, futhi wathi, “Angiyikuvuma ukuba ONgcwele waMi abone ukubola.” Lokho kwakuxazulula. Lokho kwakuxazulula.

¹³² Manje-ke, umthetho kaNkulunkulu uzofanele usebenze ngaleloZwi. Siyeza sehlela entweni enkulu emzuzwini. Niyabo? Niyabo? Lapho, umthetho weZwi likaNkulunkulu, uMthetho kaNkulunkulu, ukanye neZwi laKhe.

¹³³ Manje, uma inkantolo ibhala izwi, “Yinto *ethize-thize*, inhlawulo, ukwenza *ukuthi-no-kuthi*.” Kulungile. Manje, lelo yizwi lenkantolo, nomthetho wenkantolo uphoqelela izwi lenkantolo.

¹³⁴ Futhi uNkulunkulu ukhuluma into ethize, naleyo ingumthetho. NoMoya oNgcwele ulapha ukuphoqelela lowomthetho, amen, wenzele ikholwa. Uzofanele ukumiselwe ukwenzajalo, futhi kuthatha ikholwa. Uzofanele ube nebheji le “kholwa.” Omunye uthi, “Unamandla?” Qhobo. Kodwa sinegunya. Yilokho-ke. Hhayi amandla; kodwa igunya. Asinamandla enele ukwenza lutho.

¹³⁵ Njengoba ngasho ngesinye isikhathi esedlule, iphoyisa elincane lapha eLouisville, limi lapho. Lalincane kunami; umfo omncanyanyana. Isigqoko sakhe wayesithe dlwa samboza izindlebe zakhe. Nemoto. . . O, inyomfomu yakhe ithi ayilenge uhhafu iqhelile kuye. Waphumela lapho estaladini. Ivolovolo elincane elimboziwe, sengathi, ohlangothini lwakhe, induku encane esandleni sakhe, impempe encane. Waphumela lapho, efake ipheya lamaglavu amhlophe. Nalezo—lezozimoto, ezinye zazo zinamandla amahashi angamakhulu amathathu

namashumi amahlanu, zishushuluza ngalesostaladi, njengo—njengombani, nje vuum, vuum. Awu, lowomfo omncane bandla wengenakuyimisa i...Wayengeke akwazi ukumisa iponi elibalekayo, emandleni akhe. Impela qha. Kodwa waphumela estaladini, lelobheji elikhulu licwebezela, washaya leyompempe, futhi waphakamisa lesosandla. Mfowethu, amandla angamakhulu amathathu, izimoto zamandla amahhashi, zaklwiklwizisa amabreki, nayo yonke eny'into. Kwakungesiwo amandla omuntu. Kwakuyigunya ayenal. Yilokho-ke.

¹³⁶ Lelo yiBandla. Kungahle kube yisigejane sa “bagingqiki abangcwele,” ababizwa kanjalo, kumbe noma ngabe ufuna ukukubiza ngani, kodwa yigunya. Ehhe, ehhe. Yigunya emva kwalo. Kwenziwa yilokho-ke. Kungakhathaleki ngezimo, umthetho kaNkulunkulu usebenza neZwi laKhe. Manje, akuyikusebenza nesivumokholo sakho. Kuyosebenza neZwi. Ya. Kusebenza neZwi nje, yilokho kuphela, manje, kungakhathaleki ngesimo.

¹³⁷ UAbrahama, njengoba sifundile esikhashaneni esedlule endikimbeni yethu, umkaAbrahama wadingeka abuyiselwe emuva. Ngani na? UNkulunkulu wanikeza isithembiso kuAbrahama, nalapha inkosi yayimthathile, ukuba ashade, abe ngumkayo.

¹³⁸ Awu, ngabe yenzani na? Ibulale uAbrahama, ngomzuzu. Yilokho uAbrahama akusho. “Ngiyakuncenga, shono ukuthi...” Emva kokuba ebonile ukuthi u—uAbimeleki wayesembambile, lenkosi engumFilisti lapho. Wathi, “Manje, wena—wena, ngiyakuncenga, uthi ngingumfowenu. Ngoba uma...ungowesifazane omuhle.” Wayesethi, “Manje, uma ibona ukuthi umuhle, futhi ngo—ngo—ngo—ngobulawa, ngoba iyokuthatha futhi ikushade.” Futhi ngakho uAbimeleki wambamba, nendoda yakhe yamngenisa.

¹³⁹ Wayengowesifazane omuhle. Futhi, empeleni, kuphela wayeneminyaka eyikhulu kuphela ubudala. Futhi u—u... UNkulunkulu wayekukhombisile nje Azokwenza kithi sonke, ngabo. Niyazi, ngedlule kukho konke lokho, endikimbeni yami nasemateyipini, kanjalonjalo, ngifakazisa lokho ngeZwi likaNkulunkulu. Kunjalo impela. Watshela, ngoAbrahama noSara, Ayezokwenza kuso sonke isintu. Kunjalo.

¹⁴⁰ Manje, nango wayelapho, futhi ngakho uAbimeleki emthathile abe ngumkakhe. UAbimeleki, futhi ngakho wayeselungele ngakho konke manje, ukumthatha abe ngumkakhe. Futhi (ini?) uNkulunkulu wayethe kuAbrahama, “NgoSara uyakuba nalengane,” futhi lapha kwakukhona insizwa imthatha. Nangu wayekhona uAbrahama, elapha ekhu-... cishe iminyaka eyikhulu ubudala manje, naye, phandle lapho.

¹⁴¹ Kodwa, ngalokho, niyaqaphela ukuthi uNkulunkulu wathini lapho. “Yebo, Ngiyabazi ubuqotho benhliziyo yakho. Yingalesosizathu Ngakuvimba ukuba ungoni kiMi. Kodwa buyisela lowo wesifazane; ngokuba umyeni wakhe ungumprofethi. Makakukhulekele. Uma ungakwenzi, Ngizokushanela nje usuke ebusweni bomhlaba.” Nakho lapho okhona.

¹⁴² Ini? IZwi likaNkulunkulu lizofanele lime. Akukho-muntu owayengathinta uSara. UNkulunkulu wayenze isithembiso.

¹⁴³ USara, umfanekiso weBandla, iBandla leqiniso, iBandla elikhululekile, owesifazane okhululekile noMntwana okhululekile, umfanekiso weBandla elizelwe ngokusha nesithembiso. Mabasho noma yini abafuna ukuyisho; bayibize “ngomgingqiki ongewele, ubuhlanya.” Bazamile ukuLivimba selokhu kwaba sePhentekoste, futhi abasoze bakwenze. Qhabo, mnunzane. Ngokuba gcina . . . Nje gcinani izandla zenu zisukile kuLo. Yilokho kuphela. UNkulunkulu uzothatha lokho bese enza into ethize ngaLo, ngokuqinisileyo nje njengoba ngimi lapha. Siza sehlela ngqo sidabula onyakeni wakho, manje, emizuzwini embalwa. Nkulunkulu ngisize, ngizokufakazisa kini, lapho esikhona. Kunjalo. Ni . . . Abazukukubhubhisa neze. Kungeke kwabhujiswa. Kunjalo.

¹⁴⁴ “Susani izandla zenu kulo.” Ngani? Nakho kufika inzalo yokwemvelo. Inzalo yokwemvelo yayifanele ifike. Ukuba yayikade ine . . . Ukuba uSara wayeshade lena enye indoda, inzalo yokwemvelo yayingeke neze izalwe.

¹⁴⁵ Ngakho uma uNkulunkulu ayivikela kangaka imbangela ngenzalo yokwemvelo, kakhulu kangakanani-ke ngeyokomoya, iNzalo yobuKhosi, Ayivikele!

¹⁴⁶ Sathane, babuyise. Badedele. Awubafuthelanisi phandle lapho kulezozinhlango nezinto. Bangabantu abakhululekile. Bayeke kunjalo. Ya. Badedele, iNzalo yobuKhosi.

¹⁴⁷ Manje, uNkulunkulu ekhuluma ngokubuyisela, manje, lapha kuJoweli ukhuluma ngakho. Ngashumayela ngalokhu, kanye ngaphambili, futhi ngakuthatha ngeliny’ikhona. Nge . . . Angizange ngokuyikho-du ngedlule kukho, njengoba ngihlose ukukwenza namhlanje, futhi angizukuba nasikhathi sokukwenza lapho obekufanele kwenziwe khona. Kodwa uNkulunkulu uyakhuluma lapha, kuJoweli. Nge . . .

¹⁴⁸ UNkulunkulu ukhuluma ngoMuthi waKhe wezithelo Ayekade ewutshalile. UNkulunkulu watshala uMuthi wezithelo. WaWutshala ngoSuku lwePhentekoste, futhi Waletsha lowoMuthi lapho ngenhloso. WayeWufuna uthethe isithelo saKhe, iZwi, iZwi likaNkulunkulu. Wayefuna iBandla elalizogcina iZwi laKhe. Kwehle njalo ngonyaka, uEva wayehlulekile ukuLigcina, amaJuda ehluleka ukuLigcina, umthetho wawehlulekile, konke

kwakwehlulekile, ngakho uNkulunkulu Wazitshalela uMuthi. UMuthi!

149 Manje khumbulani, kwakunemithi emibili ensimini yaseEdene. Siyakwazi lokho. Ibizeni nganoma yini enifuna ukuyibiza ngayo. Nginombono wami. Kodwa, empeleni, omunye wayo wawungumuthi owoniwe; wathola ukoniwa. NoMunye awoniwanga; lowoMuthi wokuPhila uvela kuNkulunkulu, uphuma eZulwini. Wathi, “Oyihlo badla imana, futhi bafile. Kodwa loMuthi, uyawudla, futhi uphila kuze kube-phakade.” NeNgelosi yalinda lowoMuthi wokuPhila, ensimini yase-Edene, yaWugcina e-Edene. LowoMuthi wokuPhila use-Edene, manje, ngokukhuluma ngokomoya manje. Qaphelani.

150 Manje, ngenkathi loMuthi uNkulunkulu awutshala, Wawuzothela izinhlobo ezehlukene eziyisishiyagalolunye zesithelo, izinhlobo ezehlukene eziyisishiyagalolunye; okuchaza, iziphiwo zokomoya eziyisishiyagalolunye, izithelo eziyisishiyagalolunye zikaMoya ukuba zihambe neziphiwo zokomoya eziyisishiyagalolunye. Lowo kwakunguMuthi kaNkulunkulu. WaWutshala emhlabeni ngoSuku lwePhentekoste.

151 Manje asime. Njalo siqunyelwa kakhulu yisikhathi. Ngizokweqa phansi lapha imiBhalo embalwa, bese ngehlela lapha kumaHubo, 1. UDavide wawubona loMuthi, kudala. Nangokulotshwa kwamaculo kwakhe ngento ethize ejabulisayo, leyo kwaba yinto yokuqala aloba ngayo. Wawubona loMuthi, futhi Wawu “tshalwe ngasemifuleni yaManzi.” LoMuthi! Yena!

Futhi uyakuba njengomuthi, umuthi kaNkulunkulu, otshalwe (kuphi?) ngasemifuleni, imifula (ubuningi), imifula yamanzi (ubunye) . . .

152 Hhayi iMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, iLuthela, kanjalonjalo. Qhabo, qhabo. Hhe-e. Nje imifula yaManzi awodwa; iziphiwo zokomoya eziyisishiyagalolunye ngoMoya ofanayo. Izithelo eziyisishiyagalolunye zikaMoya zivela emgudwini ofanayo.

. . . uyakuba njengomuthi otshalwe ngasemifuleni yamanzi.

153 Njengoba uDavide awubona, futhi wakhuluma. Wathi, “Ubusiwe lowomuntu.” Futhi qaphelani, wathi wayengenakufa. “Amaqabunga akhe awayikubuna.” Qhabo, qhabo. Akunandaba ukuthi benzani, abasoze bawubulala lowoMuthi. Ngani? Kuyilapho atshalwe khona. Yilokho okukwenzayo. Kuyilapho atshalwe khona. “Utshalwe ngasemifuleni yaManzi.” Manje qaphelani. UDavide wathi, “Izimpande zakhe—zakhe aziyikufa.”

154 Niyazi, uthatha umuthi, umuthi omkhulu omdala. Mina, ngenkathi ngisengumfana, ngangivame ukuphuma, futhi sasithi, thina bafana, sasiphuma, futhi sasinomuthi

omkhulu omdala esasivame ukuhlala phansi kwawo, umuthi omkhulu omdala ibhishi. Nemimoya yayivunguza. Futhi ngiyamangala, kwakubukeka sengathi leyonto, kangaka esicongweni, wawubukeka sengathi wawungayishaya i—into iketuke. Kodwa, niyazi, ngaso sonke isikhathi umoya uvunguza emthini, wawungqangqazelisa umuthi, futhi wawuxegisa izimpande, ukuze nje zikwazi ukumba zijule kakhulu futhi zithole ukubambelela kangcono.

¹⁵⁵ Futhi yingaleyondlela, imbuqo, ukuhleka, ukuhlelisa ngomKristu. Okukwenzayo, ngukuthi, ukuhlushwa kuzamazamisa umKristu, ukumenza akhuleke kakhulu, ambe ashone phansi, athole ukubambelela kangcono, ukuze akwazi ukumela isiphapho.

¹⁵⁶ Manje, uma-ke umuntu etshalwe entweni enjengokuthi nje “ngasemfuleni,” lapho iziphethu, iziphethu ezehlukene eziyisishiyagalolunye zimondla na? O, he! Uku—ukugxila okunje pho anakho. Nomuntu otshalwe ngasemfuleni, imifula yaManzi; aManzi awodwa, uMoya owodwa, “Kuneziphiwo zokuphilisa, uMoya ofanayo; iziphiwo zesiprofetho, uMoya ofanayo; wonke uMoya ofanayo, kodwa iziphiwo eziningi.” UMnikezeli oyedwa.

¹⁵⁷ Manje, uDavide wambona, futhi wayetshalwe ngakuloMuthi. Manje, wayengenakufa. Manje qaphelani ukuthi kungani. WayenokuPhila ezimpandeni. Zikuphi izimpande, noma, ukuphila komuthi na? Kuhlala ezimpandeni. Impela. Kuyenyuka bese kuthela isithelo sawo. Kulungile.

¹⁵⁸ Bhekisisani. Izimpande zaKhe zazinokuPhila kuzo, ukuthela isithelo saKhe ngenkathi yes'khathi. Manje khumbulani, loMuthi awuyikuchitha isithelo saWo.

¹⁵⁹ Manje, uthatha umuthi bese uwususa emanzini. Into yokuqala uyazi, ninama-apula amadadlana. Onke asamafindo futhi adliwe yimiswenya. Kodwa kuyochitha isilimo sakho—sakho—sakho.

¹⁶⁰ Yileyondaba ngamabandla namhlanje. Senivele nisukile kulowoMfula, nasuka kulezoziphiwo zikaMoya. Banebandla nje lemvelo. Futhi bayasuka eziphiweni zokomoya nezinto zokomoya, futhi bachitha isithelo sabo. Benzani na? Amakholwa abo—abo aphila nezwe, aziphathisa okwezwe, ayeba, ayakhohlisa, aqamb'amanga, ayabhema, ayaphuza, ayagembula, anamaphathi okuwakana ebandleni, ukukhokhela umshumayeli, nakho konke okunye, amasapha amasobho, imidanso. Niyabo? Bachitha isithelo sabo. Kufana nezwe nje.

¹⁶¹ Nongakholwayo uyabuka bese ethi, “Akukho-mehluko kulowomuntu nami.”

¹⁶² Yilokho okwabangela ubukhomanisi ukuba buvuke eRashiya. Yingalesosizathu bashisa ibandla eliKatolika e . . .

163 Ezansi eMexico, ngenkathi ngilapho futhi ngayibona leyomigodi yomcako, lapho labo, nalezozindawo lapho abashisa khona lezozingane ezincane, lapho kwakukhona izindela ezazibe nalezizingane. Ngisho nemizimba yabantu, umzimba womuntu osekhule ngokugwele wawulele phakathi lapho, emigodini yomcako. Babenzani na? Bachitha isilimo sabo, niyabo, noNkulunkulu wabavuthuza emthini. Kwaba yilokho kuphela. Niyabo?

164 Kodwa umuntu otshaliwe, hhayi onanyathiselwe, kodwa otshalwe ngasemifuleni yaManzi, uyakuthela isithelo saKhe (bhekisisani) ngesakhe. . . isithelo saKhe ngenkathi yes'khathi sakhe. Niyakufunda na? AmaHubo 1.

*Ubusisiwe umuntu. . . ongahlali enkundleni
yabaklolodayo, ame endleleni yezoni.*

*. . . uyakuba njengomuthi otshalwe ngasemifuleni
yamanzi, uyakuthela isithelo sakhe ngesikhathi
sakhe; . . . nakho konke akwenzayo uyakuba-nenhlanhla
kukho.*

165 Niyabo? Qaphelani, “Omubi akanjalo; futhi akayikuma naye ekwahlulelweni.” Niyabo?

166 Manje, “Uyakuthela isithelo saKhe ngenkathi yes'khathi sakhe.” Bhekisisani u “sakhe,” ngamunye isabizwana somuntu lapho. Yi—yisithelo saKhe, isithelo sikaNkulunkulu, ngenkathi yes'khathi u—umprofethi aSiletha ngaso. Siyakuba ngenkathi yes'khathi somprofethi. Isithelo sikaNkulunkulu, ngesikhathi sikaNkulunkulu, ngenkathi yes'khathi somprofethi. Niyabo? “Uyakuthela isithelo saKhe ngenkathi yes'khathi sakhe.” Bonani ukuthi akeko yini u “sakhe” ombili lapho. “Athele esaKhe, isithelo sikaNkulunkulu, niyabo, ngenkathi yes'khathi isithunywa esimiselwe ngaso ukuba sifike.” Siyothela labo. Manje kukhumbuleni lokho. Isithunywa esiletha isithelo sikaNkulunkulu, siyosiletha ngenkathi yes'khathi sikaNkulunkulu, ngenkathi yes'khathi somlethi. Niyabo? “Uyothela isithelo saKhe ngenkathi yes'khathi sakhe.” Futhi Singeke sabuna. Ngani na? Unesithelo esimiselwe ngaphambili phakathi lapho. Kungeke kwaSibhubhisa, ngoba Simiselwe ngaphambili.

167 Manje, kwabaseEfesu :5, 1:5, njalo. Kwathi, “Sihlezi ndawonye ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu.” Kwenzekani na? Wathi, “UNkulunkulu, ngokwazi-phambili kwaKhe, wasimisela ngaphambili ukuba sibe ngabantwana bakaNkulunkulu, ngoJesu Kristu.” UNkulunkulu, ngokwazi-phambili kwaKhe, wamisela ngaphambili yonk'into eyayiyokwenzeka kwehle ngqo ngohlu. Ngokwazi-phambili kwaKhe, Wakubona ngaphambili. Ngakho-ke, kusukela ekuqaleni, Wayekwazi ukusho isiphelo.

168 Ngakho-ke, kwakuyisithelo esamiselwa ngaphambili emmpandeni yaloMuthi. NaloMuthi wawungenakubuna, ngoba Wawubambe isithelo esamiselwa ngaphambili. Manje, lowo nguMuthi uJoweli akhuluma ngawo lapha. Niyabo? Ungeke wafa. Imiswenya iWudla phansi, kodwa Wawungeke wafa. Empandeni yaWo, WawuneQiniso elamiselwa ngaphambili. WawuneZwi likaNkulunkulu, loMuthi wawunalo. NaloMuthi u—uyilowoMuthi, indlela kuphela, Wa—Wabekwa ensimini yase-Edene.

169 Yonke imithi, ngowesifazane, iyafa. Sonke siyafa, ngowesifazane. Ngokuzalwa, sonke siyafa. Kodwa ngowesifazane kufika ukufa, ngokuba lokhu ukuzalwa kufika ngowesifazane. Kulungile. Manje-ke, *lokhu* kuzofanele kufe, ngenxa yesono.

170 Kodwa ukuZalwa, ukuZalwa okusha okuvela ngoKristu, kungeke kwafa. Lowo nguMuthi owodwa, nomunye umuthi. Niyabo? NaloMuthi, nakuba Ubuhlushwa, kwahlekiwa ngawo, kusukela kukho impela ukuqala kwasensimini yase-Edene, Ungeke wafa. Umiselwe ngaphambili. Ubumhuzwa ngezagila futhi ushaywa, futhi, he, yonk'into yenziwe kuWo. Futhi kwenzekani na? Ungeke wafa. Owakhe... akayikufa. Angeke, ngoba ubambe kuye iZwi likaNkulunkulu elamiselwa ngaphambili. Uzofanele uvele, ngokuba isithelo saKhe sisenkathini yes'khathi sakhe uqobo, inkathi yes'khathi esamiselwa ngaphambili. Leso, akunandaba...

171 UJoweli wababona bonke, badliwa phansi kuyofika phansi ekugcineni. Kodwa Wathi, “Ngiyakubuyisela, isho iNkosi,” ngokuba ukumisela ngaphambili kukaNkulunkulu kulele ezimpandeni zoMuthi. Uzofanele uvele, ngoba Ubambe iZwi likaNkulunkulu elamiselwa ngaphambili. Mm! O, uMuthi onje pho! He!

172 LowoMuthi, Waqala ukumila emuva lapho e-Edene. Kwenzekani na? Kwaba nesigejane esivelayo, sabantwana bakaKayini, ezinye izilokazane zase zize neno futhi ziWudla phansi kwaze kwayofika esiqwini. Futhi uNkulunkulu wasusa isilimo kuWo, wayeseWufaka emkhunjini futhi waWuthwala wawedlulisa. Kunjalo. Kwehle njalo, bekuyindlela efanayo, kwehle njalo kwedlule emigqeni yokwahlulelwa; uSrayeli, kwehle kuqhubeke.

173 Kwase kuthi-ke ePentekoste, lapho iBandla loMuthi woMlobokazi, Wa—Walibeka ngokuhlekile, ePhentekoste, uMuthi owamiselwa ngaphambili ukuba uthele isithelo saKhe ngenkathi yes'khathi. Manje, uhamba kahle, izithelo senziwa kahle nje. Waqhakaza ngoSuku lwePhentekoste. Ake sibone okwenzeka ngoSuku lwePhentekoste. UJesu wathi, “Imisebenzi eNgiyenzayo mina nani niyakuyenza.” Baphilisa abagulayo. Manje, ngoSuku...ake sibone ukuthi kwaqala kanjani.

NgoSuku lwePhentekoste, izinsuku ezimbalwa emva kokuvuka, izinsuku ezingamashumi amahlanu emva kwePhasika, kuvela u—kuvela u—ukuvunguza koMoya onamandla, uphuma eZulwini.

¹⁷⁴ Manje, namhlanje, sikwenza kwehluke. Umfundisi uyasukuma bese ethatha, ethi, “Ngizofaka igama lakho encwadini.” Niyabo? Noma enye impohlo nokhololo obhekiswe emuva, yathi, “Yenyukela lapha bese uthatha isinkwa ikosha. Ukuthi, manje-ke, uba yilunga lebandla.” Lokho akuxakile na? Umfundisi uthi, “Woza ujoyine iqembu lethu.” Ngani, bobabili banephutha.

¹⁷⁵ “NgoSuku lwePhentekoste, kwavela eZulwini,” (hhayi okusuka epulpiti, enhla nomgwaqo) “kwavela eZulwini, u” (Ini? Umpristi? [Ibandla lithi, “Qhabo.”—Umhl.] Qhabo. Umfundisi? Qhabo. Kwakuyini?) “inhlokomo kwangathi eyokuvunguza koMoya onamandla, futhi Yagcwalisa indlu yonke ababehlezi kuyo. Izilimi ezahlukeneyo zahlala phezu kwabo.” Bengingiza, babengakhulumi, babegcwele kakhulu inkazimulo. UMoya oNgcwele wabagcwalisa. Basho baphumela ezitaladini, benkwankwaza. Nje, futhi beziphathisa okwe. . .

¹⁷⁶ Ngisho nenhlango yebandla enesithunzi yama phandle lapho yase ithi, “Awu, lababantu bagcwele iwayini elisha. Bonke badakiwe. Bukani labo besilisa nabesifazane, ukuthi babhadazela kanjani futhi beqhubeka.”

¹⁷⁷ Manje, lowo ngu USHO KANJE UMOYA. Lowo ngumBhalo. Lahlelwa kanjalo-ke iBandla; alihlelwanga, kodwa lamiswa. Inqwaba yomehluko emagameni amabili. Qaphelani. Nampo babelapho.

¹⁷⁸ Manje, futhi niyazi uk’thini, nina bantu beKatolika? UMariya intombi ebusisiweyo wayenabo. Ya. Manje, uma uNkulunkulu wayengenakumvumela uMariya eze eZulwini ngaphandle kokwemukela uMoya oNgcwele, nizofika kanjani Lapho, noma yini ishoda ngaWo na? Manje cabangani nje ngakho. Kunjalo. UMariya wayephakathi kwabo. Futhi wadingeka alinde phezulu lapho waze walahlekelwa yiso sonke isithunzi sakhe nokuziqhenya, wagcwaliswa ngoMoya.

¹⁷⁹ Futhi nampa beza, beziphathisa okwabantu abadakiwe. IBhayibheli lathi bakwenza. Bathi, “Lababantu bagcwele iwayini elisha.”

¹⁸⁰ Kowa, uPetru, umkhulumeli, umfundisi eqenjini, wasukuma wayesethi, “Laba kabagcwele iwayini elisha, njengokucabanga kwenu, lokhu nje kuseyihora lesithathu lemini. Kodwa lokhu kuyilokho okwakhulunywa ngomprofethi uJoweli.” Lo engifunda kuye namhlanje. “Futhi kuyakuthi ezinsukwini zokuphela, kusho uNkulunkulu, Ngiyakuthulula uMoya waMi phezu kwayo yonke inyama; namadodana enu namadodakazi ayakuprofetha. Futhi Ngiyakuveza izimangaliso emazulwini

phezulu, nasemhlabeni, izibonakaliso. Futhi kuyakuthi, yilowo nalowo oyakubiza iGama leNkosi uyakusindiswa.”

¹⁸¹ Manje, uPetru washumayela ngePhentekoste, emva kokuba umprofethi ofanayo engishumayela namhlanje ngaye: etshala loMuthi. Futhi yilapho aWutshala khona. O, Wenze kahle. Baphuma futhi babenezithelo zokomoya. Baphilisa abagulayo. Bashumayela. Baphoswa ejele. Babevuma ukuhlupheka ngenxa yeZwi.

¹⁸² Uma uye kwesinye isizwe njengentekentekana, ubungeke waba ngumMelikana okahle kakhulu, uma uwelele lapho. Uma ubuyongena manje eJapani, wathi nyelele wazungeza ngemuva komugqa, uthi, “Lalelani, bafo. Ngingakini. Niyaz’uk’thini? Ngingakini, kodwa ngingale ngaphesheya.” Wena, mbuka, ubufanele ukudutshulwa. Kunjalo. Uyimbuka. Impela.

¹⁸³ Futhi manje-ke leyo yindlela efanayo okuyiyo, indoda eyazi iZwi likaNkulunkulu, futhi iyoxegisa ngaLo ngoba enye inhlango eniyitshela izofanele ikwenze ngaleyondlela. Lelo yimbuka. Kunjalo.

¹⁸⁴ Kodwa lamadoda kwakungesiwo amambuka. Ayengenandaba ukuthi kangakanani, awu, ukuthi aqhubeka kanjani, ukuthi yayinjani inhlonipho yawo yokuziphatha yebandla: edazuluka, futhi ekhala, futhi ememeza, futhi—futhi enkwankwaza izilwimi ezabonakala sengathi ayekhulumisana odwa futhi engaqondi. Lawomadoda phandle lapho ezethamelini ezinye izizwe nezinye izilimi aqala ukukuzwa ayekusho. Ayengazi ukuthi ayethini; ayenkwanqwaza. Kodwa abany’abantu phandle lapho bakuqonda. Futhi bathi, “Lababantu badakwe ngempela.”

¹⁸⁵ Kodwa uPetru wathi, “Kabadakiwe, kodwa bagcwaliswe ngoMoya.”

¹⁸⁶ Ngakho, lokho, bonke baya ekufeleni ukholo, ngaphandle kukaJohane, futhi washiswa, amahora angamashumi amabili-nane emphongolweni kagrasi, futhi abakwazanga ngisho nokushisa uMoya uphume kuye. Kwase kuthi-ke wafa ukufa kwemvelo, okunguyena yedwa, uJohane umambuli. Manje, kunjalo.

¹⁸⁷ Qaphelani manje ukuthi kwenzekeni. Kulokhu, uNkulunkulu watshala uMuthi, ukuba uthele iziphiwo zokomoya eziyisishiyagalolunye, iziphiwo zoMoya waKhe. UMoya ofanayo owawukuKristu wehlela phezu kweBandla, lalinokuPhila okuPhakade. Manje, iziphiwo zikaMoya sasiseBandleni, futhi Lalikhula, lithela isithelo, ndawo zonke. Abazicabangelanga bona. Abahlelanga lutho. Baqhubeka nje futhi kwakungabazalwane. Babengena . . .

¹⁸⁸ Ngiyajabula leyonto encane yayiphezu kwalapho, “Akukho-sivumokholo kodwa uKristu, akukho-mthetho kodwa uthando, akukho-ncwadi kodwa iBhayibheli.” Yilokho engikukholwayo.

Niyabo? Futhi yileyondlela abenza ngayo. Izwe liyisifunda sethu somfundisi, niyabo, ndawo zonke.

¹⁸⁹ Ngakho, qaphelani, lababafo ngenkathi babenza lokho, lalijabulisa kanjani lelobandla. NoNkulunkulu wayenabo, iBhayibheli lasho. NoJesu wahlangana nabo ngaphambi kokwenyukela kwaKhe phezulu. Wathi, “Hambani niye ezweni lonke, futhi nishumayele iVangeli kukho konke okudaliweyo. Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo; ngeGama laMi. . .” Manje, “*Lezizibonakaliso.*”

¹⁹⁰ Manje, namhlanje, hlobo luni lwesibonakaliso esibiza ngaso ikholwa na? Lixhawulana nomelusi. Lingelebandla. Linegama lalo encwadini ngoba elikanina lalinegama, noma uyise wayenegama encwadini. Kodwa lokho kwakungesikho okwashiwo nguJesu. UJesu wathi, “*Lezizibonakaliso.*” Lelo yibandla, lemvelo.

¹⁹¹ Sikhuluma ngeBandla, lokomoya. Sikhuluma ngoMuthi wokomoya, hhayi umuthi wokwemvelo. Sifinyelela kuleyomithi emibili e, emva kwesikhashanyana. Niyabo? UMuthi wokomoya! UJesu wathi, “*Lezizibonakaliso ziyakubalandela obambelela kuloMuthi. Lezizibonakaliso ziyakubalandela abathola ukuPhila kwabo kuloMuthi. NgeGama laMi bayakukhipha amademoni; bayakukhuluma ngezilimi ezintsha. Uma benzeka baphathe inyoka; noma baphuze okubulalayo, akusoze kwabangangozi. Uma bebeka izandla zabo phezulu kwabagulayo, bayakusinda.*”

¹⁹² Nanto uhlobo lwezibonakaliso Athi luyolandela ikholwa. Luphi namhlanje na? Unikeza izwe isibonelo salokho okuyoba yisibonakaliso se—sekholwa. Futhi Wathi, “Bekuyoba ngcono kakhulu ukuba itshe lokusila ligaxwe entanyeni yakho, futhi uzikiswe ezinzulwini zolwandle, kunokuba ngisho ukhubekise omunye wabo, ngokuba iziNgelosi zabo zibheka njalo ubuso bukaBaba waMi oseZulwini.” IziNgelosi!

¹⁹³ Qaphelani manje. Nampo babelapho. NalowoMuthi watshalwa. Wawenza umsebenzi omkhulu. Siyazi babehambahamba, ndawo zonke. INkosi. . .Ngani, ngoSuku lwePhentekoste, imiphefumulo eyizinkulungwane ezintathu wenezelwa, yabhaphathizwa, futhi yahamba yangena eBandleni. Futhi inhlanganyelo enkulu kangaka pho ababenayo! Futhi, wonk’umuntu, kwakungekho-muntu oswela noma yini. Wonk’umuntu wayenomusa, enhliziyonhle. Futhi, omunye nomunye, bonke babengumndeni owodwa omkhulu. Kuyamangalisa!

¹⁹⁴ Futhi nakho kufika, elincane, elidala, elibukeka lilibi, ibhungane elimazinyo aphantayo eliphila ezigabeni ezine ezahlukene, njengoba uJoweli ambona. Lesisilokazana esizigaba-zine, umbhubhisi, uphumela ukubhubhisa lowoMuthi omuhle kaNkulunkulu. Kucabangeni. Manje ngizofunda

ngisusela kokunye kukaJoweli, lokho akusho. uJoweli, isahluko 1. Into yokuqala. . . Manje, kunamabhungane amane ehlukeno lapho manje, kodwa lapho, eqinisweni yibhungane elilodwa. Yibhungane elilodwa ezigabeni ezine ezahlukeno. Manje bhekisisani. Leli elincane, ibhungane elidala lifika liyedlula, ngokuba leliBa- . . . lalona omkhulu, uMuthi omuhle kaNkulunkulu. Sizowubiza ngoMuthi, okwakuyiBandla.

¹⁹⁵ Elokuqala kwakuyisibotho. Leyo yinto encane, isilokazana esincanyana nje somswenya. Senzani, lesosibotho na? Siyafika ukubhubhisa isithelo soMuthi. Leyo yinto yokuqala.

¹⁹⁶ Manje asibuyele emlandweni futhi sibone ukuthi yayiyini into yokuqala: kwakuyi—yiqembu elinesithunzi elangena phakathi kwabantukazana. Futhi bathi, “Awu, lokhu kuhle ukuthi ningaphilisa abagulayo, futhi ningenza lezizinto. Lokho kuyamangalisa. Ngakho, niyazi ukuthi besifanele senzeni na? Besifanele sithi ukukukhiphela lapho kunezinga elikhulu ngokuthe xaxa labantu elikuqondayo, izinga elingcono: imeya, a—abehluleli, kanjalonjalo, nezi—zi—zikhulu zedolobha. Futhi inqobo nje uma nonke niqhubeka ngendlela eniyiyo, abasoze beza ngakini. Niyabo? Bayanesaba.”

¹⁹⁷ [Omunye uthi, “Basenjalo.”—Umhl.] Othize uthe, “Basenjalo.” Ngiqagele lokho kuthi akube njalo. Ngakho, kunjalo. Bayanesaba uMoya oNgcwele. Ngiyaxolisa.

¹⁹⁸ Ngangivame ukucula iculo elincane:

Eyakudala . . .

Nike nilizwe elithi *INkolo Yakudala?* Noma ubani lapha walizwa leluculo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

Inkolo yakudala . . .

Ngangivame ukucula iculo elincane njengaleli, eminyakeni eyadlula. Ngathi:

NguMoya oNgcwele wakudala,
NoDeveli angesondele kuWo;
Yingalesosizathu abantu beWesaba,
Kodwa Unganele mina du.

Muhle kakhulu angiwufuni omunye,
Ngokuba Ungenza ngithande umfowethu;
Futhi uveza okufihliwe,
Ngakho Unganele mina du. (Kunjalo.)

Uyokuyekisa ukuqamba amanga kwakho;
Uyokusindisa uma usufa;
Uyoqala ukundizisa uDeveli,
Futhi Unganele mina du.

¹⁹⁹ Kunjalo. Yingalesosizathu abantu bengaWufuni. Manje—manje, UnguNkulunkulu.

²⁰⁰ Babengamfuni uJesu. Bathi, “Lomuntu?” Ibandla, ibandla elikhulu elinesithunzi, lathi, “Uza ukusitshela ukuthi singobani na? Sizokunika ukuba uqonde, singu Dkt. Ph.D., L.L., Q.U.S., no,” he, “konke lokhu.” Noma, “Ngani, ngingumpristi omkhulu. Ngiyi *lokhu, lokho, noma okunye*. Futhi uyangitshela? Ngani, wazalelwa esonweni. Awulutho kodwa umntwana ozalwe ngaphandle komshado. Unyoko wayezoba, abe nawe, phambi kwakho noyihlo. . . ubaba aze ashade.”

²⁰¹ Wathi, “Ubani ongaNgilahla ngesono na?” Niyabo? “Ubani ongaNgilahla ngecala na?” Kulungile. *Isono* ngu “kulikholwa ngokungesikho iZwi likaNkulunkulu.” Ngamany’amazwi, Wathi, “Ngikhombiseni lapho eNgingaligwalisi khona iZwi, ngoku—ku—kupheleleyo, khona lapho eLifanele ukuba khona. Ngikhombiseni emBhalweni, lapho izinsuku zaMi. Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke ningaNgikhholwa.” Wathi, “Manje, uzisho ukuthi uyilokho. Manje asikubone ukwenza.” O, he!

²⁰² “Kusukela emva kwalokhu abaMbuzanga lutho.” Niyabo? BaMyeka kanjalo. Njengokuthi, uDeveli wandizela kuYe. Ngikushilo lokho, wayecabanga ukuthi wayezovele nje agxume angene, noma kanjani. Kodwa, wathola, lokho kwakunamandla kagesi ayisigidi kuleyoNtambo. Wagxuma wehla kuLeyo, ngokukhulu ukushesha, niyabo, ngoba wayengeke ayibamba Leyo. Futhi leyo kwakuyinto eyodwa eqinisekile.

²⁰³ Ngakho lesisibotho esincane sifika siyazungeza, ukususa izithelo. Nginamakhasi amabili okuthi “izithelo.” Ngifuna nje ukufunda okunye kwakho. Into yokuqala, isithelo sokuqala esasisusa, kwakungukuthanda abazalwane. Kunjalo. Leyo ngenye yezinto ebulala ibandla khona lapho, nxa ukuthanda abazalwane. . . Yebo, mnumzane. Bese-ke, isithelo esilandelayo esasisusa eMthini. . . Niyakhumbula, uthando yisithelo sokuqala eMthini. “Uthando, ukujabula, ukuthula, ukubekezela, ubuvi, ubumnene, ukukholeka, ukukhuthazela,” kunjalo, “kuMoya oNgcwele.” Manje, iziphiwo zokomoya eziyisishiyagalolunye, nezithelo eziyisishiyagalolunye zoMuthi, kanjalonjalo. Kulungile. Manje, okokuqala, sathola ukuthi sidle esithelweni soMuthi.

²⁰⁴ Manje ake sifanekise uMuthi omkhulu, woMuthi kaNkulunkulu. Uthela iziphiwo zokomoya eziyisishiyagalolunye. Baphilisa abagulayo. Bakhuluma ngezilimi. Bakhhipha amademoni. Benza imisebenzi emikhulu, futhi beshumayela iZwi likaNkulunkulu elimsulwa. Akukho-hlelo lokubabophela phansi; bakhululekile, benza umsebenzi omkhulu.

²⁰⁵ Ngakho, sekungena lelidemoni elidadlana, lihlezi phezulu nezimpondo zalo ezimbili lihlezi qekelele ngaphambili, njengentethe, niyazi, namazinyo aso amada dlana aphantayo.

Lokho ngokokuqala kwaso, isibotho, singenela ukunqampuna uthando. Sathi, “Niyazi, uS’bani-bani wenza ukuthi-nokuthi, ngale ebandleni likaS’bani-bani. Ngeke ngasikholwa lesosigejane sabantu.” Niyabo? Nango, into yokuqala.

²⁰⁶ Okulandelayo, sasifuna ukudla esithelweni sokukholwa, ukukholwa eZwini. “Manje buka. Wazi kanjani ukuthi lelo yiZwi? Selihunyushwe izikhathi eziningi kakhulu!” Lelodemoni elincane lisadla. Kunjalo. “LeloZwi selihunyushwe izikhathi eziningi kakhulu! Uyi lokhu, lokho, noma okunye. O, uyikho konke lokhu.” Niyabo?

²⁰⁷ Manje, leso ngesinye isithelo esinqampuna kuso: ukujabula kwensindiso. “Shhh! Ninabantu nibanga umsindo kakhulu. O, he! He!”

²⁰⁸ O, ungashumayela kanjani, Mfowethu Branham na?” wesifazane washo kimi, ngesinye isikhathi. Qhabo, kwakungesuye. Kwakungowesilisa. Ngikholwa ukuthi u... Ngithemba ukuthi ulapha. Ukhonza kwelinye ibandla. Kodwa wathi kimi, wathi, “Ngangisenhla ukuba ngikuzwe, ngoluny’usuku, futhi angikwazanga ngisho nokukuzwa, ngenxa yalabobantu bekhala.”

Ngathi, “Uma be . . .”

Wathi, “Ungashumayela kanjani ezweni na?”

²⁰⁹ Ngathi, “Uma bengakujabulelanga, ngangingeke ngishumayele lapho.” Kunjalo. Ngangivame ukuba ne . . . u . . .

²¹⁰ Umngani wami, uJim Poole, nami, sasivame ukuba nenja endala. Sasiyibiza ngoFritz. Futhi ngakho lenja endala, yayi—yayiya kunoma yini eyayiyixosha, ngaphandle kweqaqa. Yayilesaba iqaqa, ngoba lalinuka kanjalo. Ngakho, ngangiyifakela iqaqa phansi kwenqwaba yebhulashi, into kuphela engangidingeka ngiyenze kwakungukuyimbambatha nje kancanyana, bese ngithi, “Mbambe! Mbambe, mfana!” Yayihamba ilibambe leloqaqa, niyabo, ngoba ngangiyimbambatha, ngithi, “Mbambe!”

²¹¹ Awu, kuyilokho-ke nje nxa si . . . Lokho ngukuthi, umnuka omubi ukwedlula konke engaziyo ngakho, nguDeveli. Ngakho, nxa ngikhipha leliZwi, nomunye athi, “Amen,” lokho ngukuthi, “Mbambe, mfana!” Futhi si—sizothola—sizomxosha.

²¹² Ngakho, sithola ukuthi wasusa ukujabula. Niyazi, uDavide, ngesinye isikhathi, walahlekelwa ukujabula kwensindiso yakhe. Akalahlekelwanga yinsindiso yakhe, kodwa walahlekelwa ngukujabula kwayo. Wakhala nje, “Nkosi ngibuyisele ukujabula kwensindiso yami.” Niyabo? Ukujabula!

²¹³ Ngakho lesisibotho esidadlana siqala ukudla sikhipe lesosithelo sokujabula. “Manje, bukani lapha. Ninabantu nibanga umsindo kakhulu. Nginyantshela, konke lokhu ukukhala, lokhu ukusho u ‘amen,’ nalokhu ukumemeza, lokho

ngumbhedo. Akukho lutho kulokho.” Niyabo? Into yokuqala niyazi, nihlezi emakhazeni amakhulu ezidumbu, niyazi, nihlale lapho, bonke bafile. Zonke zalezizinketshezi zokugqumisa izidumbu ngemithi zalokho *okubizwa* ngeMfundiso, yezivumokholo ziphampelwe emithanjeni yabo lapho uMoya kaNkulunkulu ubufanele ukugijima khona, lapho isivumokholo esidala sebandla siphampelwe lapho. Akumangalisi beqandisa okuka-ayisi futhi befile. Isikali sezinga lokushisa sokomoya, amashumi ayisishiyagalolunye ngaphansi kwezinga-qhwa. Ya. Omunye athi, “amen,” wonk’umuntu belula intamo yabo bajike njengolunye’uhlobo lwehansi noma into ethize, bafuna ukwazi ukuthi yini esho lokho. Kungamahloni. Kanti, uMoya kaNkulunkulu ubufanele ube ngukujabula, ukuthula, uthando. Kodwa lesisilokazane esidadlana saqala sidla kukho. Sidla konke ukujabula kusuke.

²¹⁴ Futhi, manje-ke, isithelo esilandelayo eMthini ukuthula, ukuthula komqondo, wazi ukuthi usindisiwe.

²¹⁵ Bayakutshela, “Awu, manje, uma uzosisho ngekhandla isivumokholo *sethu*, usindisiwe. Uma ujoyina ibandla *lami*, usindisiwe.” “Awu, manje,” lona uthi, “awusindisiwe uma uya *lapho*. Uzofanele ujoyine ibandla *lethu*, ukuba usindisiwe. Uzofanele uthi, ‘Yethi Mariya.’ Uzofanele ube negama lakho kulencwadi. Uzofanele ube ne . . .” O, he! Lokho bekungakhipha konke ukujabula. Kodwa lowo akusiwo uMuthi kaNkulunkulu; uyazi lapho okhona. Lokho yibhastela, njalo.

²¹⁶ Niyazi ukuthi iyini indaba yami ngomnyuzi. Uyibhastela. Awazi ukuthi ubaba wawo, umama, okunguyenayena, kwakuyimuphi. Niyabo? Uyibhastela. Kodwa, o, ihhashi elikahle lohlobo, liyazi ukuthi kwakungubani ubaba walo nomama, ngezizukulwane.

²¹⁷ Futhi manje, umKristu wohlobo olukahle ngempela, naye, onoMoya oNgwele, uyazi Wehla ngoSuku lwePhentekoste. Uyazi lapho ekhona. Angawulandela umkhondo wezizukulwane zakubo kuyothi ngqu emuva, ulibo lwakubo lokuzalana, kuya ekuqaleni kwalo. UPetru wayenaWo. Kwehle njalo ngesizwe, noma izinhlanga, babenaWo, kwehle njalo. UmKristu wohlobo olukahle uyazi ukuthi Uvelaphi.

²¹⁸ Uthi, “Awu, ngiyiLuthela.” “Ha! NgiyiPresbyterian.” O, wena bhastela! “Kungani ungabi nguye na? Kungani ungabi nguye na?”

²¹⁹ “Awu,” wena uthi, “uyi—uyini na?” Uzelwe ngokusha. “Uzelwe ngokusha, ngani na?” UMoya kaNkulunkulu.

²²⁰ Yingakho ningesilo ibhastela. Nizalwe ngokufanelekile. Hhayi ngesivumokholo sebandla esithize, kodwa ngoMoya kaNkulunkulu. UNkulunkulu uphila kini.

²²¹ Manje qaphelani. Lesisilokazana esidadlana saqala ukudla. Ngakho, sidla sisuse konke ukuthula komqondo, o, kuqhubeke,

kuqhubeke, kuqhubeke, futhi o, kwehle njalo. Nginekhasi lakho lapha, zonke izithelo, esikwenzile.

222 Manje-ke lomfo omncane waphela, futhi uba yisikhonyane. Leso kwakuyisigaba esilandelayo, kwakuyisikhonyane. Manje, senzani isikhonyane na? Isikhonyane sidla amaqabunga. Kunjalo. Isikhonyane sisukela amaqabunga. Okushiywe yisibotho, sashiya amaqabunga; siqampuna sonke isithelo eMthini. Kwase kuthatha ini na? Isikhonyane sifikela ukudla, sidla okushiywe yisibotho. Manje, senzani na? Senzani lesisibotho na? Sabhubhisa amaqabunga. Awani amaqabunga na? Sibhubhisa inhlanganyelo yobuNkulunkulu. Kunjalo.

223 “Manje, uyi—uyi—uyiPresbyterian. Asizukuzihlanganisa ngalutho naye. UngumNazaretha. UyiPentecostal. Uyilokhu, lokho, noma okunye. Asizukuzihlanganisa ngalutho naye, ngoba akasuye oweqembu lethu. Sibe nomhlangano lapha, wokuphiliswa kwabagulayo na? Ha! Ibandla lethu alikholelwa ngisho nakukho.” Niyabo? Nenza lapho-ke. Sona, senzani lesosikhonyane esidadlana na? Sanquma sasusa yonke inhlanganyelo, kunjalo, sathatha yonke inhlanganyelo.

224 Yini inhlanganyelo na? Enzani amaqabunga na? Awenza uphole, lapho izinyoni zindizela khona phansi kwamaqabunga, “he-he,” ziphole. Nanko umuthi wakho futhi. “Futhi uyakuba njengoMuthi otshaliweyo.” Niyabo? Kulungile. Lapho abantu bengeza khona futhi bahlale phansi phansi kwenhlanganyelo kaMoya oNgcwele, bathi ukuphola kancanyana. Uxakeke ngakho konke, futhi awazi ukuthi kwenzekeni; futhi noma ngabe uyafa, noma ngabe usindisiwe noma qha. Futhi awazi noma ngabe *lelibandla* liqinisile, noma *lelo* liqinisile. Yehlela nje phansi koMuthi onamaqabunga athize kuWo. Uhlale phansi lapho. Uvumele imiMoya evela eZulwini iye kophephetha, njengokuvunguza koMoya onamandla, udabula emaqabungeni, niyazi, uqhubeka. Uqala uku...Futhi uqala ukuphola kancanyana.

225 Uthi, “O, ngiyehla futhi ngitshela lesosigejane sabagingqiki abangcwele engikucabangayo.”

226 Hlala phansi nje isikhashana futhi uzophola. Kunjalo. Ungeke wakwenza kokwakho. Isizathu, yin’indaba na? Isikhonyane sesivele sikunqampune konke, impela, siqampuna onke amaqabunga kuwo. Manje, lokho ngukuthi, ungahle nje vele uhlale phandle lapho elangeni. Ngakho, wena, akukho—akukho-kuphola lapho. Kulungile. Manje, ngakho kukhona . . .

227 Kodwa niyazi ukuthi sifanele ukwenzani. IBhayibheli lasho, ukuthi, “IBandla elamiselwa ngaphambili, amadodana amiselwa ngaphambili kuNkulunkulu,” (enzani na?) “ahlezi ezindaweni zaseZulwini.” Yini leyo na? Ukuphola, intokomalo, uzizwela usekhaya. Amen.

228 Lapho wonk'umuntu egqoke ibhantshi ledina, ne—nendoda elandelayo ngalendlela, na—nabanye babo babuka phansi, bathi, “Ha! Bukani. Akazange abe nephemu ezinweleni zakhe. Kungukuthi, akabukeki yini esabeka? Akanayo ngisho negawuni eyifrown yePhasika.” Manje, bese-ke, sona, noma ngabe kuyini, kugqokiwe, niyazi. Njalonjalo, nakuba... Ya. “Ifrown yePhasika,” lokho kuthi akube njalo, niyabo. Ahlale emuva lapho, futhi ehamba... [UMfowethu Branham ufanisa ngokwenza—Umhl.] Niyabo? “Akanalo ngisho nePhasika... Ngani, awu, mbuke, leyo sudu endala efanayo ayigqoka ngonyaka odlule! Awu, wazini ngalokho na?” Awuzizwa ukahle, lapho.

229 Ngathi kowesifazane omncane, ngoluny'usuku. Owesifazane omncane ozihluphekelayo, ukhonza kwelikhulu, ibandla elinesithunzi ezansi... Wathi... Uyafa, unomdlavuza. Ngehla ukuyomkhulekela. UMfowethu Roy Roberson lapha, omunye wabaphatheli, wangithumela ezansi lapho. Nento encane ezihluphekelayo ihlezi lapho, ibulawa umdlavuza. Futhi wathi...

Ngathi, “Uya... UngumKristu na?”

230 Wathi, “Mnumzane, a—angazi ukuthi ngithini.” Wathi, “Ngaya ebandleni *elithize*.” Wayesethi... Wayeseqala ukukhala.

Ngathi, “Yin'indaba?”

231 Wathi, “Ngangingakwazi nje ukugqoka kahle.” Wathi, “Bangibukela phansi.” Ha! O, nakho lapho okhona. Niyabo? A—awuthokomele. Niyabo?

232 Kodwa iBhayibheli lathi sifanele uku “buthana ndawonye ezindaweni zaseZulwini.” O, he! Ini? Sonke sifana. Ngani, ngizonitshela ukuthi lokhu kuzokwenzani. Kuyokwenza i... Kuyokwenza owepheya leovaloli nowesudu yebhantshi ledina bagaxane futhi babizane ngomfowethu. Impela kuyokwenza. Kuyokwenza owengubo endala kakaliko agaxe okasilika, owengubo isathini futhi bathi, “Dade, unjani kulokhu ukusa? Akabongwe uNkulunkulu!” Kunjalo. Kuyokwenza. Ngukujabula, ukuthula, uthando, ukukholwa eZwini, ukubekezela, ububele, ukukhuthazela. Bahlale phansi ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu, baphole isikhashanyana. Niyabo? Yilokho amaqabunga akwenza.

233 Kodwa isikhonyane esidala esakwenza, sifika ngokuzungeza, siqampuna lawomaqabunga, sathi, “Ukhonza kwelethu kungenjalo awukhonzi kunoma ubani.” Ngakho sakhapha konke ukupholisa kukaMoya. Niyabo? Sazilungiselela isivumokholo. Kulungile. Manje sifanele siqhubeke. Basingahlala isikhathi eside kulesosikhonyane esidala.

234 Kodwa isigaba sesithathu saso kwakuyinkumbi. Mm! Leso sinegama elibi, ukuqala ngalo, inkumbi. Yenzani inkumbi na?

Ihamba ingene exolweni. Leyo yintambo yokuphila, lapho. Yebo, mnumzane. Ihamba ingene exolweni futhi ibhubhisa isembozo somuthi. Isembozo!

Yini inkolo na? Isembozo. Lichaza lokho-ke igama *inkolo*, “isembozo.”

²³⁵ Ngakho, lenkumbi encane, emva kokuba isingene phakathi kwenhlangano yebandla, yabathola bonke babenesithunzi; yase-ke isusa yonke inhlanganyelo kubo, ngesimo sesikhonyane; futhi manje iyafika izungeze bese ithatha yona impela inkolo yabo bese yenza izimfundiso ezingaphikiswa ngayo, kunjalo, imise amazwi aphambene nokukholwa okuyikho. Izibumbela inkolo, bese ihlanganisa isigejane samadoda bese ibeka isivumokholo phansi lapho. Ithatha yona impela inkolo, iyihlubule eMthini kaNkulunkulu, lona impela ixolo elithwala amanzi esihlahla akhuphuka kuWo, iwasuse. Inkumbi! Niyasibona lesosilokazana na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Lokho kunjalo impela. Leyonkumbi, lelo kwakuyiRoma kulelobandla langasekuqaleni.

²³⁶ Into yokuqala, iqembu lamaPentecostal; hhayi izinhlangano zamaPentecostal. Qhabo, mnumzane. Noma yini ehlelayo ifile. Ngizokufakazisa lokho emzuzwini nje, ngemiBhalo. Niyabo? Kodwa nxa kuyi. . . Kodwa, isehlakalo sePhentekoste, esikabani na? SingeseKatolika. Ubani omunye na? IMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, noma ubani osifunayo. Kodwa nifuna, nifanele nisifune. Anijoyini kuKho.

²³⁷ Sengibe semndenini wakwaBranham iminyaka engamashumi amahlanu-nantathu, futhi angizange ngiwujoyine umndeni. Ngani na? NginguBranham, kwasekuqaleni nje. Ngazalwa ngingowakwaBranham.

²³⁸ Yileyondlela esingamaKristu ngayo. Hhayi ngoba sijoyiniswa entweni ethize; leyo yinhlangano. Siyazalwa, singamaKristu, ngokuzalwa kabusha ngoMoya oNgcwele. Qaphelani manje.

²³⁹ Manje, lenkumbi encane iqala ukuzibholela ingene exolweni. Yenzani na? Iqala ukuthatha inkolo yayo, isembozo sayo, iMfundiso yayo iyisuse kukho. Inkolo iyimfundiso, isembozo esimboza noma yini. Yingalesosizathu inkolo yethu ingeGazi, iGazi. UkuPhila kuseGazini elimboza iZwi. NokuPhila kuyi. . . KuseGazini. IGazi liyinkolo, nokuPhila eGazini kuyilokho okuletha imiphumela. Ngani, niyakubona na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Niyabo?

²⁴⁰ Ayimbozwa ngamaqabunga omkhiwane. UAdamu noEva bakuzama lokho ngesinye isikhathi. UKayini wenza into efanayo. Nikuqaphelile lokho na? UKayini walettha okunye kwempilo yezithombo, futhi. Niyabo? Kodwa kwakungesebenze. Akusebenzanga ngoAdamu noEva. Futhi akuyikusebenza namhlanje. Ngenkathi uNkulunkulu ekwenqaba ekuqaleni,

kwenqatshwa Phakade. Izivumokholo ezenziwe ngumuntu nemicabango akusoze kwakuthatha.

²⁴¹ YiZwi likaNkulunkulu, elizofanele likwenze. NeZwi lingeGazi, umhlatshele kaKristu. Kunjalo.

²⁴² “Abantu,” njengoba umfowethu eshilo kulokhu ukusa, “bedonsa amazwibela.” Awu, niyazi, kunezipikili eziyishumi nesishiyagalolunye ezehlukene esizweni namhlanje, izinhlangano ezehlukene ezibambebelele kuzo, futhi zingazisho ukuthi, “Yisipikili sasekuqaleni, sasisezandleni zaKhe.” Kuyini pho ngaso, uma kwakuyiso na? Bengingefune kuzihlanganisa ngalutho naso. Impela.

²⁴³ UNkulunkulu akazange ashiye lutho lube izinto ezingcwele ezasalayo zezimpawu. Wathuma uMoya oNgcwele, Into ethize ephilayo, engeke yabhujiwa. Besingangisiza ngani isipikili na? Besingenzani isiphambano sasekuqaleni Alenga kuso, besingangisiza ngani na? Nakancu. Akusikho ukwazi isipikili, ukwazi isiphambano, kodwa, “Ukumazi Yena kungukuPhila.” Niyabo?

²⁴⁴ Manje, ngakho sibambebelele ezipikilini, sibambebelele ezintweni ezingcwele ezasalayo, futhi sibambebelele ezindaweni. Futhi namhlanje abantu bahamba behla benyuka, emzini waseJerusalem, na—nakho konke behla benyuka ezindaweni ezehlukene, futhi bebambebelele ezintweni ezingcwele ezasalayo nezinto. Lokho akuhlangene ngalutho nakho, akukho-nto. Into ilahliwe, ibolile, futhi ayisekho.

²⁴⁵ Ngaya ebandleni e—eRoma. Lapho lapho bona—bona, bonke lababapristi abafayo, babatshala engadini, phansi ngaphansi kwalapho, futhi bayekele inyama ikhixike emathanjeni. Bese—bese-ke bekhitha amathambo bese benza izinto ezilula ezibethelwe odongeni, bese bebeka izingebhezi zamakhanda macala onke. Nabantu bengena lapho, besule lezoringebhezi zamakhanda, ukuba bathole izibusiso, izingebhezi zamakhanda sezize zamhlophe futhi zidlekile. Lapho uyongena eSaint Peter’s Cathedral lapho, unyawo lukaPetru, basho kanjalo lapho, isithombe esibazwe ngetshe, kade sangiwa, kasishiyagalolunye noma kashumi izikhathi ezehlukene; bafanele babume olunye unyawo kuso. Umbhedo onje pho! Izinkoloze, kuyilokho kuphela, izivumokholo zemfundiso eyenziwe ngumuntu.

²⁴⁶ UNkulunkulu wathumela uMoya oNgcwele, ukuPhila kukaNkulunkulu, ukuba kube kuni, hhayi esithombeni esibazwe ngetshe. Nguwe umfo uNkulunkulu afuna ukuhlala phakathi kuye; hhayi isithombe esibazwe ngetshe, kodwa phakathi kuwe. Abantu babiza bathi, “izithombe ezibazwe ngamatshe ezingcwele.” Akukho-zithombe ezibazwe ngamatshe ezingcwele. Wena uyisithombe esibazwe ngetshe esingcwele sikaNkulunkulu. IBhayibheli lasho njalo. Kunjalo. “UNgilungisele umzimba.”

247 Manje, lomfo omncane waqala ukuba abhubhise. Ebhubhisa ini na? Inkumbi yangena exolweni. Bhekisisani ukuthi yenzani. Iqala ukubhubhisa ixolo. Yenzani na? Yenza ibandla lokwemvelo lenzela iBandla lokomoya. Yebo, mnumzane. Yasusa iqiniso yase ilinika amanga. Manje, khumbulani. Iqabunga. . .

248 Isithelo, inkumbi esidlayo. Iqabunga, isikhonyane esilidlayo. Manje, ixolo, isembozo, inkolo, iMfundiso; iMfundiso, inkumbi eyayithola.

249 Yavelaphi leyomfundiso yokuqala, ngaphandle kweBhayibheli na? Nina bosomlando, niyazi ukuthi ivelaphi. Ivela eRoma, khona impela lapho eyaqala khona, lapho baqala ukwemukela izimfundiso ezingenakuphikiswa.

250 Waba kanjalo-ke uRenaeus, uSaint Martin, uPolycarp, bonke. . . emva kokufa kukaJohane. Ngokuhumusha iZwi likaNkulunkulu, wayephandle esiqhingini sasePatmose. Bamshisa kugrisi amahora angamashumi amabili-nane, bambuyisa, futhi wayesalokhu eloba iBhayibheli. UNkulunkulu wayenqumile ukuthi leliBhayibheli liyolotshwa. Lelo yiZwi likaNkulunkulu. Singeke sasusa kuLo noma senezele kuLo. Lingelokuba libekwe ngendlela eLiyiyo nje, iZwi.

251 Qaphelani ngenkathi bebuya, ngenkathi laba abangcwele bakaNkulunkulu bezama ukuphakamisa leloZwi, iRoma ingena ngqo, yase yemukela izimfundiso ezingenakuphikiswa, esikhundleni. Manje ake sibone nje ukuthi yenzani, ezinye zezimfundiso zalo zamanga, elikwenzile.

252 Umbhaphathizo wamanzi. Lapho abathunywa khona. . . UPetru wathi, ngoSuku lwePentekoste, phansi kokuthonya kukaMoya oNgcwele, iZwi likaNkulunkulu, "Phendukani, yilowo nalowo, futhi nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu."

253 Yenzani iRoma ngawo na? Yawujika, yase ithi, "Nibhaphathizwe egameni lika 'Yise, iNdodana, uMoya oNgcwele,'" bewenza isivumokholo, hhayi iMfundiso yeBhayibheli. Yenzani na? Leyo yileyonkumbi, idla. "Ukufafaza," esikhundleni sokucwilisa, "egameni likaYise. . ."

254 "UYise, iNdodana, uMoya oNgcwele" aku-gama. Ayikho into enjengaleyo. "UYise" akusilo igama, "iNdodana" akusilo igama, no "Moya oNgcwele" akusilo igama.

255 Ngenkathi uJesu ethi, "Nibabhaphathize eGameni likaYise, iNdodana, uMoya oNgcwele," yi, "Nkosi uJesu Kristu." Khona impela uPetru nabo abakwenzayo, nabo bonke, wonk'umuntu eBhayibhelini, waba njalo. Kwakungekho-muntu. . .

256 Ngiphosela inselelo noma ubani ukuba angilethele uphisi owodwa womBhalo, noma uphisi owodwa womlando, lapho noma ubani ake abhaphathizwa khona noma ngayiphi enye indlela kunaseGameni lika "Jesu Kristu," kwaze kwaba

yibandla eliRoma Katolika. Yenzani lokho. Futhi khumbulani, leteyipu iya ezweni jikelele. Ehhe. Ngike ngabamba inhlango yebandla labefundisi, namakhulu abo, nababhishobhi nayo yonke into, ngathi, “Yimani ngezinyawo zenu, noma nize lapha neBhayibheli lenu, noma nithule kuze kube-phakade.” Bathula baze bajikele emva kwakho, bese-ke beqala ukukhuluma ngawe; bengenaso sona impela isibindi sokuma ebusweni bakho, ukuziphatha kahle okwejwayelekile ukuba bame futhi bakutshela ebusweni bakho. Bayesaba ukukwenza. Bayazi ukuthi kuliphutha. Kodwa kuyilokho leyonkumbi eyaqala ukukudla, niyabo, idla isusa leyoNto yangempela.

257 Manje, wena uthi, “Akufanele. Ya. Noma ngayiphi indlela engibhaphathizwe ngayo ilungile.” Injalo na? [Ibandla lithi, “Qhabo.”—Umhl.]

258 UPawulu washo, iZenzo 19, ngenkathi, “Yena, uPawulu, esedabulile amazwe angasenhla ase-Efesu.” IBhayibheli lathi, “Wafumana abafundi abathile.” Bona ngabalandeli. UAPolo, umshumayeli oyiBaptisti, phansi kukaJohane umBhaphathizi, wayebafundisa iZwi. Futhi babenokujabula okukhulu. NoPawulu wavele wawela nje ukuyobabona, wayesethi, “Nimamukele yini uMoya oNgcwele lokhu nakholwayo na?”

“O,” bathi, “Ngiyikholwa.”

259 “Kodwa lokho akusikho engikubuzayo. Nimamukele yini uMoya oNgcwele lokhu nakholwayo na?”

Bathi, “Asazi ukuba kukhona uMoya oNgcwele.”

260 Wathi, “Pho wabhaphathizelwa kukuphi na?” Niyabo? Ngeliny’izwi, “Wabhaphathizwa kanjani na?”

Bathi, “Sibhaphathiziwe.”

Wathi, “Kanjani na?”

261 Wathi, “Phansi kukaJohane,” wathi, “indoda efanayo eyabhaphathiza uJesu. Bekungeke kube kahle lokho na?”

262 UPawulu wathi, “Qhabo. Hhayi manje. Qhabo.” Wathi, “Nifanele nibhaphathizwe, niphinde.” NoPawulu wabhaphathiza, wabhaphinda, eGameni leNkosi uJesu Kristu. Wabeka izandla zakhe phezu kwabo, noMoya oNgcwele wafika phezu kwabo.

263 NoPawulu wathi, “Uma iNgelosi evela eZulwini,” kungasaphathwa umshumayeli othize; “uma iNgelosi,” kungasaphathwa lenkumbi, hhe-e; “uma iNgelosi evela eZulwini ishumayela noma yini enye kuna *Le*, kini, mayibe ngeqalekisiweyo.” Kunjalo.

264 Ngakho niyabona ukuthi kwakuyini, inkumbi yathola ukuthi idle. Idla isuse umbhaphathizo wamanzi eGameni likaJesu Kristu.

²⁶⁵ Into elandelayo inkumbi eyayenzayo, isuse umbhaphathizo kaMoya oNgwele. Isizathu, inqobo nje uma uzoba nalowoMoya oNgwele, Uzosabalalisa ukukhanya kuleloZwi, inqobo nje uma uzokwenza lokho. Ngakho babedingeka ba—bakwenze kwehluke.

²⁶⁶ Manje, cabangani nje ukuthi mangaki amaLuthela, amaProtestane, mangaki amaKatolika, kulokhu ukusa, elaqiniswayo, abakubiza kanjalo, bethatha isidlo sokuqala. Futhi babiza lokho ngokuthi “Isithebe seNkosi esiNgcwele,” okuchaza ukuthi, igama lesiLatini, “UMoya oNgcwele.” Senake nalibona iKatolika ledlula ngasebandleni bese liziwelela *kanjalo* na? [UMfowethu Branham ufanekisa ngokwenza—Umhl.] Ngani na? “Ngunkulunkulu kulelobandla.” Yini unkulunkulu na? “Lolocezwana lwesinkwa.” Lolocezwana lwesinkwa, indingilizi, lwenziwe njengonkulunkulu welanga abamkhonzayo, lubekwe ealtare lapho amagundwane namakokoloshe egcwala ngakhona, ebusuku. Lowo akusuye uNkulunkulu wami. Ngizonitshela lokho manje. “Isidlo sokuqala, siqiniswe ebandleni.” Umbhedo.

²⁶⁷ Kodwa yilokho abakwenza. Yenza lokho-ke inkumbi. Yasusa uMoya futhi ibanika ucezu lwesinkwa, esinye isinkwa omunye umpriati asenza, noma elinye indela, noma into ethize. Yilokho abakwenza. Kunjalo impela. Hamba, ubuze manje. Hamba, ubuka emuva emlandwini, futhi ubone uma kungenjalo. Futhi uvumela leyonto ishovlelwe phansi emphinjeni wakho na? Akusiwona kuphela lawomaKatolika, kodwa nina maProtestane, abaningi benu, into efanayo. Kulungile. Yilapho abenza khona. Kulungile.

²⁶⁸ Bese kuthi-ke iProtestane, esikhundleni sokuba noMoya oNgwele, niyazi ukuthi enzani na? Ayafika bese ejoyina, axhawule. Kwakungesikho ukuthi umuntu mumbé wenyuka ngomgwaqo wayesexhawula, ngenkathi uSuku lwePentekoste lufika. “Kodwa kwavela eZulwini inhlokomu yokuvunguza koMoya onamandla, owagcwalisa indlu yonke ababehlezi kuyo,” kunjalo, wehla udabula kulawomaqabunga emithini, wathululeka phezu kwexolo. Kunjalo.

²⁶⁹ Manje, manje, esikhundleni sokuZalwa okusha uJesu akusho, umuntu kumele azalwe ngokusha, bazitholela ukuthi kujoyinwe ibandla labo, “Woza futhi ujoyine.” Esikhundleni seZwi, inkumbi ibanika isivumokholo. Aniboni na? Bukani lapha ukuthi yenzani. Inikeza okwemvelo ngokukamoya. Ningakubona na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

²⁷⁰ Manje bukani. Manje, thina, si—sisemgqeni weKatolika lapha, kodwa benazi yini ukuthi lokho kwehla ngqo kwedlulele kumaProtestane nawo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Sinazo kuphi izibonakaliso zikaMoya oNgwele emabandleni amaProtestane namhlanje na? Sinakho kuphi ukulumbana kwamaPentecostal phakathi phakathi kwamaProtestane na?

Asinakho. Ninakho kwiLuthela na? ["Qhabo."] Uma ninakho, ngifuna ukuya kukho. Ngifuna ukuya laphaya futhi nje ngidle futhi ngibe nesikhathi esimnandi. Presbyterian na? Kuphi—kuphi—kukuphi na? Niyabo? Nizitholele into ethize engeyokwemvelo.

²⁷¹ Ngilungela ukuhamba, futhi niyakwazi lokho. Niyabo? Ningakudedeli neze Lokhu kuphume enhliziyweni yenu.

²⁷² Ningakuthathi okwemvelo. Lokho ngukufa. Lomuntu wemvelo ungukufa. Noma yini okukwenzayo, ngukufa. Kuphansi komthetho futhi kulapha ngokufa. "NguMoya ophilisayo," niyabo, uMoya onikeza ukuPhila, uyakuphilisa. NguMoya.

²⁷³ Ngakho, niyabo, bathatha... Bhekisisani ukuthi benzeni. Bathatha umbhaphathizo wamanzi, usuka ku "Jesu Kristu," waya ku "Yise, iNdodana, uMoya oNgewe," isiqu, okungesilo nhlobo iGama.

²⁷⁴ Manje, wena uthi, "Kwenza mehluko muni na?" Kulungile. Manje, uma uzonikeza... .

²⁷⁵ Omunye uzokunika isheke lakho lomholo, ngoMgqibelo, i—i—indoda ekuholelayo. Esikhundleni sokufaka igama layo phezu kwa lapho, ithi nje, "Livela—livela 'Kubasi.'" Yilokho oku... . Isheke lakho lomholo, nje, "Khokha ngokukaJohn Doe, amadola ayikhulu namashumi amahlanu, ngomsebenzi waleliviki. Livela ku, 'Basi.'" Libeke phansi, ibhange, bese ubona ukuthi libhampa libuye kanjani. Ya. Ya. Yebo, mmmzane. Impela liyobhampa libuye. Ngempela.

²⁷⁶ Uma kungawenzi-mehluko, wawayalalani uPawulu lawomaKristu, edumisa uNkulunkulu futhi enenqwaba yokujabula, futhi enezinto ezinkulu zenzeka enhla lapho, wawatshelani ukuthi, "Nifanele nibuye futhi nibhaphathizwe, niphinde, eGameni likaJesu Kristu"? Niyabo? Thathani iZwi, nithi, hlalani naLo nje. Ningasho lutho olwehlukile. Nje shonini eLikushoyo. Niyabo? Yilokho-ke esizokwehlulelwa ngakho.

²⁷⁷ Manje bukani. Yilokho abakwenza. Esikhundleni sokuZalwa okusha, banokujoyina. Esikhundleni sokukhuluma iZwi, banesivumokholo. Ngikhombiseni eBhayibhelini lapho abake basheso khona u "Yethi Mariya." Ngikhombiseni eBhayibhelini lapho nina maProtestane nake nacaphuna khona Isivumokholo sabaPhostoli. Ngitsheleni ukuthi siyini Isivumokholo sabaPhostoli, eBhayibhelini, "Ukudlelana kwabangewe." Babemelene naso. Ngitsheleni eBhayibhelini lapho abake baba nombhaphathizo ka "Yise, iNdodana, noMoya oNgewe." Awukho lapho. Futhi nokho niyawuthatha. Ha?

²⁷⁸ Manje, manje, esikhundleni senhlanganyelo nobuzalwane phakathi kwabazalwane, babanika obusa ezindabeni ezingewe, uphapha. Futhi ninombhishobhi, unitshela ukuthi yini eningayenza nokuthi yini eningeke. Nani maPentecostal

unegosa lesifunda elinitshela ukuthi ubani eningamngenisa. Kodwa iBandla linoKristu. Niyabo?

²⁷⁹ Yilapho eniza khona. Niyabo? Baninika lezozimfundiso ezingaphikiswa nezinto ezenziwa ngumuntu, esikhundleni, niLisuse. Yenzeni leyonkumbi na? ILisuse ngqo eMthini, bese ininika *lokhu*. “Ngizokugijimisa lokho kusuke eMthini, futhi ngizoninika *lokhu*, esikhundleni. Ngizosusa *Lokho*, bese ngininika *lokhu*.” Niyabona lapho nifinyelele khona na?

Wena uthi, “Awu, Mfowethu Branham!”

²⁸⁰ Yikuphi lapho wonk’umuntu, yikuphi lapho lonke ibandla lamaProtestane, lavela khona na? IKatolika. Yilokho iSambulo 13, noma iSambulo 17, sathi liyokwenza. Sathi, “Laliyisifebekazi, futhi sasingu *nina wezifebe*,” into efanayo. Ngakho ninga...Ibhodwe ngeke labiza iketela ngokuthi limnyama, niyazi, ngakho ningakwenzi. Lokho nje... Ningakwenzi. Ngakho, lokho, kunjalo.

²⁸¹ Ubuzalwane; yasusa ubuzalwane. Kanti, besifanele ukuba ngabafowethu, omunye nomunye. Kwasehlukana futhi kwasenza sehluka. Kulungile.

²⁸² Manje bhekisani. Nakhu okuhle. Ngizokuthola lokhu, ngizobe sengima-ke, ngalezi ezinye. Bukani.

²⁸³ IBhayibheli liyasitshela, nxa senze okungalungile, ukuthi sifanele ukuhlana imiphumulo yethu ngoMoya oNgcwele. Siguqe, phansi, sidedele uMoya oNgcwele wembule kithi ukuthi nenza okungalungile, futhi lapho nihlale phambi kwaKhe nize niphela, sihlana imiphefumulo yethu.

²⁸⁴ Manje, bajikile, baninika isihlanzo. Emva kokuba senifile, khona-ke umpristi wenza inqwaba yemali, ukunikhulekela niphume esihlanzweni. Ngani, ngumbhedo! Yilokho inkumbi ekwenzile. Impela. “Inikhulekele niphume esihlanzweni. Kubiza amakhulu *angaka* amadola ukuthola lomphumulo ukuba ukhulekelwe uphume esihlanzweni.” Ngifuna nithole ngisho “isihlanzo” eBhayibhelini, noma yini enjengaso. Ayikho into enjalo eBhayibhelini. Qhabo, mnumzana. Kodwa babanika isihlanzo, niyabo, bona, emva kokuba senifile. O, yebo, ngiyazi.

²⁸⁵ Ba—ba—bathi, “Impela!” Ubezwa bethi, “Awu, uBoniface oNgcwele washo *ukuthi-nokuthi*.” Angikhathali ukuthi uBoniface oNgcwele wathini. “Awu, uS’*bani-bani* akashongo yini ukuthi yena, wakhulekela umyeni wakhe, lelosistela elikhulu, uS’*bani-bani* oNgcwele na?” Angikhathali ukuthi lenzani.

²⁸⁶ Yigama elingenakho ukugunyazwa. Liphambene nabaphostli abanokugunyazwa. UNkulunkulu unika labobaphostoli, ukuba babeke iBandla ngokuhlelekile, futhi Lakhelwe phezu kweMfundiso yabaphostoli, hhayi phezu kukaBoniface oNgcwele noma omunye ongcwele.

Kuphambene neZwi. Angikhathali ukuthi uBoniface oNgcwele wathini, nokuthi ini abanye abangcwele, nabanye abangcwele, noSusie oNgcwele, noMariya Ngcwele, bonke labo abakusho. Kungumbhedo. Akungaphezu kwanoma yimaphi amanye amanga. Uma kuphambene neZwi likaNkulunkulu, kungamanga. Angikholelwa emazwini angagunyaziwe.

²⁸⁷ Yingaleso sizathu ngingazikholwa lezizivumokholo zamaProtestane nezinto. YiKatolika kuze—kuze kuyofika emnyombweni. Yizimfundiso ezingaphikiswa. Ningawabiza kanjani amaKatolika, futhi nihlekise ngawo enezimfundiso ezingaphikiswa, nibe nigcwele yona, qobo lwenu na? Akusikho kakhulu kangako lapha, kodwa lokhu kuseteyipini, niyaqonda, niyabo, kuya ezweni lonke jikelele. Qaphelani. Ningawabiza kanjani ukuthi anephutha, nibe nithatha izivumokholo ezenziwe ngumuntu okuphambene neBhayibheli, imfundiso engaphikiswa, ngokufanayo nje njengoba enza na? Ngani na? Nisenhlanganweni eyindodakazi esifebeni esidala. Yini isifebe na? Omunye wesifazane ophila ngokungethembeki kumyeni wakhe. Ozisho ukuthi uyibandla lamaKristu, futhi linikezelana ngemfundiso engalungile, izinto zalo uqobo, esikhundleni sokuthatha iZwi likaNkulunkulu eliNgcwele.

²⁸⁸ Njengoba nje kwenza uEva, walalela u—uDeveli, futhi ubangela konke ukufa nosizi oselokhu kwashaya umhlaba. Kufika ngoEva, ngoba wahlobonga ngokomoya wamelana noNkulunkulu, ngokulikholwa ngokungesikho iZwi laKhe.

²⁸⁹ Futhi yilokho impela amabandla akwenzayo namhlanje, ehlobonga ngokomoya emelana neZwi likaNkulunkulu. Futhi angeke ngisho abe nawe ebandleni uma ungavumelani nemfundiso yawo.

²⁹⁰ Awu, bangisayinela izincwadi, “Uma uzokholelwa *kulokhu*, futhi uma uzothi *lokhu* kulungile, futhi uzo . . .”

²⁹¹ Ngathi, “Ngeke ngize nje.” Qhabo, mnumzane. Ngizoshumayela nje lokhu okushiwo yileliBhayibheli, noma ngingashumayeli nhlobo. Niyabo? Kunjalo.

²⁹² Sihlale kuleloZwi. Yilokho esifanele sikwenze, bazalwane. Sihlale lapho. Manje sehlela ezinsukwini zokugcina, futhi siyakwazi lokho. Ihora lilapha.

²⁹³ Besingasho kanjani! O, basho *lokhu*, *lokho*, *nokunye*. Kodwa noma yini engagunyaziwe, ningayikholwa. Angikhathali ukuthi yashiwo ngubani, uma noma ubani.

Lapha, udade ufika kimi, kungekudala. Wayesethi . . .

²⁹⁴ I—iqembu elithize lamadoda engashumayela kulo, abefundisi, ngombhaphathizo eGameni likaJesu Kristu, lapho amakhulu amathathu nento, abefundisi . . . Inqwaba yabantu ihlezi lapha yayisemhlanganweni, lapho wonke umkhandlu weNhlangano yabeFundisi baseChicago wahlangana khona

nami. INkosi inginika umbono, yangitshela lapho ababeyoba khona nokuthi kwakuzokwenzekani. Ngase ngijikela ngqo enhla lapho, ngase ngisho. Sineteyipu lapha uma nifuna ukuyizwa. Niyabo? Futhi ngi...Bonke ababhisobhi, nodokotela, nezikhulu zesonto okhadinali, nabobonke, bahlala lapho.

²⁹⁵ Ngathi, “Noma yimuphi wenu ongakugxeka, thola iBhayibheli lakho bese uza lapha.” Ngathi, “Nithule mayelana nani kangaka na?” Futhi kwakungekho-muntu owasho noma yini. Futhi ngani na? Niyabo, besaba leloZwi. Ngathi, “Manje-ke, uma ningeke, ningisukelelani na? Thulani. Phumani, yenzani okuthize. Futhi uma ningenakukweseka ngeZwi, khona-ke yibani nilokhu nithule.”

²⁹⁶ Ngakho, manje-ke, leloqembu elifanayo lamadoda lathumela inenekazi ezansi, lathi, “Mfowethu Branham, uma iNgelosi yeNkosi yakutshela.” INgelosi yeNkosi, niyazi, isithombe saYo—saYo silapho, niyabo. “Uma iNgelosi yeNkosi yakutshela loKho, awu, sizoKukholwa.”

²⁹⁷ Ngathi, “Noma ubani, ukuthi iqembu lobufundisi ebelingaba buthakathaka kanjalo, ‘Uma iNgelosi yeNkosi ishilo.’ Uma leyoNgelosi isho into ethize ephambene naleliZwi, bekungebe yiNgelosi yeNkosi.”

²⁹⁸ INgelosi yeNkosi iyoqinisekisa iZwi. Yilokho impela Ebihlala ikwenza kuyo yonke iminyaka. Isalokhu yenza into efanayo. Ihlala neZwi. Futhi noma yimuphi umfundisi ogcotshwe nguMoya oNgcwele uyohlala ngeZwi elifanayo, ngoba iBhayibheli lasho ukuthi iBhayibheli lonke jikelele lalotshwa nguMoya oNgcwele.

²⁹⁹ Futhi ningaba kanjani noMoya oNgcwele futhi niphike okushiwo yiBhayibheli na? Wona impela umoya okini, uyafakaza ukuthi akulungile. Niyabo? Inkumbi ibidla, yilokho kuphela, ehhe, idla isusa izinto eziyiqiniso zikaNkulunkulu. Yebo, mnumzane. Izwi elingagunyaziwe liphambene neMfundiso yabaphostoli. O, he!

³⁰⁰ Lena yiMfundiso yabaphostoli. Leli yiBhayibheli. Lona nguMoya oNgcwele. Lonke iZwi elikuLo liqinisile. Uvele nje ukholwe futhi uLemukele, futhi ungalehlisi, futhi ubhekisise zonke izithembiso zigwaliseka, ukuzibonakalisa kukaNkulunkulu kukhona khona manje.

³⁰¹ Uma nje Engesuye uNkulunkulu kakhulu manje njengoba Wayenjalo ngenkathi abantwana bakwaIsrayeli bewela uLwandle oluBomvu, Ubengebe nguNkulunkulu. Akasuye uNkulunkulu ofanayo owehla ngePhentekoste Ukuthi Ukhona khona lapha, namhlanje, Akasuye uNkulunkulu ofanayo. Manje-ke, kwakungekho-kuvuka, uma Wayengesuye, uma E... O, usiza ngani uNkulunkulu womlando kini, uma Engesuye uNkulunkulu ofanayo namhlanje na? Niyabo? Kusiza ngani ukuthumela abashumayeli emakholiji, futhi babachamsele

njengamachwane achanyuselwe ngomshini, futhi bahambe bezungeza kanjalo, uma ingekho into ethiwa nguNkulunkulu na?

³⁰² Nenzani, nisusa iZwi likaNkulunkulu na? Likuphi igunya lenu na? Wena uthi, “Ibandla.” Ibandla, kunezinhlango ezingamakhulu ayisishiyagalolunye namashumi ayisithuphanesishiyagalolunye ezehlukene zawo. Yilona liphilawo eliqinisile na? Akekho oyokwazi ukuthi enzeni. Ubungadideka. Kunjalo. Kodwa uNkulunkulu akazukubehlulela abantu ngebandla.

³⁰³ Uzobehlulela ngoKristu, noKristu yiZwi. IBhayibheli lathi, “Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama, wakha phakathi kwethu.” Uyokwehlulela ibandla nabantu ngeZwi, kunjalo, eliphilayo, iZwi elivukileyo.

³⁰⁴ Bese-ke uma lelo eliphilayo, izwi elivukile lisho noma yini ephambene naleliZwi *lapha*, khona-ke alisilo elivukile, izwi elivukile. Ngoba, Leli, Liyofakaza ngaleliQiniso. Angesho into ethize *lapha*, nenye into ethize ng*apha*.

³⁰⁵ Ngingasho into ethize *lapha*, nento ethize ng*apho*, ngoba ngingumuntu. Ungayisho, nawe. Ungathola ukwazi okwengeziwe nokuqonda.

³⁰⁶ Kodwa, hhayi uNkulunkulu; Ungongenasiphelo. Niyabo? Une...Isinqumo sokuqala, into yaKhe yokuqala Ayishoyo, izofanele ime Phakade. Iyafana. Angesho into eyodwa *lapha*, nento ethize ng*apha*. Uzofofanele asho into efanayo ngasosonke isikhathi, ukuze abe nguNkulunkulu.

³⁰⁷ Ngakho uma uMoya uphezu kwakho, ungokaNkulunkulu, uyofakazisa ukuthi leliZwi liyiQiniso, lonke iZwi laLo. Futhi Liyilo izolo, namuhla, naphakade. Yilokho iBhayibheli elikushoyo. Yebo, nnumzane. Kulungile.

Manje, asisheshe futhi sithole isigaba esilandelayo salesisilokazane esincane.

³⁰⁸ Kuqala, sasiyisibotho. Yini esayinqampuna eMthini kaNkulunkulu na? [Omunye uthi, “Isithelo.”—Umhl.] Isithelo.

³⁰⁹ Isigaba esilandelayo esingena kuso; safe kulesosigaba, bese kungena esinye isigaba. Senzani manje na? Singena kulesisikhathi njengesikhonyane. Sinqampuna onke amaqabunga. Lowo ngumkhuba wesikhonyane.

³¹⁰ Manje, yini into elandelayo esiyenzile na? Sibuya sesikwesinye isigaba, njengenkumbi, futhi sangena exolweni.

³¹¹ Manje, lapha sifika njengesikho-...njengenkasa, isigaba sesine saso, manje njengenkasa. Yini inkasa na? Iyisimunci; imunca ukuPhila, uMoya, ukuPhila. Yilokho ekwenzayo, yehla ngqo, ibambe ubindiza, bese iyomunca. Inkasa, nansi. Sizoyibiza

ngobani na? Ihlelo. Lelo yilelogama lomfo elifanele. Ngani na? Ungumbhuhisi; umunca ukuPhila.

³¹² Ngaso sonke isikhathi uma uNkulunkulu ethumela umnyakazo phakathi kwabantu baKhe, ngaso sonke isikhathi, futhi bayahlela, khona lapho bayafa. Ngifuna umuntu othize owazi umlando webandla, ongakugxeka lokho. Ngikhombiseni kanye lapho inhlangano yake yahlela, ukuthi ayifanga yini khona lapho. Inkumbi yayibamba, yasusa inkolo yayo. Bese kuthi-ke isimunci sifike sase sithatha i... samunca ukuPhila sakukhipha ngqo eMthini.

³¹³ Nhloboni yokuPhila eyayikuWo na? UMoya oNgcwele. Kwenzani na? Akukwazanga ukubamba uMoya oNgcwele phakathi lapho bese kuthi-ke kube kusalokhu kunezimfundiso ezingaphikiswa. UMoya oNgcwele wawungeke ukumele. Ngakho kuthatha okuNgcwele, ukuPhila okuphuma eMthini, bese kukunika imfundiso engaphikiswa, kwenze ihlelo. "Asikhathali ukuthi Lokhu kuthini. Ihlelo lethu lisho *lokhu*." Nakho lapho okhona. Khumbulani, emva kokuba lihlela, njalo liyafa, futhi aliphinde livuke futhi.

³¹⁴ Inhlangano yokuqala kwaba yiKatolika; yafa masinyane. Kusobala, kwakuyimfundiso engaphikiswa, okokuqala nje.

³¹⁵ Ukuphuma lapho kuvela inguquko yokuqala, kwakunguLuther, yahlela futhi yafa.

Elandelayo kufika uWesley; wahlela, wafa.

Elandelayo kufika iPhentekoste; yahlela futhi yafa.

³¹⁶ IPresbyterian, iLuthela, zonke lezi ezinye, na—namaNazaretha, iPilgrim Holiness, nazo zonke lezizinhlangano ezazilandelana kanjalo, zonke zafa. Zibukeni. Ngani na? Ziyahlela, nalokho kuyazibulala. Zenzani na? Zifaka lezizimfundiso ezingaphikiswa.

³¹⁷ Nina maNazaretha, elimangalisayo, ibandla elilandelayo e—ekuvumbukeni kwePhentekoste. Kwakuyini na? Nikholelwa ekungcwelisweni, kodwa uma sekwehlela eziphiweni zikaMoya, ukukhuluma ngezilimi namandla amaningi amakhulu kaNkulunkulu, naKubiza nga "mademoni," futhi nafa lapho-ke. Kunjalo. Likuphi namhlanje na? Lifile. O, linamaningi ngokuthe xaxa amalunga, kodwa likuphi na? Liyisidumbu.

³¹⁸ Ngilibonile, ngobunye ubusuku, kunjalo, yonk'into. Umelusi wawo, elele ngaphezulu, anga isidumbu, enza uthando kuso. Wathi, "Abasenaso isikhathi, empeleni. Lokhu kuyikho konke kwakho." Ngakho, ngizoninika khona, ngesinye isikhathi, eteyipini. Niyabo? Kulungile.

³¹⁹ UNkulunkulu watshala uMuthi waKhe, ukuba uthele isithelo sokomoya, izithelo zikaMoya. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kodwa wenzani umuntu na? Umuntu wayezama njalo ukuWenza ube yisimo-mbumbulu. Wenza,

emuva lapho; uyenza manje. Manje, lokhu, asidubule kanzima manje, futhi sisheshe. Umuntu ubezama njalo ukuthatha iBandla lokomoya futhi alenze libe yisimo-mbumbulu.

³²⁰ ULuther wayeneBandla lokomoya. Kwenzekani na? Wathi nje uLuther angafa, balenza isimo, into-mbumbulu.

³²¹ Wenzani uWesley na? UJohn Wesley, indoda enkulu kaNkulunkulu! Ubani obengathi uJohn Wesley wayengesiyo indoda kaNkulunkulu na? Wenzani na? Kwathi nje yena noJohn noCharles bangafa, balihlela. Ngenkathi lenza, lafa. Impela.

³²² Into efanayo kwehle njalo ngonyaka, ngaso sonke isikhathi, phezu kwabo bonke. Benza okokufakelwa okumbumbulu, imisebenzi emihle, inhlango yebandla enkulu kunazo zonke, abantu abakhaliphe kunabo bonke. “Isikhulu sedolobha sifuna ukusijoyina.”

³²³ Yilokho impela okwenzeke kinina sigejane samaPentecostal nani. Impela kunjalo. Na—nawisa imigoqo. Nasuka kuMoya. Nafuna izakhiwo ezinkulu, nobukhazikhazi, nayoyonke into enjalo, futhi nathola abelusi abanesithunzi. Nenzani na? Nina bomama nathumela abafana benu le kwamanye alamakholi phandle lapha, ukuba babe abelusi. Baya kobafundisani na? Isayense yezenkolo nalo lonke uhlobo lwezinto ezenziwe ngumuntu. Futhi kukuphi namhlanje na? Bayabuya, isigejane soRicky noElvise. Kunjalo impela. Ninani namhlanje na? Isigejane sombhedo, “Isimo sokumesaba uNkulunkulu.”

³²⁴ IBhayibheli lathi, “Ngezinsuku zokugcina bayoba nesimo sokumesaba uNkulunkulu, kodwa bayowaphika Amandla akho, ukuPhila kwakho.” Ngani na? Inkasa yaKumunca yakukhipha. Kunjalo. Inhlango iKususile. UThimothewu wokuQala 3, uPawulu wathi, “Yazi lokhu, ezinsukwini zokugcina, ukuthi kuzakavela izikhathi ezinzima. Abantu bazakuba ngabazithandayo, abazigabisayo, abazidlayo, abahlambalazayo, abangalaleli, abangabongiyo, abahlazisayo, abangenaluthando, abangenabumnene, abangathandi okuhle, umkhapheli, abakhukhumele, benesimo sokumesaba uNkulunkulu, futhi baphike Amandla akho.” Inkasa yakumunca yakukhipha. Inkumbi yangena kukho, kudala. Sizonehlisela lowoMuthi, wonke, esikhashanyaneni nje, iNkosi ithanda.

³²⁵ “Indawo ebanzi kunazo zonke.” O, impela. “Awu, niyazi, ibandla lethu libuthelele kakhulu impela.” O, impela.

³²⁶ IKatolika lanedlula ngamamayela ayisigidi. Impela lanedlula. Laze lathola kakhulu impela eRashiya baze balixosha futhi babeka, basungula ubukhomanisi. Benza into efanayo eMexico. Futhi bebefanele bakwenze ezweni lonke jikelele, lapho elikhona. Kunjalo.

³²⁷ Ningabesabi neze ubukhomanisi. Ubukhomanisi buyicebo elingamkhonzi uNkulunkulu. Kodwa nizwa abanye balaba abashumayeli, bama epulpiti, begxeka, “Ubukhomanisi!

Ubukhomanisi!” Angikholelwa kubo nami. Kodwa ninga... Futhi batshele ibandla labo, “O, sonke sizogwinywa lombolozhi. Izwe lonke lizoba yikhomanisi.” Lokho kuphambene impela neZwi likaNkulunkulu. Akukho-ndawo eBhayibhelini esho ukuthi lokho kuyoba ngaleyondlela.

³²⁸ Kodwa iBhayibheli lithi ubuRoma, ibandla eliKatolika, liyothonya izwe. Thatha uDanyeli bese uthola. Ikhanda legolide, iNkosi uNebukadinezari, umbuso waseBabiloni; amaMede nePeresiya angena esikhundleni sakhe; iNkosi enkulu yaseGrisi yangena esikhundleni salokho; neRoma yaya ekupheleni. Lezozinzwane eziyishumi zagijimela kuyo yonke imibuso phansi komhlaba. Ninga...

³²⁹ Kunekhethini lensimbi. Kunekhethini loqalo. Kunekhethini eliphephuli. Mfowethu, wena, ungesabi namunye wabo, kodwa bhekisisa lelokhethini eliphephuli.

³³⁰ Lihlezi khona lapha esihlalweni sobukhosi, namhlanje, kulelizwe. Khumbulani, njengoba nje kwenza uAhab, noJezebele emva kwakhe. Lokho yi... iBhayibheli libiza ibandla eliKatolika ngokuthi u “Jezebele; isifebe.” NoAhab wayengesuye umfo omubi. Angisho ukuthi uMnu. Kennedy akasiyo indoda ekahle. Angazi lutho ngaye. Uyindoda. Yilokho kuphela engikwaziyo. UnguMongameli. Ngikholwa ukuthi uyoba nguMongameli okahle. Akusuye; yileyonqubo emva kwakhe. Linda aze athole ukufudumala kwikhabhinethi, nanomaphi esingafinyelela khona, bese-ke ubhekisisa ukuthi kuyokwenzekani. Bukani ukuthi kwenzeni kwezinye izizwe. Bukani ukuthi njalo kwenzeni.

³³¹ Futhi alisho yini iBhayibheli, eSambulweni 13 na? Lesisizwe siyinombolo yeshumi nantathu. Sinemishwe eyishumi nantathu nezinkanyezi eziyishumi nantathu eflegini. Imishwe eyishumi nantathu eflegini. Ishumi nantathu, yonke into kuso yishumi nantathu; amakoloni ayishumi nantathu, ishumi nantathu yonk’into. Futhi sitholakala esahlukweni 13 seSambulo.

³³² NeBhayibheli lasho, ukuthi, “Senyuka njengewundlu elincane,” inkululeko yenkolo; “izimpondo ezincane ezimbili,” impucuko nezobufundisi. Futhi emva kwesikhashana, bahlangana, “Futhi sakhuluma njengoba kwenza udrako, futhi senze konke udrako akwenza phambi kwaso.” NeBhayibheli lathi, “Benza umfanekiso kuso isilo,” umfelandawonye webandla, abanawo nje phakathi khona manje, lapha eDolobheni laseNew York. Futhi lapho lawomakhaza amakhulukazi ezidumbu enhla lapho! Nani nonke maMethodisti, maBaptisti, namaPentecostal, nani nonke, ezokonga... abantu bomkhandlu wenkolo yobukristu phandle lapha, bezama ukwenza izinto ezinjengalokho, futhi nithengisa ngobuzibulo benu, ukuba nijoyine lesosigejane seBabiloni. Yin’indaba ngani na? Impela. Nithengisa ngobuzibulo benu,

njengoba uEsawu enza, ngenxa yengxovangxova yokudla. Yilokho kuphela enizokuthola. Yilokho kuphela.

333 “Babumba umfanekiso wesilo.” Impela. Ningabesabi ubukhomanisi. Yesabani ubuKatolika. “O,” bathi, “buyongena ngezithopho, njengewundlu. Kodwa,” lathi, “bubhekisiseni.” Emva kwabo, yimpisi. Umsheshelengwana. Bubhekisiseni. Yebo, mnumzane. Isizathu, buphambene neZwi. Okushiwo yiZwi kuzofanele kufezeke.

334 Ubukhomanisi abenzi lutho kodwa budlala ngqo ezandleni zikaNkulunkulu. Kunjalo impela. Futhi kungani bezofanele benze lokho na? UNkulunkulu wadingeka avumele ubukhomanisi, ukuze buzokwazi ukuthi benze lezi, iZwi laKhe, lifezeke. Impela. Lokho yi... Nikuqondile lokho na? Senake nacabanga ngalokho na? UNkulunkulu uzofanele afezekise iZwi laKhe.

335 Bukani. Lapho okwakunabaprofethi abangamakhulu amane bama phandle lapho, ngaphambili, ngoAhabi noJehoshafati, ngoluny’usuku. UJehoshafati, indoda elungileyo. Wathi, “Kodwa, ngaphambi kokuba senyukele eRamoti-Gileyadi,” wathi, “besingafanele sibuze eNkosini na?”

336 UAhabi wathi, “Ya. Impela.” Niyabo? UJezebele emva kwakho konke, niyazi. Wathi, “Sizo—sizo... Nginabaprofethi abangamakhulu amane lapha. Sizobenyusa.”

337 Bonke abantu abakahle. Babenyusa. Bonke baprofetha, bathi, “Yenyuka. INkosi inawe.”

338 Lokho akuzwakalanga kahle, kulendoda emesabayo uNkulunkulu. Inkosi yakwaIsrayeli, noma inkosi yakwaIsrayeli enhla lapho... Akuzwakalanga kahle hle kuyo. Yathi, “Akasekho omunye na?”

339 “Abashumayeli abangamakhulu amane, sebevele bekuzwana kunye, bethi, ‘Yenyuka. INkosi isivele ikhulumile kithi futhi yathi, ‘Yenyuka.’”

Wathi, “Kodwa bekufanele abekhona omunye ndawondawo.”

340 Wathi, “Nginaye oyedwa, kodwa ngiyamzonda.” Impela, ngokoqobo. Ya. Wathi, “Uhlala njalo engibhavumulela. Uhlala njalo esho okubi ngami.” Wayengakwenza kanjani noma yini okunye, libe iZwi likaNkulunkulu lalimelene naye na?

341 Ngakho bathumela base bethola uMikaya. UMikaya wathi, “Yenyuka. Yebo. Kunjalo. Kodwa ngibone uIsrayeli ehla kazekele, njengezimvu ezingamelusi.”

342 Manje-ke yena, ngani, lowomshumayeli omkhulu wawela, umbhishobhi, wayesemmukula emlonyeni. Wathi, “UMoya kaNkulunkulu waya ngaphi ngenkathi Uphuma kimi na?”

343 Wayesethi-ke, “Nje bekungekho kuwe, okokuqala nje.” Ngakho manje-ke—ngakho manje-ke wathi, “Uzothola, ngolunye lwalezizinsuku.” Wathi—wathi—wathi. . .

344 UAhabi wathi, “Mbuyiseleni etilongweni elimaphakathi. Nimuphe isinkwa sokuhlupheka na—namanzi okuhlupheka.” Wathi, “Uma sengibuya ngokuphila, ngizobhekana nalomfo.”

345 Wathi, “Uma ubuya nokubuya, khona-ke iZwi likaNkulunkulu alikhulumanga kimi.” Ngani? Ngani? Wayekahle neZwi, ekahle neZwi.

346 Noma yisiphi isiprofetho esingahlali naleloZwi. . . Lokho impela. Yingalesosizathu ngisho namhlanje; akunandaba ukuthi kubukeka kukuhle kanjani, ukuthi bangaki abashumayeli abasho *lokhu*, *lokho*, noma *okunye*, “Ubukhomanisi buzothatha izwe futhi buliqumbe phansi.” Ningalokothi nizame ukulwa nobukhomanisi. Yilwani nobuRoma. Ngokuba, lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. KwakuyiNkosi eyathi ubuRoma buzobusa, hhayi ubukhomanisi. Buyincelebana nje.

347 Kodwa, niyabo, wafanele enze lokho. INkosi yatshela uMikaya, “Ngifanele ngithumele uAhabi phandle lapho. Ngibe nalabobashumayeli basho lokho, ukuthumela uAhabi phandle lapho, ukuze kwenze amazwi kaElija afezeke.”

348 UNkulunkulu wafanele avumele ubukhomanisi buvuke. Benzani na? Baphethe onke lawa lapha amakhaza ezidumbu ndawonye, base benza umfelandawonye wamabandla, ukuba ujoyine, ukwenza umfanekiso wesilo, khona nje iZwi laKhe elathi kuyokwenzeka. Ningakhathazeki ngalokho. Bhekisisani into obumbeka phansi kwayo. Kunjalo. Mm!

349 Ngi. . . ngiqagele ukuthi ngiyanikhandla, kodwa. . . [Ibandla lithi, “Qhabo.”—Umhl.] Kodwa lokho kuqinisile. Angazi ukuthi ngingakhuluma nini kini futhi. Ngingahle ngingenzi neze. Asazi. Singahle singaphinde sibonane futhi, kodwa ngifuna nazi okuyiQiniso.

350 Bhekisisani leliZwi. LiyiQiniso; hhayi mina. LeliZwi, yiLo Leli. Uma izwi lami liphambene na*Leli*, khona-ke ningangikholwa. Kholwani yiLelo. Manje-ke, uma nithi, “Awu, sinalo Lelo, futhi nishumayela okuphambene naLo,” khona-ke kungumsebenzi omiselwe nina ukuba nize kimi. Kunjalo. Kungumsebenzi omiselwe nina ukuba nize kimi. Niyabo? Wozani nje, futhi sibone ukuthi liyini iZwi, manje.

351 Manje, ngakho-ke, sithola ukuthi kwakuyi. . . ngubukhomanisi bubuthana ndawonye. UNkulunkulu wathi, “UGoge noMagoge, lapho, bayobuthana ndawonye,” impela, “ukuletha impi.” Lokho kuqinisile ngempela, ngoba buzohlanganisa lemibutho ndawonye. Buzofanele bufike. IBhayibheli lathi buyofika.

UNkulunkulu watshala loMuthi, ukuba uthele isithelo saKhe sokomoya.

³⁵² Nomuntu ubezama njalo ukuwenza isimo-mbumbulu, “Benesimo sokumesaba uNkulunkulu.” Izakhiwo ezibanzi kunazo zonke edolobheni, impela, izigidi zamadola! He, bakithi! Nabantu beshumayela ukuthi uJesu uyeza, futhi bechitha izigidi zamadola ayisithupha nayisishiyagalombili esakhiweni ndawondawo. Futhi, izithunywa zenkolo, ngiyazazi izithunywa zenkolo ensimini, esishumayela iVangeli, zingafake pheya lezicathulo, zidla ukudla okubili ngeviki. Ningabona ukuthi kungani, mfowethu, si. . . Yin’indaba ngabantu na? Angikholwa empeleni ukuthi bayakholwa ukuthi Uyeza. Amazwi akho—akho—akho—akho akhuluma. . . Awu, impilo yakho—yakho ikhuluma kakhulu kunamazwi akho. U. . . Niyabo? Futhi U. . .

³⁵³ Lezozithunywa zenkolo ezincane, lapho engenyukela khona emhlanganweni wami onjalo, zingafake zicathulo; ipheya elincane lebhulukwe sizithandele ngalo, *kanjalo*; sakhe phandle lapho sinamazeze, ne ameba, nezilokazana, nazo zonke izinhlobo zokugula, nayo yonke enye into phandle pho; izandlana ezindala zidleka, futhi zidliwa yi ameba nayo yonke enye into. Simi lapho, sithi, “UnguMfowethu Branham na?”

Ngithi, “Yebo.”

Sathi, “O, busiswa! Ngikukhulekela njalo.”

³⁵⁴ Ngacabanga, “O Nkulunkulu, leyondoda ayingikhulekele. Yebo. Yilowo umfo. Yilowo.”

³⁵⁵ “Ngi. . . nga—nga—ngazifunda izindatshana zakho, Mfowethu Branham. Impela ukhuluma iQiniso. Sinawe ngqo.” O, mfowethu, yilowo—yilowo umfana. Yilowo; umfo omncane ozihluphekelayo.

Uzwe umuntu ethi, “Uyazi ukuthi ubani lowo na?”

“O,” uthi, “akasuye owenhlanganano yethu.”

“Kunjalo na? Ungubani na?”

“Ngani, akanathi.”

“Awu, ungubani na?”

“O, u—ungozimele.”

“O, unjalo na? Ehhe. Awu, wenzani na?”

“O, unomsebenzi omncane phandle lapho. A—akayikujoyinana nathi.”

“Awu, ngifuna ukwazi ngaye.”

³⁵⁶ Niyazi, ngenkathi ngisengumfanyana, ngihlwaya ama apula engadini yama apula, ngangithola njalo ukuthi umuthi wawunazo zonke izinduku phansi kwawo, niyazi. Unezinduku ezinhle kahle nezil’khuni, yilapho ama apula elikahle lalikhona.

Bathi, “Awu, ungumgingqiki ongcwele nje.”

³⁵⁷ Niyazi, njalo ubeka isithuso lapho umuthi omuhle ukhona. UDeveli wenza into efanayo, ukukwethusa usuke kuWo. Ungakhathazeki. Qhubeka ngqo phakathi emva kwalesosithuso.

³⁵⁸ Mina ngibukela ingulube yaphansi ngoluny'usuku, idla ubhontshisi ibhathabini engangiwtshala. Ngaso sonke isikhathi ngangitshala umugqa kabhontshisi ibhathabini, lowomfo omncane, uyawushwabadela. Ngacabanga, “Ngizomethusa kuthi akafe.” Ngakho ngazitholela isaka lephepha. Futhi ngiyingcweti ngempela; sengathi ngabe nake nangibona. Ngadweba lokho engangicabanga ukuthi kwakuyisithombe esethusayo. O, sathusa, naso, uma ngisidwebile. Ngase ngisibeka esakeni, ngase ngizifakela omunye ubhontshisi ibhathabini kulo, ngase ngisiphanyeka othini. Futhi kwakuthi uma umoya uvunguza, sasinyakaza *kanjalo*.

³⁵⁹ Yasho yaphuma emgodini ingulube encane yaphansi, niyazi. Futhi yayigijima yehle idabule lapho, yayidla ubhontshisi ibhathabini, futhi yagijima yenyuka ngqo ngalelisaka. Yahlehla. Yalibuka, yakubuka ngale *kanjalo*. Futhi yahamba, “whewu,” yagxumela kulo, futhi, o, isaka lama lathula. Yalibuka futhi, niyazi, futhi yalibuka ndawo zonke, futhi. Yabuka emuva yase iwubona lowobhontshisi ibhathabini uqhubeka wehla ngomugqa. Futhi wawumuhle, niyazi. Ngakho yabuka, lesosithuso endleleni yayo. Ngakho yenyuka, futhi yayilokhu isondela kakhudlwana, *kanjalo*. [UMfowethu Branham umbambatha entweni ethize—Umhl.] Izama ukusethusa, futhi sasinganyakazi. Ningakhathazeki; sifile. Zikanjalo-ke zonke lezozithuso. Ngakho i—ngakho nje i . . .

³⁶⁰ Ekwenzile, yathatha unyawo lwayo oluncane yase ishaya lelosaka, futhi lahamba lathi khehlekehle, khehlekehle. Yagxuma yahlehla yase ilibuka, *kanjalo*. Yalishaya futhi, khehlekehle, khehlekehle. Yilokho kuphela okuyikho, ukukhehlezelela nje. Njengesikhova somIrishi, konke ukuqophisana nezimpaphe, futhi kungekho-sikhova, niyazi. Ngakho nje yalishaya *kanjalo*, futhi yalikehlezelela kane noma kahlanu *kanjalo*. Niyazi ukuthi yenzeni na? Yaqonda ngqo izungeza emva kwesaka yase iqhubeka idla ubhontshisi ibhathabini yami. Yayazi kakhulu ngalo, kahle ukwedlula engakwenza. Niyabo? Kwakuyini na? Niyabo, yayingasivumeli isithuso siyimise. Kunento ethize enhle emva kwesithuso.

³⁶¹ Nxa bethi, “O, bangabalingqiki abangcwele,” qhubeka nje ngqo uzungeza emva kwalokho kwethusa bese uqhubeka ungene. Niyabo? Qhubeka futhi ukukholwe. Niyabo? Kungahle kubekhona uMoya oNgcwele othize lapho, futhi, niyabo. Ungeke washo. Niyabo? Kulungile.

³⁶² O, lelohle- . . .ake sibuke lenkasa yehlelo isebenza. Ibandla ngokwemvelo; iBandla ngokomoya. Bhekisisani lenkasa endala manje, ukuthi ilihlela *kanjani*. Isivele ilinqampunile

ixolo, nezithelo zinqampunwa kulo, futhi, o, mfowethu, akusekho konke. Zonke iziphiwo zikaMoya asisekho; akukho kuphilisa ngokukaNkulunkulu, akukho-kukhuluma ngezilimi, akukho-siprofetho, akukho lutho, abakholelwa ku—kholelwa kubaprofethi. Abakholelwa kulezizinto. Abazi. Konke, kwenziwe ngumuntu! Yonk'into abanayo yenziwe ngumuntu, into-mbumbulu. Niyabo? Kulungile. Ibandla ngokwemvelo, kunebandla ngokwemvelo. Yilelo elakhiwe ngumuntu. IBandla ngokomoya . . .

³⁶³ Niyazi, iBhayibheli liyakusho lokho na? Yebo, mnumzane. Ibandla ngokwemvelo; neBandla ngokomoya. NeBhayibheli lithi, “Xosha isigqilakazi nomntwana waso:” (uHagari) “ngokuba asiyikulidla ifa kanye nowesifazane okhululekileyo nomntwana wakhe.” Niyabo?

³⁶⁴ Ngakho, ibandla lemvelo, elizodla ifa (Ini?) ukuboshwa kwezithungu, ukuboshwa kwezinyanda, ukuba zishiswe. “Futhi asiyikulidla ifa, sidle ifa, nowesifazane okhululekileyo.” Uma isigqilakazi sisebugqilini nabantwana baso benhlangano, asiyikulidla ifa kanye nowesifazane okhululekileyo, ngoba abantwana bowesifazane okhululekileyo uya oHlwithweni. Nabantwana besigqilakazi uzoma ekwaHlulelweni, niyabo, xosha. Ya. Abakomoya bakhululekile. Yebo, mnumzane.

³⁶⁵ Inkasa, oEsawu behlelo. Manje, uEsawu. KunoEsawu noJakobe, bobabili amawele, bobabili bekhola. UEsawu wayeyindoda yokwenyama. Wayeyindoda elungileyo. Akashongo ukuthi, awu, manje . . . Akaphumanga futhi ebe, aphuze, kumbe noma yini lapho. Wayeyindoda ekholwayo. Kodwa wacabanga, “Awu, inqobo nje uma ngikhola, kwenza mehluko muni na?”

³⁶⁶ Kodwa, uJakobe omdadlana, akakhathalanga ukuthi wayedinga abuthole kanjani, lobobuzibulo yilokho ayekufuna. Akunandaba ukuthi wabuthola kanjani, nje uma eButholile! Uma wayedingeka aguqe phansi ealtare, futhi adazuluke futhi akhale, futhi akhale kakhulu futhi aphume amafinyila. Ngiyaxolisa. Noma, niyazi, aphume amanzi phezulu esweni lakhe. Bengingaqondile ukusho lokho. Futhi ngakho . . . Ngiyaxolisa. Ngakho, aguqe phansi ealtare futhi akhale njalo aze aButhole, ngani, waButhola. Niyabo? Akakhathalanga ukuthi waButhola kanjani, nje uma eButholile.

³⁶⁷ Abanye babo uthi, “Ngi . . . Mfowethu Branham, labobantu ezansi lapho, bekhala kakhulu kulelo altare, futhi bekhala, futhi bekhala. AngiBufuni ngaleyondlela.” Awu, ungeke uButhole.

³⁶⁸ Omdala onsunjwana, umfowethu oyikhaladi, ezansi eNgingizimu, ngesinye isikhathi, wayehlala njalo ejabule. Futhi yena, ubasi wakhe wathi, “Yini e—yini ekwenza ujabule kangaka sonke isikhathi, mfana na?”

Wathi, “Ngizwe inkolo ezwelayo.”

Wathi, “Ayikho into enjalo.”

³⁶⁹ Wathi, “Wenze iphutha elilodwa. ‘Ngokwazi kwakho, ayikho into enjalo.’” Wayazi okwehlukile. Wathi, “‘Ngokwazi kwakho.’ Ubufanele ukusho ngaleyondlela.”

Ngoluny’suku, wathi, “Ngifuna ukuthola enye yaleyonkolo ezwelayo.”

Wathi, “Uyifuna nini?”

Wathi, “Manje.”

Wathi, “Awu, as’ambe siyithole.”

³⁷⁰ Baphuma. Wathi, “Nanti ikamelo eliphezulu lenqwaba yotshani obomile. Lihle.” Wayesethi, “Ya, umkami angeke angizwe, nanoma yini phandle lapha,” washo. Yileyondlela abantu abaYifuna ngayo, niyazi; baYikhangeze, ngesitsha. Wathi, “Sizogqa phansi lapha.”

Umfowethu omdala wathi, “Awuyitholi lapha.”

³⁷¹ Awu, mnumzane, wehlela endaweni yesilwane sinye esitebeleni. Wathi, “SizoYithola lapha na?”

Wathi, “Qhabo.”

Wathi, “Sizowelega enqolobaneni yombila.”

Wathi, “Qhabo.”

Wathi, “UYitholaphi?”

³⁷² Wathi, “Ngilande.” Wagoqa imilenze yebhulukwe lakhe, waphumela kwesikhulu isibayana sengulube, ngokukhulu ukushesha, odakeni, wathi, “Phumela ngqo lapha. Nakhu lapho oYithola khona.”

Wathi, “Angifuni ukuphumela lapho.”

Wathi, “AwukaYifuni-ke, basi. AwuYifuni.”

³⁷³ Niyazi, uNamani wacabanga lokho, naye. UNamani, uNamani wathi, “Manje, ngifuna ukususa uchoko lwami.”

³⁷⁴ U Elija wathi, “Yehlela lapho eJordani elinodaka, lapho elithululela khona eMediterranean lapho.” Wayesethi, “Linodaka ngakho konke. Cwila phansi lapho kasikhombisa.”

³⁷⁵ “O,” uNamani wathi, “he, bakithi! Awangcono yini amanzi, enhla ngaseDamaseku nasenhla lapho na? Uuu, mahle futhi ahlanzekile enhla lapho.” He, siyabona lapha ngobunye ubusuku, efilimini, lapha, niyazi. Wathi, “O,” wathi, “ngani, ngani, asifuni ukwehlela lapho. Ngeke ngehlela lapho. Futhi uyazi ukuthi ngingubani? Ngingukapteni womlindi. Ngiyinduna yempi.”

³⁷⁶ “Awu, uma ufuna ukususa uchoko lwakho, qhubeka wehlele lapho. Kodwa uma ufuna ukulugcina, qhubeka wenyukele lapho. Wathi, ‘Ucwile.’”

377 Futhi sengiyambona ephumela kulawomanzi. Ungathini nje? O, lokho kwalimaza isithunzi sakhe. Sengiyambona, niyazi, ephuma ecokama kanje; ebambe ikhala, niyazi.

378 Yileyondlela abanye abantu abazama ukuza ngayo kuKristu. “Ngingathanda ukuphiliswa. Ngingathanda ukuba, niyazi, ngiye eZulwini, kodwa, o, he, uma-ke bonke bengibuka.” Hhe-e. Wena mzenzisi. Awusoze waButhola, noma kanjani. Kunjalo. Niyabo? Awusoze waButhola, noma kanjani. Ungakhathazeki. AwukaBufuni ngokwenele. Kunjalo. AwuBufuni ngokwenele. Kunjalo impela. Nxa usulungele ukuButhola, uyoButhola, kahle. UNkulunkulu uyokupha Bona uma usulungele. Kulungile.

379 Manje, zonke, izinkasa zamahlelo, ziyidle yonke into. Qaphelani isilokazane ngasinye, ngasinye salezizilokazane, ngenkathi sasisebenza eMthini, senzela indlela esinye esasizosilandela. O, singumfo okhaliphile. Yebo, mnumzane. Niyabo? Sasusa izithelo, niyabo, uMoya, ukuze (Ini?) sikwazi ukususa inhlanganyelo, niyabo, amaqabunga.

380 Ngakho olunye uhlangothi luyafika futhi saziphilisa, sanqampuna amaqabunga. Sakwenzelani, lokho na? Sanqampuna amaqabunga ukuze kungabikho-kuphola nokuba freshi, ukuze abanye abantu bakwazi ukubona, ukuze sikwazi ukungena exolweni. Niyabo?

381 Sasingena exolweni, futhi sibhole imbobo onqenqemeni, futhi sisuse iMfundiso kubo, niyabo, yona impela into esekela ukuPhila.

382 Kwase kuthi-ke, sathi singathola ukubhola izimbobo kulokho, esaba nakho, uhlelo olulandelayo, kufika inkasa endala eyisimunci, eyathatha ihlelo, yase ilimunca lonke yase ilihlela ukuze ningaKutholi.

383 Futhi kwezani ukuPhila na? Kwehlela ngqo ezimpandeni. Kunjalo impela. Kukwehlisela ngqo ezimpandeni. Kulungile.

384 Manje, isilokazane esifanayo sabhola saya enhliziyweni, saze safinyelela ekuPhileni. Sasilokhu siza ngesithelo, ngamaqabunga, ngexolo, saze safinyelela ngqo enhliziyweni, intambo yokuPhila. Kulungile.

385 Manje asibuke umbhubhisi esemsebenzini, owokuqala. Ngizodingeka ngikweqe okunye kwalokhu lapha, ngiyakholwa; qhabo, angizukukwenza. I—into yokuqala lomfo ayenzayo, wathi nje angangena enhliziyweni yoMuthi. Asimbhekisise, emuva esigabeni sakhe sokuqala, ngaphambi kokuba aze aqale kahle kakhulu. Asimbhekisise. Manje asimbhekisise esemsebenzini. Into yokuqala ayigxeka, kwakungukubhubhisa owokuqala wangempela, uMuthi wesithelo oligugu uNkulunkulu aba nawo emhlabeni.

386 Manje, uma ningangibekezelela eminye nje futhi imizuzu embalwa. Ngifuna nina—ngifuna nina ukuba nithole lokhu

manje. Ninga. . . Lona nguMlayezo wenu wePhasika, uza khona manje. Ehhe, ehhe, ehhe.

³⁸⁷ Into yokuqala ayenzayo, wabhubhisa owokuqala kaNkulunkulu, uMuthi wesithelo oligugu, uKristu. WayeyilowoMuthi ovela ensimini yase-Edene. Kunjalo. UMuthi wesithelo wokuqala, waWubhubhisa. OWokuqala uNkulunkulu awutshala lapha emhlabeni, wawunguKristu. Wabhubhisa lowoMuthi owawuthela isithelo saKhe. Manje, babenayo yonke inhlobo yezinhlango, futhi nje wayenalokho ezandleni zakhe. Kodwa ngenkathi efika eMthini owathela isithelo sangempela, lesosilokazane samaRoma sangena Lapho, niyabo, sabhubhisa uMuthi.

³⁸⁸ UMuthi? Yebo. UJesu wathi, “Uma Ngi. . .” KuJohane oNgcwele, “Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, noma ngingabi nezithelo zikaBaba waMi, ningaNgikhohla.” Wayethela isithelo sikaNkulunkulu. Nhloboni yesithelo Asithelayo na? Nhloboni yesithelo na?

³⁸⁹ AsiMbhekisise okwemizuzu embalwa. Sedlulile kukho isikhathi esiningi. Asithathe nje okokwandulelisa okuncane, senzele abantu ohlezi lapha, abalindele umzuzu, ukuba bakhulekelwe.

³⁹⁰ Kwakuyini into yokuqala ababeyazi, ayezoyenza, aMqonde ukuthi unguMesiya na? Ngenkathi uPetru kuqala efika kuYe, noAndreya wayemlethile, Wayesebuka uPetru wayesethi, “Igama lakho unguSimoni, futhi uyindodana kaJonase.” Wazi ngayo leyonkathi, ngokomBhalo, ukuthi lowo kwakunguMesiya. Kwakukade kukhona. . .

³⁹¹ Benazi yini ukuthi kwakukade kunabangingi abavukayo phambi kwalokho, ngokomlando, futhi bazibiza ngoMesiya na? Kodwa akukho namunye wabo owayengenza *lokhu*. Ehhe. Isizathu, “UMesiya,” uMose wathi (IZwi likaNkulunkulu, elingehluleke, lakhulunywa nguMose.), wathi, “UMesiya wenu uyakuba ngumProfethi njengami.”

³⁹² Futhi ngakho ngenkathi lesisihambi senyukela phambi kukaJesu, noJesu wathi, “Bheka, igama lakho unguSimoni, futhi uyindodana kaJonase,” uPetru wazi ngayo leyonkathi ukuthi WayenguBani. Wayazi ukuthi lowo kwakunguYe.

³⁹³ Ngenkathi uNatanayeli ehamba futhi wathola uFiliphu, noma. . .UFiliphu wahamba, wathola uNatanayeli, njalo, wayesemletha laphaya. NoNatanayeli, indoda enkulu, niyabo, indoda enkulu, indoda ekholwayo. No—noFiliphu emtshela ngakho, emgwaqeni ngale, Ayekade ekwenze kuSimoni. Futhi ngenkathi uNatanayeli enyukela eBukhoni bukaJesu, wathini uJesu na? Wathi, “Bheka umIsrayeli, okungekho-nkohliso kuye.”

Wathi, “Rabi, Ungaze nini na?”

394 Wathi, “Ungakabizwa nguFiliphu, uphansi komuthi, Ngakubona.”

395 Wathi, “Rabi! Rabi, UyiNdodana kaNkulunkulu; UyiNkosi kaIsrayeli.” Niyabo?

396 Ngani na? Leso yisithelo. “Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi...” Wayeyazi yona impela imicabango owawusezinhliziyweni zabo.

397 Owesifazane wathinta ingubo yaKhe, ngesinye isikhathi, wayesesuka wayesehlala phansi enhlanganweni yebandla. UJesu waqalaza wayesethi, “Ubani oNgithintile?” Bonke bakuphika. Waqalaza, wayesembona. Wayenomopho. Wathi, “Ukukholwa kwakho kukusindisile.” O, he!

Owasifazane omdadlana waseSamariya . . .

398 Manje khumbulani, Akazange aye kwabeZizwe, kanjalo. Qhabo, mnumzane. Watshela abafundi baKhe ukuba bangayi kubo. Lowo yithi. Lolu wusuku lwethu. Waya ngesimo sikaMoya oNgewele, kithi, njengoba Wathi Wayezoba yiso.

399 Kodwa ngenkathi Eya kubo, kwenzekani na? Ngenkathi Eya kowesifazane waseSamariya, owesifazane wathi . . . Wathi kuye, “Ngiphuzise.”

400 Wayesethi, “Akusilo isiko ukuba Wena, uyiJuda, ukuba ucele mina, umSamariya.”

401 Babenokwehlukana ngokwemibala yabo kanjalonjalo. Wabazisa ngayo leyonkathi, kwakungekho-mehluko, bonke basuka emthini ofanayo. Sonke singamadodana namadodakazi kaNkulunkulu. Sisonke, niyabo. Futhi Wathi . . .

402 Wathi, “Awu, siyakhuleka. Ubaba wethu, uJakobe...” Niyabo, nalowo kwakungubaba wabaJuda, futhi. Niyabo? “Ubaba wethu, uJakobe, wamba lomthombo, futhi Wena uthi Umkhulu kunaye?”

403 Wayesethi, “AManzi eNgikupha wona angukuPhila okungunaphakade.” Niyabo? Wathi . . .

“Thina, awu, thina sikhuleka kulentaba, futhi Wena eJerusalema.”

Wathi, “Hamba ulande indoda yakho futhi uze lapha. Lokhu kuzokuxazulula.”

Wathi, “Anginandoda.”

404 Wathi, “Usho kahle.” Wathi, “Ubunayisihlanu; nale onayo manje ayisiyo indoda yakho.”

405 Wathi, “Nkosi, Uyazi, sekube yiminyaka engamakhulu amane selokhu saba nomprofethi, kodwa Wena ufanele ukuba ngumprofethi. Waze kanjani ukuthi ngibe namadoda ayisihlanu na?” Wathi, “Manje, siyazi ukuthi i . . . Sekuyisikhathi sikaMesiya ukuba abe lapha, othiwa, ‘nguKristu.’ Futhi nxa Efika, Uyositshela lezi uhlobo lwezinto.” O, naso izithelo zaKhe.

Wathi, “NginguYe.”

⁴⁰⁶ Washiya imbiza, imbiza yamanzi endala yenhlangano. Waye wayongena emzini. Akunandaba ukuthi umthombo ukangakanani, uJakobe ayenawo, wayesefumene isiPhethu esisha. Waye wayongena emzini, wathi, “Wozani, nibone uMuntu Ongitshele into engiyenzile: kungebe nguYe Lona uMesiya impela na? Kungebe yiso Lesi isithelo na? Kungebe yibo Lobu ubufakazi obubonakalayo ukuthi Lowo nguMesiya na?”

⁴⁰⁷ AbaJuda abaKuqondanga. Bathi, “Ungumbhuli, uBelzabule.”

⁴⁰⁸ UJesu wathi, “Ngiyanithethelela, nina. Kodwa, ngesinye isikhathi, uMoya oNgcwele uza ukuzokwenza into efanayo; futhi, nikhuluma nimelane naLowo, anisoze nathethelelwa khona.” Niyabo?

⁴⁰⁹ Manje, “Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, kholwani...ningaNgikholwa.” Kodwa lowoMuthi wesithelo wawuthela izithelo.

⁴¹⁰ Manje ini na? Wathini na? Manje-ke hlobo luni—luni lweBandla Alumisayo na? Manje, nina maKatolika enifuna ukuba nithi uJesu wamisa ibandla, nhloboni yeBandla Ayimisa na?

⁴¹¹ Ngabe Wake walibalula yini ihlelo, isivumokholo na? [Ibandla lithi, “Qhabo.”—Umhl.] Wayehlala njalo emelene nalo. Wathi, “Nina zindonga ezicakiweyo. Nina mathambo abantu abafile.” Wababiza ngayo yonke nto Ayengababiza ngayo. Kunjalo. Wayemelene nalo. Leso kwakuyisithelo sikaNkulunkulu. Manje, ningenza okubili nokubili, kune, uma nifuna ukukwenza. Kulungile. Wayemelene nento, inhlangano, emelene nemihlahlandlela yabo. Wababiza ngokuthi, “Abazenzisi, izinyoka otshanini,” futhi wathi babe “ngamademoni.” Wathi, “Ningabakayihlo uDeveli, nemisebenzi yakhe niyoyenza. Yimuphi wawoyihlo ongabahluphanga abaprofethi eNgabathuma phambi kwaMi na?” Niyabo? Wathi, “Nase-ke nakha amathuna abo.” Wathi, “Yinina obafake lapho.” O, mfowethu, Wayengabancengi. Kunjalo.

⁴¹² Leso kwakuyisithelo sikaNkulunkulu. Sasiyini na? Ahlale neZwi likaNkulunkulu, enze iZwi likaNkulunkulu libonakaliswe.

⁴¹³ Wathi, ngokunye, “Wathini umBhalo ukuthi Mina uMesiya ngiyokwenzani nxa Ngifika na? Manje, uma Ngingasitheli lesosithelo saleloZwi, khona-ke aNgisuye uMesiya. Kodwa uma Ngithela isithelo saleloZwi uMesiya ayefanele ukukwenza, khona-ke NginguYe.” Amen. “Manje, yimuphi kini ongaNgilahla ngesono na?” Washo. Nakho lapho okhona. “Yiyiphi eyodwa yezinhlangano zenu eyenza lento efanayo na?” Nakho lapho okhona. “UMesiya wayefanele ukwenza lokhu. UMesiya ufanele ukuba ngumprofethi. Manje ake sibone abanye benu

nonke,” Wathi, “nayo yonke imibono yenu yobugagu, asinibone nikwenza.” Manje, babethule. Kulungile. Kwakuyini na? Wathela isithelo sikaNkulunkulu. UMoya oNgwele wawukuYe. Wathela isithelo sikaNkulunkulu. WayeYini na? U . . .

⁴¹⁴ Manje lalelisisani. Ngizojaha ngokukhulu ukusheshisa engingakwenza, ukuze nginganibambezi edineni lenu lePhasika. Bukani. Kodwa, idina lenu—lenu lePhasika lifanele libe ngukuvuka. Niyabo?

⁴¹⁵ Kodwa ini? WayenguMuthi womProfethi ophelele kaNkulunkulu, uMuthi oyisibonelo, uMuthi woMyeni. Amen. Udumo! Ngizosho okuthize, ngqo: Uma EnguMuthi woMyeni (Niyakukholwa na? Ensimini yase-Edene na?) [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] manje-ke, uMuthi woMyeni, ngaphandle kwesiFazane, awusitheli isithelo, ngakho Uzofanele abe noMuthi woMlobokazi. Uzofanele azalwe yimpahla efanayo, iZwi elenziwe inyama eMthini. Ngithemba ukuthi niyakuthola. NgukuPhila okufanayo kuloMuthi wesifazane, uMyeni, njengoba Kunjalo kuMlobokazi. “Imisebeni eNgiyenzayo mina nani niyakuba njalo.” Kunjalo na? [“Amen.”] WayenguMyeni, khumbulani.

⁴¹⁶ Wena uthi, “Lokho akukho ngokomBhalo.” O, kunjalo. Ngikubambile lokho manje. Niyabo? Silungiselela ukuba nomhlangano wokuphilisa emzuzwini. Ngikubambile lokho. Wayenjalo.

⁴¹⁷ Nifuna ubufakazi bakho na? Wathi, “Mina ngingumVini, nina ningamagatsha.” UJohane oNgwele ekusho: “Mina ngingumVini, nina ningamagatsha; nithela isithelo.” Niyabo? Nomuthi wesilisa nomuthi wesifazane uveza impova, omunye komunye, uletha isithelo. Negatsha nomvini wenza into efanayo. Niyabo? Kunjalo impela. Ngakho Washo, manje.

⁴¹⁸ LoMuthi wokuqala wawunguMuthi womProfethi, uMuthi ophelele, uNkulunkulu wabaprofethi. WayenguMuthi omkhulu. Wayengowangempela kaNkulunkulu ophelele . . . uMuthi womProfethi. Ngani na? WayeyiZwi. Manje, abanye kwakungabaprofethi abancane. “IZwi leza kubaprofethi.” Kodwa WayeyiZwi, qobo lwaKhe, esimweni somProfethi. Amen.

⁴¹⁹ Manje sifinyelele ndawondawo. Manje lalelisisani ngempela. Futhi ningakugeji lokhu manje. Bekukuhle kakhulu, ngikubhale nje ngakukhiphela phansi lapha. Mm. Amen.

⁴²⁰ [Kuzwakala ihudi yemoto—Umhl.] Omunye ememeza phandle, beshaya ihudi yabo, phandle lapho. Ehhe, nje, o, ngithemba ukuthi ninesikhathi esihle phandle lapho. Sinjalo, phakathi lapha. Kulungile.

⁴²¹ Manje, WayenguMuthi womProfethi kaNkulunkulu. Ngani na? Washumayela lonke iZwi likaNkulunkulu eliphelele, ngokuba WayeyiZwi likaNkulunkulu libonakaliswa. WayenguMuthi womProfethi ophelele owashumayela iZwi

lomProfethi eliphelele, elaveza isithelo somProfethi esiphelele ngeZwi likaNkulunkulu eliphelele. O, mfowethu, ukhuluma ngoMuthi! UMuthi, WayeyilowoMuthi wokuPhila iNgelosi eyaqhelisa uEva noAdamu kuwo, namaKherubi alindayo, badede kulowoMuthi. Manje amaKherubi afanayo lizama ukubagijimisela kuWo, ngoba kube nendlela eyenzelwe bona. Niyabo? Manje bahoshekela emuva; o, izidalwa ezingabantu. Mm!

Manje, washumayela lonke iZwi, Akanqumanga *lapho* noma *lapho*.

⁴²² Ngenkathi uSathane efika kuYe, lowosiyazi wezenkolo omkhulu, wayesethi, “Kulotshiwe . . .”

UJesu wathi, “Yebo, kanti futhi kulotshiwe . . .” Ehhe.

“Kodwa kulotshiwe . . .”

Wayesethi, “Kanti futhi kulotshiwe . . .”

⁴²³ UMuthi womProfethi ophelele ushumayela iZwi lomProfethi eliphelele, nezibonakaliso zomProfethi eziphelele, imiphumela yomProfethi ephelele, izithelo eziphelele zikaMoya.

⁴²⁴ Futhi okokubhuqa . . . Ngi—ngizohamba ngedlule kulokhu ngokusheshisa impela manje. Isizathu, okokubhuqa, baMlengisa e . . . WayeyiZwi, niyazi. BaMlengisa, uMuthi weZwi; uMuthi weZwi, baMlengisa emthini wamaRoma owenziwe ngumuntu. Mm! Mfowethu, ngithemba ukuthi lokho kufike ekhaya. Yena, enguMuthi wokomoya ophelele kaNkulunkulu, baMlengisa emthini wamaRoma owenziwe ngumuntu. Amen.

⁴²⁵ Kuyafana manje. Bazama ukuthatha uMuthi ophelele kaNkulunkulu, iZwi, futhi baLixube, bese beLilengisa phezulu ngaleya ohlobweni oluthize lwesivumokholo. Ukufa nokuPhila akuyikuxubana. UJesu akazange ethamele inkonzo yomngcwabo; Wayeyobavusa abafileyo. Ngani na? Ukufa nokuPhila ngeke kwahlala ndawonye. Kuphambene, okunye kokunye. Akashumayelanga-mingcwabo. Wavele wabavusa nje. Amen. Yebo. Ngani na? UkuPhila; nokufa.

⁴²⁶ Manje bukani. BaMlengisa emthini. Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] “Uqalekisiwe olenga emthini.” Kunjalo na? [“Amen.”] IBhayibheli lathi, “Uqalekisiwe olenga kunoma yimuphi umuthi owenziwe ngumuntu.”

⁴²⁷ Ngakho uma, namhlanje, nizama ukulenga kolunye uhlobo lomuthi olwenziwe ngumuntu, zikhululeni kuwo. Futhi ningawuvumeli unilengise lapho, nawo. Isizathu, leyo yindawo yabafileyo, omunye uLuther owenziwe ngumuntu, iBaptisti, iPresbyterian, inhlango yamaPentecostal, kunjalo, omunye umuthi owenziwe ngumumuntu. Ningalengi lapho. Ningayivumeli inilengise lapho, nayo. Bayonilengisa lapho uma bengakwenza, kuze kuthi konke ukuPhila kuphume kini, nize niyiqonde imfundiso yabo. Kunjalo.

428 Kodwa yilapho abalengisa khona loMuthi ophelele. UMuthi wesithelo ophelele kaNkulunkulu walenga emthini wamaRoma owenziwe ngumuntu. Yilokho-ke. Kwakuyisiqalekiso ukulenga kunoma yimuphi umuthi owenziwe ngumuntu. Kuyini na? UkuMsusa ebusweni babo, emva kokuba Wayezithele zonke ezithelo.

429 Emva kukaMariya Magadalena, kushiwo ngumlando, wagijima phambi kwabo wayesethi, “Wenzi na? Bubi buni Abenza na?” Wamisa udwendwe, wathi, “Yini Ayenza eyayingububi na? Akenzanga lutho kodwa ushumayela iVangeli kwabampofu na? Akenzanga lutho kodwa uphilisa abagulayo, avuse abafileyo na? Futhi zona impela izibonakaliso zikaNkulunkulu ophilayo sikuYe. BeningaMlahla ngecala kanjani na?”

430 Futhi bammukula emlonyeni, base bethi, “Ubungalalela lowo wesifazane odume kabi esikhundleni sompristi wakho,” nakho lapho okhona, “umbhishobhi wakho?” Ehhe. Nakho lapho okhona. Into efanayo namhlanje. Kunjalo. Ehhe. Yebo.

431 Manje, ngenkathi Esenze konke lokhu, futhi Wazifakazisa, Ayeyikho, wayesekubeka phansi kubo wayesethi, “Uma NgingesuYe, khona-ke ningobani nina na? Mm, mm. Uma ningaNgilahla ngesono, uma Mina nomaphi nginephutha eZwini, Ngikhombiseni. Manje ake Nginikhombise lapho eninephutha khona.” Niyabo? *Isono* ngu “kungakholwa.” Siyakwazi lokho.

432 Manje, ukuMsusa ebusweni babo! BaMzonda kabi kakhulu, ngoba Wasiphula zonke izinhlangano zabo. UkuMsusa ebusweni babo, baMmbela. Base begingqa elikhulukazi itshe lehlelo phezu komnyango, ukuze kuzoba nesiqiniseko ukuthi Akabuyi avuke futhi. Niyabo? O, he!

433 Cabangani ngalowoMuthi ophelele! UDavide wabuka emuva wayeseWubona. Wathi, “Umi ngasemifuleni yaManzi. Uthela amaqabunga aKhe ngenkathi yes’khathi. Nesithelo saKhe, asiyikulahlwa. Wona, awuyikubuna. Konke Akwenzayo kuyakuphumelela.” WayeyiNdodana yempumelelo.

434 UJosefa wayengumfanekiso waKhe. Wayeyilokhu okwakuFanekisiwe kukaJosefa. Ndawo zonke uJosefa ayeya kuzo, kwakuphumelela.

435 Into efanayo ngoJesu, iZwi laKhe. “IZwi laMi liyophumelela, futhi aLiyikubuyela-ze kiMi. Liyofeza lokho eNgaLihlosela khona.” Niyabo? WayeyiZwi. IZwi lathunyelwa emhlabeni, nguNkulunkulu, futhi Liyofeza khona impela uNkulunkulu aLithumela khona.

436 Manje, lalélisisani manje. Lokhu kuyaceba, nolaza phezu kwakho. Manje qaphelani.

437 Nangu Eza, manje, futhi ba . . . ngayo impela leyomisebenzi kaNkulunkulu, ngenkathi Ema wayesebabuza. Wathi, “Uma Ngingenzi imisebenzi uNkulunkulu athi Ngifanele ngiyenze, khona-ke aNgisuYe; ningaNgikhholwa. Kodwa uma Ngiwenza, khona-ke kholwani imisebenzi. Uma ningenakuNgikhholwa, ngiyiNdoda eyenza lokhu, khona-ke kholwani imisebenzi eNgiyenzayo. Ifakaza ngaMi. Ikhuluma kakhulu kunoma iphimbo laMi belingakhuluma.” Kunjalo.

Nento efanayo iyosebenza noma ngasiphi isikhathi. Yebo, mnumzane. Impela iyokwenza.

438 Manje qaphelani. “Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke ninga . . . ningaNgikhholwa, ningaNgikhholwa. Manje-ke, uma Ngenza imisebenzi, Ngikhholweni.”

439 Base-ke benzani na? Bathatha lowoMuthi oligugu, baWuceka, baWulengisa emthini owenziwe ngumuntu. Kunjalo, banquma ukuPhila bakukhipha kuWo, base bewulengisa phezu komuthi owenziwe ngumuntu, okokubhuqa.

440 Kwase-ke, babengakuthandi. Abantu abaningi kakhulu bemi lapho, bekhala ngaWo, ngakho baMehlisa. Bathi, “Sizokwenza ihlelo lethu liqinise kakhulu ukuthi abasoze babafaka labobagingqiki abangcwele lapha.” Ngakho baMphulukundlelisa emuva emgodini kaJosefa waseArimathiya, base begingqa itshe elikhulukazi. Kwathatha ikhulu lamadoda ukulingingqela enhla lapho.

441 Senake nabona—bona, ngobunye ubusuku, esithombeni, indlela yezinyawo enkulu abagingqela itshe phezu kwayo na? Lisinda amathani.

442 Bagingqela itshe lenhlangano yabo enkulu enhla lapho, ukuze Angakwazi ukuvuka. Kodwa ngabe lokho kwaMbamba na? Qhabo.

443 “Kodwa Ngiyakubuyisela, isho iNkosi.” Asishaye leyondikimba manje, futhi siyishaye. “Ngiyakubuyisela, isho iNkosi. NgiyakuMbuyisela ngezinsuku ezintathu. Ngobuye ngiMvuse abuye avuke futhi.” Abakwazanga ukuMfihla kulelodwala. Abakwazanga ukuMfihla ebusweni babo. Abakwazanga ukuMsusa esandleni. “NgiyakuMbuyisela, isho iNkosi.” Futhi ngezinsuku ezintathu Wavuka, wabuyiselwa wabuya.

444 Emva kwePhasika, ukuvuka kwaKhe, Wathi, “Hambani niye ezweni lonke, futhi Ngizohamba nani. Njengalokhu uBaba ophilayo eNgithumile, futhi UkiMi, ngakho Ngiyanithuma futhi ngiyakuba kini. Nginani, kuze kube sekupheleni kwezwe. Imisebenzi, into efanayo eNgiyenzile, ukufakazisa ukuthi Ngangiyiyo, niyokwenza izinto ezifanayo ukufakazisa ukuthi niyiyo.” Ngiyakuthanda lokho.

445 “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abangamakholwa,” hhayi abazenzisi, kodwa amakholwa. Niyabo? “Lezizinto eNgizenzayo, uyakuyenza futhi uqinisekise ukuthi uyikholwa. Ngokufanayo nje njengemisebenzi eNgiyenzile, ngoba uBaba ophilayo uhlala kiMi. AkusiMi owenza umsebenzi; nguBaba waMi. Futhi akuyikuba yini enenza imisebenzi; kuyoba yiMi kini, ngenza imisebenzi.” Niyabo? “Manje, yanini ezweni lonke.”

446 Ngokunye, “Nizobumba okwaziwa ngokuthi, kiMi, njengoMlobokazi.” Niyabo? Kulungile. “Ngizohamba nani. Futhi Ngi...Niyoba yingxenye yaMi. Niyoba nguMlobokazi waMi. UkuPhila kwaMi kuyoba seMzimbeni wenu. Njengendoda nje nomfazi ngumuntu oyedwa, nina naMi sizoba Munye. Ngalolosuku niyakukwazi ukuthi NgikuBaba, uBaba ukiMi, naMi ngikini, nani nikiMi.” Mm! Ngiyakuthanda nje lokho. USathane uthukuthela kakhulu nje ngalokho. Niyabubona uBunye bukaNkulunkulu na? Konke lokho uNkulunkulu ayeyikho, Wakuthululela kuKristu; nakho konke lokho uKristu ayeyikho, Wakuthululela eBandleni. Nakho lapho okhona. Kubenza bonke babeMunye.

447 Manje bukani. Manje, uMlobokazi banguMuthi owodwa wokuPhila. Ngamany’amazwi, njengendoda nomfazi munye, uKristu noMlobokazi waKhe baMunye: into efanayo, uMoya ofanayo, imisebenzi efanayo, izibonakaliso ezifanayo, yonke enye into. “Ngokuba imisebenzi eNgiyenzayo nani niyakuyenza.” Kuze kube nini na? “Ezweni lonke.” Kangakanani na? “Kukho konke okudaliweyo.” Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

O, lalélisisani manje, ngizodubula ibhodlela elikhulu lewayini.

448 Inkasa yamaRoma yaqala ukudla kulowoMuthi woMlobokazi yaze yaWuthatha wayothi ngqu ezimpandeni. Umuthi ofanayo wamaRoma o...Nhloboni yomuthi eyasiphula uKristu na? [Ibandla lithi, “EyaseRoma.”—Umhl.] Nhloboni yomuthi eyasiphula uMlobokazi kaKristu na? [“EyaseRoma.”] Kanjani na? Ngokubambisa ngeny’into ngaphandle kweZwi. Ngalokho, niyabo, ibandla lamaProtestane elingalithathi iZwi likaNkulunkulu liyindodakazi ebandleni lamaRoma. UNkulunkulu akakaze, nangasiphi isikhathi, ahlele ibandla. Ibandla eliRoma Katolika laba yinhlango yokuqala. Futhi onke awo angamadodakazi, kulo, ahlelayo.

449 Afa nalo. IBhayibheli lasho, ukuthi, “Uyoshisa abantwana balo ngomlilo.” Bangaki okwaziyo lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] IBhayibheli lasho njalo. Awu, iBhayibheli lasho ukuthi ukolo nokhula kuyokhula ndawonye kuze kube usuku lokugcina, khona-ke Uyobopha ukhula (kunjalo na?), kuqala, bese elushisa. [“Amen.”] Nokolo uyoya enqolobaneni. Kunjalo na? [“Amen.”] Ukhula luzibopha lona ndawonye

enhlanganweni, uMfelandawonye wamaBandla, kwenzelwa ukushiswa yi atomu. Kunjalo impela. Kodwa iBandla lilungiselela ukuya enqolobaneni, ngokuqiniseke impela nje njengezwe, oHlwithweni, ngokuba owesifazane okhululekileyo akayikulidla ifa kanye nesigqilakazi. Uuu, Mfowethu Anthony!

O, sibheke ukufika kwalolosuku olujabulisayo
lwesikhathi seminyaka eyiNkulungwane,
Lapho iNkosi yethu ebusiwe iyofika bese
ihlwitha uMlobokazi waYo olindile;
O! Umphefumulo wami ugwaliswe
wuhlwitho lapho ngisebenza, ngilinda
ngikhuluka,
Ngokuba iNkosi yethu ibuyela emhlabeni
futhi.

⁴⁵⁰ Haleluya! Yebo, mnumzane. O, Uyoshisa ukhula. Futhi ukolo, Uyowuyisa enqolobaneni.

⁴⁵¹ Inkasa yamaRoma yaqala ukudla kulowoMuthi, ngezinsuku zikaPawulu. Wathi, “Ngqiqinisekile,” umBhalo lapha, “ukuthi, emva kokumuka kwami, amadoda ayovuka phakathi kwenu, bazalwane, njengezikhumba zezimvu phezu kwawo, impisi ngaphakathi, futhi ayohunga abaningi bawalandele. Ngokuba umoya womphikukristu, enezwa ngaye ukuthi ubezakuza ezweni, usevele usezweni manje, esebenza kubantwana boku” (ini?) “ngalaleli.” Ukungalaleli (ini?) iZwi. Nakho lapho okhona. Inhlango iqala ukuqala.

⁴⁵² Niyabona ukuthi ngichaza ukuthini, bangani na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Wonke okubonayo lokho, thanini, “Amen.” [“Amen.”]

⁴⁵³ Iqala ukudla! Yenzani na? Leyonkasa endala yaqala, leyonkumbi endala. Leyo . . . UJoweli wayibona.

Lalalani manje. Sehlela eduze kokuphela.

⁴⁵⁴ UJoweli wakubona. Wayesethi, “Okushiywe yisikhonyane, kudliwe yinkasa; okudliwa yinkasa, khona-ke inkumbi yakuthola; okushiywe yinkumbi, ngani, inkasa yakuthola.” Yilokho akusho. Futhi kuyilokho impela. Lowo nguMuthi kaNkulunkulu. UMuthi, waWuceka, leyonkumbi. Kulungile.

⁴⁵⁵ Inkasa yamaRoma yaqala idla kulowoMuthi woMlobokazi futhi yaWuthatha yayofika le ezimpandeni. YaWunquma kuya le emuva, yonk'into! Yanquma uMuthi wasuka ngqo, njengoba yenza kuKristu Jesu, uMyeni. Yaceka uMlobokazi ngqo, yase iqala iphumela ezivumwenikholo namahlelo. Isilokazane esifanayo esidala! Kodwa ini na? O, udumo! Kodwa ezimpandeni zaWo kwakuyiNzalo emiselwe ngaphambili, iNzalo yobuKhosi ka Abrahamama. Yayingenakufa. IZwi lalisezimpendeni nesithembiso, “Ngiyakubuyisela, isho iNkosi.” Ini? “Yonke iminyaka eyajuqulwa yinkasa, konke lokho

okudliwe yisikhonyane, konke lokho zonke izilokazane ezikushwabadelayo, NgiyakuKubuyisela emuva, isho iNkosi.”

456 Manje qhathanisani lokhu neSonto eledlule, nangaphambi kweSonto, lemiLayezo manje. Lalelisisani manje, njengoba niza ekuvaleni. Bhekisisani.

457 “Ngiyakubuyisela, isho iNkosi, konke lokho okunqampunwa yizilokazane. Ngiyakukubuyisela konke nokuncu kwaWo kubuye ngqo futhi.”

458 Manje hlalani nithule uma ningakwenza, imizuzu embalwa, futhi nilalelisise. Lungelani. Futhi nikhuleke ngayo yonke inhliziyu yenu, ukuba uNkulunkulu aWembule kini.

459 Ngakho, isithembiso sikaNkulunkulu siqala ukubuyisela, ngokuba uNkulunkulu wathi WayezoWubuyisela. Kuyafana nje njengoba Avusa lowoMuthi woMlobokazi. . .UMuthi woMyeni, Uyovusa uMuthi woMlobokazi, ngoba Uzoba khona khona ngaleya, kuqinisekile njengezwe. Ini manje? Kulungile. Ngakho isithembiso sikaNkulunkulu siyaqala, “Ngiyakubuyisela, isho iNkosi, konke lokho okudliwa yisikhonyane, inkasa.”

Njengasesikhathini sokuqala, ngenkathi Akha leloBandla lokuqala.

460 Ngizofinyelela kwezinye iziMfundiso manje. Uma ningafuni ukuYikholwa, kulungile. Kodwa nivele nje. . .Kungcono niYihlole, kuqala. Niyabo? Qaphelani.

Wawukhulisa kanjani lowoMuthi, endaweni yokuqala na? O, he!

461 Lokhu kungenzela okuhle kakhulu. Ngiyazi angizwakali kakhulu nginjengomfundisi, ngimi lapha kanje, kodwa ngi—ngi—ngi—ngiyakuthanda engikhuluma ngakho. Niyabo, ngichazani?

462 Futhi manje qaphelani. Njengesikhathi sokuqala, ngenkathi Eqala leloBandla lokuqala elinqampunwa yinkasa yamaRoma, nenkumbi, kanjalonjalo, Waqala ukuphuma nokulungisiswa ngokukholwa. UJohane umBhaphathizi.

463 KuJohane oNgcwele, 13, noma, isahluko 17, ivesi 17, uJesu wathi, “Bangcwelise, Baba, ngeQiniso: iZwi laKho liyiQiniso.” Umsebenzi wesibili wawungukungcweliswa, eBandleni. Emva kokulungisiswa kwaba ukungcweliswa.

464 Futhi emva kokuba base bengcwelisiwe, Wabacela ukuba balinde emzini waseJerusalema, uLuka 24:49, baze bagcwaliswa ngamandla avela Phezulu. Futhi lapho Wazala uMuthi, uMoya Ngcwele, iPhentekoste; ukulungisiswa, ukungcweliswa, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele.

465 Kwase kuthi-ke uKristu ufikela ukuhlala kuWo, ukuthela izithelo. Amen. Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Ameni.”—Umhl.]

UJohane washumayela ukulungisiswa.

466 Manje bukani. E...Lokho kubeka ukuzalwa kwemvelo. Nxa owesifazane ezala ingane (Lalelani lokhu.), yini into yokuqala eyenzeka kowesifazane, yini ephuma kuqala na? Yilokhu, kuqala, amanzi. “Phendukani, nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu,” ukungcweliswa. Yini into yesibili eyenzeka kowesifazane na? Igazi. Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Igazi; ukungcweliswa. Bese-ke kuba yini elandelayo na? Ukuphila. Amanzi, igazi, umoya.

467 UJohane oNgcwele, noma uJohane wokuQala 5:7, 7:5, njalo, ngikhulwa ukuthi yikho. Wathi:

...bathathu abafakazayo ezulwini, uBaba, yiZwi (okuyiNdodana), noMoya oNgcwele:...laba abathathu bamunye.

Futhi bathathu abafakazayo emhlabeni, amanzi, igazi, noMoya; futhi abamunye, kodwa bavumelana entweni inye.

468 Ungeke waba noBaba ungenayo iNdodana; ungeke waba neNdodana ungenawo uMoya oNgcwele. Kodwa ungalungisiswa ungenakho ukungcweliswa; ungangcweliswa ungena wo uMoya oNgcwele.

469 Uthini ngalokho, mfowethu oyiNazaretha na? Babekade bengcweliswe nguJesu Kristu, unyaka nezinyanga eziyisithupha ngaphambi kokuba uMoya oNgcwele uze ufike. Kunjalo na? Bangcweliswa nguJesu Kristu.

470 Manje, njengoba Aveza uMuthi woMlobokazi wokuqala isikhonyane nesibotho esiwudle phansi, Ubuyisela uMuthi wesibili, eWukhuphula usuka kulezozimpande ezamisela ngaphambili ezingeke zafa. Umi ngasemifuleni. Uphila kulamanzi amaningi. Wawungenakuzibonisa Wona uqobo, kodwa Ulapho, noma kanjani.

471 Manje kuyaqala, qaphelani, isilokazane esifanayo; njengoba Ebuyisela ebuyisa into efanayo ngendlela efanayo.

472 Owokuqala, ngenkathi lowoMuthi uqala ukuvela uphuma ebuKatolikeni, kwakunguMartin Luther, owashumayela ukulungisiswa. Ingelosi yesibili kwakunguJohn Wesley, owashumayela ukungcweliswa. ULuther washumayela ukulungisiswa, “Abalungileyo bayakuphila ngokukholwa.” UWesley washumayela ukungcweliswa, umsebenzi wesibili womusa oqinisekayo. Bese kuthi-ke kufika uMoya oNgcwele. Njengoba nje Akha uMuthi ukhuphuka, okokuqala, lapha Uyabuyisela futhi, ngendlela efanayo, okwesibili. [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Niyakubona lokho na?

473 Qaphelani. Isilokazane esifanayo, leloshinga elincane, isilokazane esifanayo esaqala futhi sabulala uMuthi ekuqaleni, saqala emuva ngqo kulawomagatsha eLuthela, kodwa (ini?) singeke saWubulala. Singeke saWubulala, ngoba uNkulunkulu

usevele ethe, “Ngiyakubuyisela.” Lesosilokazane saqala ngoLuther, ukubulala onke amagatsha eLuthela. Siza siwelela ngqo kuWesley, futhi sabulala onke amagatsha kaWesley. Kodwa ingxenye enkulu yoMuthi ilokhu iza.

⁴⁷⁴ Manje qaphelani. Endulo, ngenkathi uMuthi ubulawa, Wabulawa, waye wayothi ngqu ezimpandeni ngenkathi siWubulala emuva lapho. Kodwa lesisikhathi, ngoba iZwi limiselwe ngaphambili, akukho lutho oluzoWumisa. UNkulunkulu wathi, “Ngiyakubuyisela. Akunandaba ukuthi bahlela kangakanani, ukuthi bakwenza kangakanani *lokhu, lokho*, noma *okunye*, NgizoWubuyisela.” Lokho kuyakuzazulula. Konke ukuhleka, ukuhlekisa, ukukloloda, bekubiza ngokuthi “abangingqiki abangewe, umbhedo,” yonke into enifuna ukukubiza ngayo. UNkulunkulu wayesalokhu ethi, “Ngiyakubuyisela, isho iNkosi.” Ngokuqiniseke impela nje njengoba Avusa uJesu waphuma ethuneni, phansi kwezinsuku ezintathu, phansi kwezimiselo ezintathu zezikhathi, noma izigatshana ezintathu, Uzovusa iBandla liye ekugcwaleni kwaLo namandla futhi. “Ngiyakubuyisela, isho iNkosi.”

⁴⁷⁵ Kwenzekani na? Leyonkasa endala yaqala idla futhi inohlobo olufanayo lwemiphumela eyayenzayo, kodwa (yenzani na?) yathola kuphela amagatsha eLuthela. Ayizange iwuthole uMoya emva kwalapho, uLuther ayenawo, ngokuba Waphila waqhubeka ngqo. Bese-ke, nakhu sekufika uWesley. Futhi emva kokuba uWesley esefile, lowomprofethi omkhulu, emva kokuba uWesley esefile (benzani na?), bahlela, nawo onke amagatsha afa, kodwa (Wenzani na?) iBandla laphila laqhubeka ngqo, liza liqhubekela ngqo ePhentekoste. Ngenkathi behlela (kwenzekani na?), amagatsha afa, kodwa (ini?) iBandla liqhubeka ngqo.

⁴⁷⁶ Ini? Into efanayo iPentecostal eyenzile, isu elidala elifanayo lokuhambisa kahle, isivumokholo sehlelo esaWuthatha endaweni yokuqala, ukubhubhisa uMuthi e—eMthini woMlobokazi, endaweni yokuqala, amasu amadala afanayo okuhambisa kahle uDeveli awenzayo kuloMuthi wesibili, kodwa (ini?) uNkulunkulu waWumisela ngaphambili. Lizofanele liqhubeke, kungakhathaleki. Uma konke ku... Ukuba kwakukade kungekho, ngenkathi uLuther ehlela, lokho ngabe kwakuzazulula khona lapho; konke kwabuyela emuva nje njengokunye; kwakuyoba yibandla eliKatolika lesibili, ibandla eliRoma Katolika. Niyabo?

⁴⁷⁷ Kodwa, uNkulunkulu wayenqumile ukukwenza. Usevele ulikhulumile iZwi laKhe. Umthetho waKhe uyobona ukuthi Liyafezeka. Akunandaba ukuthi zingaki izithwathwa eseziyophela Elinazo, Lizophila, noma kanjani. Singahle sibe nesikhashana samakhaza nomehluko wamahlelo, nayo yonke into, kodwa lowoMuthi uzophila nje impela njengoba kukhona uNkulunkulu ophilayo ukuWenza uphile. Yebo, mnumzane. Wathi, “Ngiyakubuyisela.”

478 Ngiyazi sinenye intwasahlobo esiyophela, inkathi yes'khathi sePhasika esiyophela ezayo. "INkosi ilibazisa ukuFika kwaYo," bayasho, nayo yonke into kanjalo. Nemimoya ebandayo yabulala inqwaba yalawomagatsha amahlelo, kodwa kungekubulale lokho kuPhila okumiselwe ngaphambili.

479 "Kodlula amazulu nomhlaba, kodwa iZwi laMi alisoze." "Bonke labo Ayebazi ngaphambili, Wababiza: labo Ababiza, Ubalungisisile: labo Abalungisisile, Usevele ubakhazimulisile." Haleluya! Kulotshiwe eNcwadini, iNcwadi yokuPhila yeWundlu, futhi bangeke bafa.

480 Zonke izi—zonke izilokazane isihogo esingazidedela phezu kwaLo azisoze zaLimisa. Akukho-bukhomanisi, ubuKatolika, akukho lutho olunye oluyoLimisa. "Ngiyakubuyisela, isho iNkosi." Yonke imithi yaseRoma eyenziwe ngumuntu ayisoze yalenga phakathi lapho. Onke amathuna awasoze aLigcina lilapho. Onke amatshe amakhulu ehlelo ebekwe emnyango awasoze aLigcina liphakathi lapho. "Ngiyakubuyisela, isho iNkosi. Kuyoba nePhasika. Ngiyakuveza leloBandla elifanayo emandleni aLo afanayo. Ngiyakukhipha lowoMlobokazi njengoba nje Wayenjalo emuva lapho, nezibonakaliso ezifanayo, isithelo esifanayo, into efanayo abayenzayo. Ngiyobuye ngiLibuyise futhi. Ngiyakubuyisela, isho iNkosi," (ini?) "ngibuyisele konke lokho okwamahlelo okulinqampunayo, ngibuyisele konke okunqampunwa yinhlango. Ngiyakubuyisela, isho iNkosi, konke okwakho."

481 Manje, wena uthi, "Kuthiwani ngalezozinto ezasukayo, ehlelweni na?"

482 UNkulunkulu unguMlimi omuhle. Uyawuphondla uMuthi, kwakuyilokho konke, anqampune zonke izingatsha ezifile. Uzokwenzani na? Azishise, phezulu lapho. Impela. UNkulunkulu unguMlimi wa—waloMuthi. UyaWunakekela. Uyalilinda Ifa laKhe. U...Yini Ifa laKhe na? IZwi laKhe uQobo. Ulinda iZwi laKhe, ukuLiqaqisa; ukuLilinda; niyabona ukuthi Angafinyelela kuphi. Uzobuyisela. Ngakho ngenkathi lamabandla eqala ukuhlela, nezinto ezinjalo, Uvele nje awaphundle awasuse, neBandla liqhubeke.

483 Nxa i—nxa iLuthela lithi, "Sizoba yinhlango. Sizoba bakhulu nje njengeKatolika." Kulungile. Wavelle nje waliphondla walisusa igatsha. NoWesley waWuthatha waqhubeka ngqo, kwavuka omunye umprofethi. Kwaseke, kwathi nje uWesley angakwenza...Awu, uWesley wafa, umprofethi omkhulu. Benzani na? Bayalihlela. Kuqhubeke kufika iPhentekoste. Lathi nje lingafa, Wakuphondla lokho wakususa. Uvuka uqonda ngqo uqhubekelela phezulu. Niyabo? Uzobuyisela.

484 Simila kuphi isithelo na? Asiqali phansi lapha ekugeineni. Siqala esicongweni. Ilanga liwushaya kuphi uMuthi kuqala

na? A, udumo! NgokuKhanya kwakusihlwa, isicongo soMuthi. Amen. Hhayi phansi emagatsheni okugcina, kodwa phezulu lapho esicongweni soMuthi yilapho isithelo sokuqala sivuthwa khona.

Amen.

NiyaMthanda na? Amen!

NizoMkhonza na? Amen!

NiyaMkholwa na? Amen!

NgiMkholwa ngempela, ngayo yonke inhliziyoyami.

⁴⁸⁵ Manje, kuyini na? Uzoyiphundla leyomivini emidala efile lapho likhuphuka, yonke leyomivini yenhlango, Lize likhuphukele ngqo esicongweni soMuthi. Yilapho Azothola khona isithelo saKhe. Manje qaphelani. UNkulunkulu uyaliphundla. Kulungile. Ifile, futhi aziyikuza e—eBukhloneni bukaNkulunkulu, ayiyikuza ekuvukeni kokuqala. Kodwa ibe ne...Isithelo somVini seyokuqala inhla...UmVini kaNkulunkulu. Iyoya eqenjini lezinhlango, kodwa ayiyikuza nesithelo somVini.

⁴⁸⁶ Manje bukani. UNkulunkulu akazange akhiphe inhlango. Ibandla lifaka amaxhumela, inhlango, futhi uNkulunkulu uyayijuqula, ujuqula intambo yayo yokuphila. Lithela isithelo senhlango.

⁴⁸⁷ Kodwa uma lowomVini uveza igatsha eliphuma emVinini, Uyothela okufanayo njengoba Lowo wenza. Ngakho, niyabo, elokuqala elaliyikho. NeRoma lathumela amabhungane awo laphaya futhi aWunqampuna, kodwa uNkulunkulu uzomilisa Owodwa uphakame kakhulu ngangokuthi lingeke laWuthinta. Uzoqhubeka ukhuphuke. Amen. Ngi...Asihambe. UMuthi usuka endaweni eyodwa uya kwenye, usuka esimiselweni esisodwa sesikhathi uya kwesinye isimiselo sesikhathi. Usuka kuLuther, Waya kuWesley; usuka kuWesley, uya ePhentekoste; usuka ePhentekoste, Uya eZwini.

⁴⁸⁸ YiPhasika futhi lamakholwa eqiniso eZwi laKhe elingehluleki neze. YiPhasika. Ngukuvuka. UNkulunkulu unabantu ndawo zonke. YiPhasika kubo. Ngani na? Bavukile, amen, bavukile kulezozivumokholo nehlelo. Bakhuphuka ngqo ngabo. YiPhasika futhi. INzalo yobuKhosi ibifihlwe ezimpandeni, iZwi, yafihlwa emuva lapha kuleliZwi, iminyaka, neminyaka, neminyaka, futhi nje manje iqala ukwembulwa. Yisikhathi sePhasika. Elamisela ngaphambili kusukela ekusekelweni kwezwe, leliBandla liqala ukuma. Qaphelani ukuthi uNkulunkulu wamisela kanjani ngaphambili, ekuqaleni. Ngine...

Awu, ngizokusho, noma kanjani. Kulungile.

⁴⁸⁹ Qaphelani lapha, lokho, ukubuyisela uMuthi ophelele wokuqala ngezinsuku ezintathu emva kokufa kwaWo. Emva kokufa koMuthi wokuqala, Wawubuyisela ngezinsuku

ezintathu. Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Awubuyisele emuva! Manje uMuthi woMlobokazi uzobuyiselwa nawo ngezikhathi zeminyaka ezintathu, izigaba ezintathu, njalo. Izigaba ezintathu, Uyobuyiselwa. Manje bukani. Ini? Ukulungisiswa, ukungcweliswa, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele; kunye, kubili, kuthathu.

⁴⁹⁰ Manje qaphelani. Emva kwezinsuku ezintathu, uMuthi wokuqala ubuyiselwa njengasekuqaleni, unezibonakaliso ezifanayo, izimanga ezifanayo. UJesu uyabuya, uJesu ofanayo, enza into efanayo. Ekupheleni kosuku lwesithathu, izibonakaliso zabonakala, hhayi ukuphela kosuku lokuqala. O, mfowethu! Ngithemba ukuthi niyakuthola. Ngosuku lwesithathu yingenkathi isibonakaliso sangempela sikaKristu saziwa ngalo, ekupheleni kosuku lwesithathu. Niyabo? Qaphelani. Niyakuthola na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

⁴⁹¹ Hhayi ngosuku lokuqala, isimo esifile; usuku lwesibili, kwakunehemuhemu, niyabo, noma, usuku lwesibili, wawulokhu usafile; uLuther, uWesley. Ekuqaleni kosuku lwesithathu, kwakukhona ihemuhemu ngakhona. Kulungile. Akukho lutho ngosuku lokuqala, uLuther; akukho lutho ngosuku lwesibili. Futhi ngosuku lwesithathu, isimiselo sesikhathi sikaMoya oNgcwele, kwakunehemuhemu ngakhona, ukuthi, “Wayenguye izolo, namuhla, naphakade.”

⁴⁹² Kodwa ekupheleni kosuku lwesithathu, yilapho Azazisa khona qobo lwaKhe, ufika ngqo phakathi kwabo, ufika phakathi kwabantu baKhe wayesethi, “Ngibukeni. Nginguye Ofanayo.”

⁴⁹³ Izimo ezifile zaqhubeka zaze zafika ePhentekoste, sekuqalake ukuhemuzwa ngakhona, ukuthi, “Wayenguye.”

⁴⁹⁴ Manje, lapha ngosuku lokugcina, lapha Unathi ngqo, enyakaza phakathi kwethu ngqo. Ekupheleni kosuku lwesithathu, Wabonakala futhi wabakhombisa bonke isibonakaliso saKhe sokuvuka, ukuthi Wayephila, onguyena izolo, namuhla, naphakade, izithelo eziphilayo zoBukhona baKhe. Izithelo eziphilayo zoBukhona baKhe! Niyakuthola na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Wabonakaliswa khona impela ekupheleni kosuku, ngenkathi Ebonakala kubo bonke, iBandla laKhe. Amen. Ngani na? Bonke bahlangana ndawonye, o, amen, ekupheleni kosuku lwesithathu.

⁴⁹⁵ “IziNkanyiso zakusihlwa,” iBhayibheli lathi, “ziyokhanya ngezinsuku zokugcina.” UkuKhanya kwakusihlwa ngukuKhanya okufanayo eNtshonalanga, lokho kwakungukuKhanya okufanayo okwakuseMpumalanga. NokuKhanya okufanayo okwakhanya eMpumalanga, okwaveza iBandla lokuqala amaRoma akuceka ngokukhonza kwawo—kwawo kobuhedeni nokunye nokunye, ngokuKhanya kwakusihlwa ngukuKhanya okufanayo. Manje qaphelani, ukuKhanya okufanayo!

496 Futhi kuphumelani ukuKhanya kwakusihlwa na? Okwani ukuKhanya kwakusihlwa na? Ukubuyisela. Hwewu! Niyakuthola na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] UkuKhanya kwakusihlwa kungokwenhloso efanayo ukuKhanya kwasekuseni okwakungokwayo, ukubuyisela okwacekwa yimiNyaka yobuMnyama, ngeRoma. UNkulunkulu uzobuyisela, ngokukhanyisa ukuKhanya kwakusihlwa (ini?), abuyisele iZwi likaNkulunkulu lonke futhi, ukuzibonakalisa okugcwele kukaKristu eBandleni laKhe. Yonke into Ayenza, ngayo impela nje indlela Enza ngayo, kuyoba njalo futhi ngokuKhanya kwakusihlwa. Niyabona ukuthi ngichaza ukuthini na? O, lokho akumangalisi na? [“Amen.”] Nokwazi ukuthi siphila khona lapha ukuKubona manje, ukuKhanya kwakusihlwa, kuhambisana ngqo nesiprofetho. UkuKhanya kwakusihlwa kuphumela ukubuyiselani na? Ukubuyisela okwakushwabadelwe yizilokazane.

497 Waqala ukukhula, wase wenzani-ke? Wahlela, ngakho uNkulunkulu wabaphundla basuka, wababopha ngqi, wababeka emuva, wabayeka bahambe futhi bahlele. Kwase-ke kukhuphuka olandelayo; Wababopha ngqi, wabalahlala. UMuthi waqhubeka. Wayesebabopha-ke ngqi, wabalahlala, wathi, “Manje, ngolunye lwalezizinsuku bazoshiswa.” Ubabopha ngqi enhlanganweni yabo.

498 Kodwa-ke ini na? Esicongweni soMuthi ngqo yilapho isithelo sivuthwa khona kuqala, kunjalo, esicongweni soMuthi ngqo. Ngakho yisicongo soMuthi, lapha, esibona ukuKhanya kwakusihlwa.

499 Manje, uNowa wayenamakamelo amathathu emkhunjini wakhe. Ikamelo elilodwa lalingelezinto ezinwabuzelayo. Niyabo? Ikamelo lesibili lalingelezinyoni. Kodwa ikamelo elisesicongweni lalilapho ukukhanya okwakukhona. Ukukhanya okwakhanyayo, kuqala, akuzi neze esitezi sokuqala, isitezi sesibili, kodwa esitezi esisesicongweni.

500 Umuthi awutheli isithelo sawo kuqala phansi ekugcineni, kokwesibili, kanjalo. Waphundlwa wonke wasuswa, enhlanganweni.

501 Kodwa kusengxenyeni esesicongweni, lapho, “Ngiyakubuyisela, isho iNkosi. Ngiyakuthumela ukuKhanya kwakusihlwa. Kuyobuyisa, kubuyise iZwi, kuLenza libonakalise. Ngiyakubuyisela konke lokho eNgakwethembisa. Konke lokho eNgakwethembisa, uMoya oNgcwele ofanayo uyokuletha, bathele izibonakaliso ezifanayo. Ngiyakuba nePhasika, ukuvuka koMlobokazi, zifane nje njengoba Nganginazo ngoMyeni.” Niyabo? IziNkanyiso zakusihlwa ziphumela ukukhanya, kufana njengasekuseni, izibonakaliso ezifanayo, izinto ezifanayo. UkuKhanya okufanayo kuyoveza isithelo esifanayo ababenaso lapho, uma Kukhanya eMthini

ofanayo. Amen. Kufakazisa iZwi laKhe manje ligcwalisekile, “Ngiyakubuyisela, isho iNkosi.”

502 Manje lalelani ngokusondele. Manje, kwakukhona... Lalelani manje. Ningakugeji Lokhu manje. Kwakukhona izithunywa ezine zokufa.

503 Noma, beningaqoka ukuthi sivale nje na? Beningaqoka—qoka ukuthi sihambe kuse eli nje na? [Ibandla lithi, “Qhabo.”—Umhl.]

504 Lalelisisani manje. Bukani. Kwakukhona ezine. Izithunywa ezine zokufa zabulala lowoMuthi. Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Kwakuyini na? Isibotho, isikhonyane, inkumbi, inkasa. Kunjalo na? [“Amen.”] Izithunywa ezine zamademoni aseRoma, izimfundiso ezingaphikiswa, zabulala lowoMuthi. Esisodwa sathatha isithelo saWo; esisodwa sathatha ixolo laWo... noma sathatha amaqabunga aWo; esisodwa sathatha ixolo laWo; esisodwa sathatha ukuPhila. Kunjalo na? [“Amen.”] Izithunywa ezine zezimfundiso ezingaphikiswa zabulala uMuthi, konke ngaphandle kwezimpande.

505 Futhi uma izithunywa ezine zokufa zabulala uMuthi, izithunywa ezine zokuPhila sibuyisela uMuthi. Niyakuthola na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Amen. Ngokuba uNkulunkulu wathi, “NgiyakuWubuyisela.” UzoWubuyisela. Kanjani? Ngezithunywa zokufa ezine, zaWubulala, manje-ke izithunywa ezine zokuPhila ziyuWubuyisela. Sasiyini esokuqala na? uMartin Luther, ukulungisiswa. Sasiyini esesibili na? uJohn Wesley, ngokungcweliswa. Sasiyini esesithathu na? IPentekoste, nokubuyiselwa kweziphiso, uMoya oNgcwele, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Sasiyini esesine na? IZwi. Ini? IZwi. Kwakukhona abaprofethi abakhulu abane.

506 Omunye wabo, uMartin Luther, uqala ukukhanya ukuKhanya. KwakunokuKhanya okuncane, amandla amancane impela nje, okulungisiswa.

Nakhu sekufika uWesley, uqine ngokuthe xaxa, ukungcweliswa.

507 Emva kukaWesley, kufika oqine ukwedlula yena, iPentecostal, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, komunye umprofethi omkhulu. Niyabo?

508 Kodwa ngezinsuku zokugcina, zikaMalaki 4, uElija uzofika nalo impela iZwi. “IZwi leNkosi leza kumprofethi.” NgeziNkanyiso zakusihlwa, uzovela, ukubuyisela nokubuyisa. Ini? “Aphendulele izinhliziyu zabantwana zibuyele ekuKholweni kukaNkulunkulu.” UkuKhanya kwesine!

509 Ababulali abane baWuthatha. Izithunywa ezine zaWubhubhisa. Izithunywa ezine zokufa zaWususa, ezimfundisweni ezingaphikiswa.

Izithunywa ezine zokulunga ziMbuyisela emuva futhi.

510 “Profetha, ndodana yomuntu. Lawamathambo angaphila na?” Ngifisa sengathi ngabe besinesikhathi. Nginakho kubhalwe phansi lapha, kodwa ngizofanele ngikugeje lokho. “Profetha. Lawamathambo angaphila na?” Yini izigaba ezine zalokho kuvela kwaleloBandla na? Yini izigaba ezine zamathambo omile kaHezekeli evela na? Kodwa ukuPhila kufika kuphela, hhayi ngenkathi isikhumba semisipha sasikuwo, kodwa ngenkathi umoya uphephetha phezu kwawo. Lokho kungenkathi kubuya lowoMlayezo wokuPhila wesine.

511 “Ngiyakubuyisela, isho iNkosi.” Halleluya! Udumo! Akadunyiswe uNkulunkulu. UkuKhanya kwesine kuzofika, okuyoveza izibonakaliso ezifanayo. Bhekisisani. Ukulungisiswa kwabuyisa ubindiza.

Ukungcweliswa kwabuyisa ixolo, imfundiso yobungwele.

512 Yini eyabuyisa iqabunga na? AmaPentecostal. Kuyini na? AmaPentecostal, amaqabunga, ashaya ihlombe lawo, ukujabula, ejabula, iPentecostal.

513 Ini? Esesine kwakuyiZwi, qobo lwaLo. IZwi lenziwe inyama, izithelo zobufakazi besibonakaliso sokuvuka uKristu athe ekugcineni, emva kokuba ukulungisiswa sekutshaliwe, ukungcweliswa sekutshaliwe, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Izinhlangotho zaphela. NoKristu usephinde Wazibeka maphakathi njengalesosivalo sesivivane. Umugqa wokuqala, ukulungisiswa; ukungcweliswa; umbhaphathizo kaMoya oNgcwele; bese-ke kuba ukufika kwesiValo.

514 Kuyini na? Lesosigejane sikaMoya oNgcwele sicijwa ukuze sikwazi ukwenelana nohlobo olufanayo lwenkonzo Ayenayo ngenkathi Emuka, ukuthi, nxa Ebuya, iyobamba yonke into oHlwithweni, lapho abalungisisiwe, abangcwelisiwe, nombhaphathizo kaMoya oNgcwele. Lesosivivane siyoma futhi. INdlu kaNkulunkulu iyophila futhi. UMuthi wokuPhila uyakhula futhi.

Izizwe ziyehlukana, uSrayeli uyavuka,
Izibonakaliso abaprofethi abazibikezelayo;
Izinsuku zabeZizwe zibaliwe, ngokwesaba
okukhulu okuthiyayo;
“Buyani, O bahlakazekileyo, niye kwabakini.”

Usuku lokuhlengwa seluseduze,
Izinhliziyo zabantu zehlulwa ngukwesaba;
Gcwaliswani ngoMoya, izibani zenu
zilungisiwe zahlanzwa,
Bhekani phezulu! Ukuhlengwa kwenu
sekuseduze.

Abaprofethi bamanga baqamba amanga,
iQiniso likaNkulunkulu bayaliphika,
Ukuthi uJesu uKristu unguNkulunkulu wethu.
(Amen.)

Kodwa sizohamba lapho abaphostoli
benyathele khona.

Ngokuba usuku lokuhlangwa seluseduze,
Izinhliziyo zabantu zehlulwa ngukwesaba
(okwama atomu nayo yonke eny'into);
Kodwa gewaliswani ngoMoya, izibani zenu
zilungisiwe futhi zahlanzwa,
Bhekani phezulu! Ukuhlengwa kwenu
sekuseduze.

⁵¹⁵ Amen. Abuyisele zonke izibonakaliso! Isibonakaliso sikaLoti ngesikhathi sokuphela. Sedlulile kulokho. Ukuthi waba kanjani uLoti. . . LeNgelosi, kaJehova yenziwe inyama phakathi kwabantu, yahlala Ifulathele ithende yayisithi, “Uphi uSara umkakho na?”

“Ethendeni emva kwaKho.”

⁵¹⁶ Yathi, “Ngizokuvakashela.” NoSara wahleka. Yathi, “Uhlekeleni uSara na?” Yena esethendeni. Amen.

⁵¹⁷ UJesu wathi kuyoba yinto efanayo ekuFikeni. O, kwase-ke ukuKhanya kwakusihlwa, kukaMalaki 4, kuyafika kukhanya kudabula ebumnyameni, amen, ukuletha ukuKhanya kwakusihlwa phezu kweZwi elimiselwe ngaphambili. Haleluya! Uzoba yini lowoMlayezo wesine na? Siyini lesosithunywa sesine na? Ukukhanyisa ukuKhanya phezu kweZwi. IZwi limiselwe ngaphambili. Lizofanele livele. Into ethize izofanele ikwenze, ngokuba uNkulunkulu wathi, “Ngiyakubuyisela, isho iNkosi. Ngiyakubuyisela.” Kunjalo. IziNkanyiso zakusihlwa zifika zikhanyisa kwedlule, phezu kwaleloZwi elamiselwa ngaphambili. Yebo, mnumzane.

O, kuyakuba ngukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa,
Indlela yezinyawo eya eNkazimulweni impela niyoyifumana;
Endleleni yamanzi, ngukuKhanya namuhla,
Ngimbelwe eGameni eliligugu likaJesu.
Basha nabadala, phendukani ezonweni zenu zonke,
UMoya oNgcwele impela uyongena phakathi;
Ngokuba iziNkanyiso zakusihlwa zifikile,
Kuyisiminya ukuthi uNkulunkulu noKristu baMunye.

⁵¹⁸ Nampo lapho Bekhona, Munye, ndawonye; Munye, phakathi kithi. Izibonakaliso ezifanayo izidalwa ezingabantu ezingenakuzenza, sibonakalisa zona uqobo, liyaphuma, iZwi,

ukuveza iZwi likaNkulunkulu elamiselwa ngaphambili, liphuma ezimpandeni zoMuthi emuva ngaleya, ukuthi onke amahlelo alenqaba, futhi alenqaba, futhi alenqaba. Kodwa kuyovela ukuKhanya. Kuyofika ukuKhanya, kuyophuma.

⁵¹⁹ Kuphi, ngale eJerusalema na? Qhabo, mnumzane. IziNkanyiso zakusihlwa aziyikuphuma eJerusalema. IziNkanyiso zakusihlwa kuya (kuphi?) eNtshonalanga. Babenosuku lwabo futhi baKwenqaba.

⁵²⁰ Kodwa ukuKhanya kwakusihlwa kuyophuma eNtshonalanga (kwezela ini na?), ukuba kukhanye phezu kweZwi (ini?), ukuvuthwisa isithelo, kuveze uMuthi woMlobokazi nezibonakaliso ezifanayo, izimanga, nezithelo ababenazo ekuqaleni. “Kuyoba ngukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa.” Kunjalo. O! IZwi liyobe-ke seliveza isithelo saLo ngenkathi yes’khathi saLo. “Aliyikubuna, kodwa Liyakuthela isithelo saLo,” uDavide wathi, “ngenkathi yez’khathi zaLo,” amen, isithelo esifanayo eLalinaso ekuqaleni.

⁵²¹ Manje neZwi laKhe esigabeni saKhe esamiselwa ngaphambili njengoba EnaLo manje, futhi siyawabona lamaZwi onke ebonakaliswa. Kuyini na? Kungukuqinisekiswa okuphelele ukuthi ukuFika kweNkosi sekuseduze, nesikhathi ngenkathi Ethi, “Ngiyakubuyisela, isho iNkosi, konke lokho lezozinkumbi, konke lokho amaMethodisti akushiya, konke lokho inkasa ekudlile, konke lokho lokhu okukwenze lapho, zaze zaWuhlubula kwayofika phansi. Kodwa Ngiyakubuyisela, ngesikhathi sokuhlwa.” O, he! Hwewu!

Ngikholwa ukuthi bengingacishe impela ngishumayele manje, qiniso.

O, ngiyamthand’uJesu,
O, ngiyamthand’uJesu,
O, ngiyamthand’uJesu,
Ngoba Wang’thanda kuqala.

Angisoze ngaMshiya,
Angisoze ngaMshiya,
Angisoze ngaMshiya,
Ngoba Wang’thanda kuqala.

⁵²² Amen. AniMthandi na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] NgiyaMthanda nje ngayo yonke inhliziyoyami. Singaba nawo umugqa womkhuleko na? [“Amen.”]

⁵²³ Baba, Nkulunkulu, ezandleni zaKho ngi—ngiyawubeka loMlayezo. Nakuba Unqanyuliwe, ngandlela thize ngikhulekela ukuthi uMoya oNgcwele uzohamba naWo ngalamateyipu, nasezizweni zonke. Futhi uma ngiyosuswa emhlabeni, kwangathi Lona ungaphila, Nkosi. YiZwi laKho. Makukhanye ukuKhanya kwakusihlwa, Nkosi, kuveze loMlobokazi kaKristu omuhle kakhulu. Libusise, Nkosi. Kwangathi Lingebuyele-ze

kuWe. Kwangathi Lingakufeza lokho ebeLihloselwe khona. Siphe khona, Baba. Zonke izindumiso ziyoba ngezaKho.

524 Manje, siyazi, Baba, akunandaba ukuthi besingathini, Liselokhu liyiZwi futhi siyaliKholwa. Kodwa besingafisa Wena, Nkosi, ngalokhu ukusa kwePhasika, ukuthi Wena uzofakazisa kulenhlango yebandla, mhlawumbe abanye lapha kungokokuqala kubo, ukuthi Usalokhu unguye uJesu, ukuthi Awusiso isimo esifile, ukuthi Ungophilayo, uNkulunkulu ovukileyo, ukuthi Uphila phakathi kwethu namuhla. Siphe lokho, Baba, futhi sizoKudumisa, ngeGama likaJesu. Amen.

525 Bangaki phakathi lapha ogulayo na? Asibone izandla zenu. Phakamisani izandla zenu nje. O, kwenze. . .

526 Ngabe uBilly Paul. . .Ngabe uthole. . .Ngikholwa ukuthi unikezela amakhadi omkhuleko. Akanikezelanga na? [Abanye abazalwane bathi, “Yebo.”—Umhl.] Abengobani na? [“U E, wokuqala kuya ekhulwini.”] U E, wokuqala kuya ekhulwini. Singeke sabathatha bonke, kodwa asithole abambalwa babo. Yimani nje niqonde ngapha *lapha*, uma nithanda.

527 Ubani onelokuqala na? Asibone elokuqala. U E, wokuqala, phakamisa isandla sakho. Ikhadi lomkhuleko; buka ekhadini lakho. Uma ukwazi ukusukuma, kulungile. Owokuqala.

528 Awu, uqinisekile ukuthi uneliyilo na? Kulungile. Kulungile. Asihambe, siqale ndawondawo. [UMfowethu Neville uthi, “Lilaphaya.”—Umhl.] O, awu, okeyi. Uma unalo, sizoqala lapho, ke. Okeyi.

529 Owokuqala, yenza indlela yakho ngokuzungeza ngapha ngqo, uma ungahamba. Uma ungeke ukwazi, awu, sizokuthwala. Niyabo? Kulungile. Owokuqala.

530 Owesibili. Phakamisa isandla sakho, ngokukhulu ukushesha manje. Owesibili, woza khona lapha.

Owesithathu. Khona lapha, mnumzane.

Owesine, owesine.

531 Owesihlanu. Manje, wonk’umuntu hlala nje imizuzu embalwa nje. Owesihlanu.

532 Owesithupha. Phakamisa isandla sakho ngokukhulu ukushesha. Owesithupha. Isithupha, isithupha, angilibone, ngiyacela. Omunye ukhomba isandla sabo. Angi. . . O, kusukela. . .Usemuva ekamelweni lapho. Kulungile. Owesithupha. Kulungile. Umzuzwana nje manje.

Owesikhombisa, owesikhombisa. Kulungile, inenekazi emuva lapho. Isishiyagalombili.

533 Manje, uma wonk’umuntu gcina nje okwakho. . .Ngiyacela, umzuzwana nje manje. Nithule ngempela nje manje. Manje, lokhu kuzoba ngubufakazi. Lobu ngubufakazi.

534 Owesithupha, wesikhombisa. Owokuqala, owesibili, owesithathu, owesine, owesihlanu, owesithupha, owesikhombisa. Qhubekani phezulu lapho. Kulungile. Owesikhombisa. Kulungile, mnumzane, lokho kuhle.

535 Owesishiyagalombili. [UMfowethu Neville uthi, “Ungowesishiyagalombili.”—Umhl.] Owesishiyagalombili, owesishiyagalombili. Kulungile, mfowethu. Owesishiyagalombili, owesishiyagalolunye, oweshumi. Oweshumi, oweshumi nanye, oweshumi nambili.

536 Awu, nibonakala sengathi niyayeka ukuza. Awu, sizoqala lapho. Lokho kulungile. Mhlawumbe emizuzwini embalwa . . . Kulungile.

Asikhuleke manje.

537 Baba, Nkulunkulu, iZwi nje elivela kuWe liyosho lukhulu kakhulu. A—a—abantu mababone, Nkosi. Ngi—ngizame ukuba gotho, ngazama ukubatshela iZwi laKho. Nkosi, thethelela amaphutha enceku yaKho. Nje nge—nge, nje nge—ngenza amaningi kakhulu awo, Nkosi. Ngi—ngikhulekela ukuthi Awuzukubuka iphutha lenceku yaKho, kodwa Uzobuka iZwi laKho, engizama ukulishumayela. Nkosi, ngiyaKubonga ngaLo. Ngiyajabula, ngayo yonke inhliziyoyami. Nkosi, kungaphezu kokuphila, kimi. Nginikela impilo yami, noma nini, ngaLo. Ngi—ngiyazi Liqinisile. LiyiZwi laKho.

538 Futhi ngiyacela thethelela izindlela zami zobuthutha, Nkosi. Izikhathi eziningi ukuthi ngi—ngiyagcona futhi ngenze amahlaya, engingafanele ngikwenze. Nginamahloni ngalokho, Nkosi. Nje ngivela kulolohlobo lomndeni. Vele Ungakunaki nje, ngiyacela, Baba, uma Uthanda. Kusibekela ngeGazi laKho. Yilokho engicela Ukwenze. Nje ngiyakuvuma. Ungeke ungakunaki, kodwa Ungangithethelela uma ngikuvuma.

539 Manje, ngizivumile izono zami. Ngivuma izono zalababantu. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzobathethelela, ngamunye.

540 Nabantu, kwangathi bangaqonda ukuthi asizami khona nje ukugqoka oluny’uhlobo lwesenzo. NguMoya oNgcwele ngezinsuku zokugcina, ufakaza ngeZwi laKhe, njengoba ngiLishilo nje. Kodwa, Baba, akunandaba, ngingumuntu nje. Futhi uma bengingalisho bathi, “Leyo yincazo yakhe. Yilokho akucabanga ngaLo.” Kodwa, Baba, uma nje Uzokhuluma futhi ufakazise ukuthi Liqinisile, khona-ke bazofanele, bazofanele bawelele kuWe, ukuba baphumelele kuLo, khona-ke, Nkosi. Khona-ke Alizukuba yincazo yami; lizoba eyaKho. Siphe khona, Nkosi. Futhi uma ngiba yinceku yaKho, ne—ne—nezono zami zithethelele, futhi Ungibizele lomsebenzi, khona-ke khuluma kuwo, Nkosi. Ngikhulekela ukuthi Uzosipha khona. Philisa abagulayo nabahluphekile ndawo zonke, eGameni likaJesu, ngiyakhuleka.

⁵⁴¹ Futhi uma nje Uzozazisa Wena kithi manje, njengoba nje Wenza lapho emthonjeni, ngalowo wesifazane, ngenkathi Ukhuluma naye. Wamtshela into ethize eyayingalungile kuye. Wayenamadoda amahlanu. Manje, Wathembisa ukukwenza ngesikhathi sokuhlwa. Uthembise ukukwenza ngezinsuku zokugcina. Wathi, “Futhi kunjalo, kuyakuba njalo ekuFikeni kweNnodana yomuntu. Njengasezinsukwini zikaLoti, kuyakuba njalo,” uNkulunkulu ehlala enyameni yomuntu, ehamba phakathi kwethu, ngesimo seBandla laKhe, kuMoya oNgcwele, enza izibonakaliso ezifanayo. Siphe khona, Nkosi, namuhla nje. Ungeke, Baba na? Manje-ke, ngikhulekela ukuthi Uzobabonisa khona abantu, futhi wonk’umuntu aphiliswe futhi asindiswe, ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu. Amen.

⁵⁴² Manje, ngizoninakisa manje, uma nje nizohlonipha ngokuzithoba impela imizuzu embalwa. Manje, wonk’umuntu, nithule nje ngakho konke eningakwenza manje.

⁵⁴³ Niqinisekile ukuthi niyasiqonda isimo engikuso phakathi lapha manje na? Ngishumayeke iZwi lapha, iZwi likaNkulunkulu. [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Ngithe lonke Liqinisile. [“Amen.”] UJesu washo, ukuthi, “Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo mina naye uyakuba njalo.”

⁵⁴⁴ Manje, ngifuna ukunibuza umbuzo. Qaphelani noma ngabe ni—noma ngabe nithi “amen” noma qha, manje. UJesu, qobo lwaKhe, akazange azisho ukuthi uphilisa noma ubani. Lokho kuqinisile. Wathi, “AkusiMina owenza imisebenzi. NguBaba waMi ohlala kiMi.” Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] NoJesu wathi, kuJohane oNgcwele 5:19, “Ngiqinisile, ngiqinisile, ngokoqobo, Ngithi kini, iNdodana ngokwaYo...” NjengoMuntu, WayeyiTabernakele nje lapho uNkulunkulu ayehlala khona. Niyabo? Wathi, “INdodana ingenze lutho ngokwaYo; kodwa lokho Ebona uYise ekwenza, lokho neNdodana iyakwenza.” Ngokunye, “UBaba uNgikhombisa umbono, ukuthi ngenzeni, futhi Ngenza nje njengoba Engitshela.”

⁵⁴⁵ Manje, ngoluny’usuku sithola ukuthi kwakukhona, sithi, owesifazane omncane wayengakwazi ukungena emgqeni womkhuleko. Wayenomopho, futhi wayekade esebe nakho iminyaka eminingi. Ngakho wavele nje wathinta ingubo yaKhe, ethi phakathi kwakhe... Wayengabalulekile; wayengompofu nje, omncane. Owesifazane, omdala, wayengenamali. Futhi wayengakwazi ukwenyukela lapho nalabobapristi nabo bonke bemi lapho, ababenamalungelo ukuba bame nayo yonk’into. Ngakho wayengakwazi ukusukuma lapho, ngakho wavele nje wahamba egaqa waze wafika lapho wayesethinta ingubo yaKhe. Wathi, “Ngikhulwa ukuthi Unguye impela nje. Unguye, Usilethela iQiniso, ukuPhila. Ngikhulwa ukuthi UyiZwi likaNkulunkulu. Futhi uma nje ngingaMthinta, ngizo—ngizophiliswa.”

546 Niyakholwa na? Beningakholwa into efanayo lowo wesifazane ayikholwayo, ukuthi UyiZwi likaNkulunkulu na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Manje, iBhayibheli liyasho, namuhla, ukuthi, “UngumPristi oMkhulu, umPristi wethu oMkhulu khona manje.” Niyakukholwa lokho na? [“Amen.”] “Emva kokuvuka kwaKhe nokwenyuka kwaKhe, Wenyukela Phezulu wayesepha abantu izipho. Futhi manje Uhlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu, soMkhulu kweliPhezulu, nokwenza izinxuselo phezu kwalokho esikuvumayo.” Kunjalo na? [“Amen.”] “Futhi UngumPristi oMkhulu ono...” Ini? [“Kuthintwa.”] “Thintwa ngu...” Ini? “Ukuzwelana nobuthakathaka bethu.” Manje, uma E...Niyakholwa ukuthi Usenguye na? [“Amen.”]

547 Manje, buka. Uma uza lapha, futhi nje ungithinte, usuku lonke gulukunqu, bekungenze nomncu umehluko. Uma uthinte noma yimuphi omunye umfowethu, udade, bekungenze mehluko ongako; uhlelo nje lokubekwa kwezandla, yilokho kuphela. Kodwa uma nje uMthinta, yilokho kuphela obuzofanele ukwenze.

548 Futhi buka, uma uMthinta nge...ngolunye uhlobo lwenkambiso njengoba benza. Bathi, “O, siyamkholwa loThisha omkhulu. Lona ngumProfethi.” Awu, Akashongo lutho.

549 Kodwa lowo wesifazane omncane wayenento ethize eyaMthinta: ukukholwa kwakhe. Wathinta ingubo yaKhe, Wayesethi, “Ubani oNgithintile na?”

550 Anikholwa yini ukuthi iBhayibheli lithi UngumPristi oMkhulu ofanayo namhlanje Ayenguye ngaleyonkathi, Yena, futhi unokuzwelana nobuthakathaka bethu na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] NingaMthinta phandle lapho, noma ngabe nikulomugqa womkhuleko noma qha. Uma nigula, noma uma ninothandekayo ogulayo, uma ninento ethize enhliziyweni yenu, nje ngenhlonipho yokuzithoba wozani phambi kukaNkulunkulu futhi nithi, “Nkulunkulu, angazi ngaleyondoda emi lapho. Iyindoda encane enempanzela. Yona, ayilutho, kodwa ngikholwa ukuthi ekushumayelile kuyiQiniso. Futhi ngikholwa ukuthi isho into eyiqiniso, ukuthi UngumPristi oMkhulu. Manje ngifuna ukuKuthintwa. Futhi uma ingitshele iQiniso, khonake Usebenzisa izindebe zayo ukukhuluma uphendule futhi ungitshele, njengoba Wenza kowesifazane emuva lapho.” Nibone ukuthi Akasuye yini izolo naphakade. Yenzani lokho. Lokho akusikho nje ukuMenza onguyena izolo, namuhla, naphakade na? Akusikho na? [“Amen.”]

Kulungile, wonk’umuntu gcina indawo yakho eyiyona yona bese nje ngenhlonipho yokuzithoba ukhuleke.

551 Uthini? [Omunye uthi, “Ngikhiphe amanye amakhadi omkhuleko.”—Umhl.] Hhe? [“Ngikhiphe angamashumi amabili-

nanhlanu.”] Nginayishumi emuva lapho manje? [“Ayishumi nane.”]

⁵⁵² Ishumi, ishumi nanye, ishumi nambili, ishumi nantathu, ishumi nane, ishumi nanhlanu; ngabe amakhadi okukhulekelwa eshumi, ishumi nanye, ishumi nambili, ishumi nantathu, ishumi nane, ishumi nanhlanu, ishumi nesithupha, ishumi nesikhombisa, ishumi nesishiyagalombili, ishumi nesishiyagalolunye, amashumi amabili, amashumi amabili-nanye, amashumi amabili-nambili, amashumi amabili-nantathu, amashumi amabili-nane, amashumi amabili-nanhlanu: lokho bekufanele kwenze umugqa okahle obukeyayo. Uma si... Ngithemba ukuthi asidingi sinigcine lapha kade kakhulu. Kodwa manje. . .

⁵⁵³ [Omunye ukhuluma kuMfowethu Branham—Umhl.] Kunake. Lokho kulungile. Nje aku. . . Lokho kulungile.

Asihamishe ngokusondele manje, sonke kanyekanye, besalithola. *Kholwa Kuphela*.

Kholwa kuphela, kholwa kuphela,
Konke kungenzeka, kholwa kuphela;
Kholwa kuphela, nje o- . . .

Ukholwe yini? IZwi laKhe nesithembiso. Wenzeleni na?

Konke kungenzeka, kholwa kuphela.

⁵⁵⁴ Eza ehla evela entabeni, nakho kumi abafundi. Babehluliwe phezu kwalolodaba lwesithuthwane. Ubaba emi lapho, ebuka umntanakhe, ekhala. Abafundi babedlula kuwo onke amasu abo, kodwa kwakungasebenzi. UJesu uza enyuka. Abanye babo bathi, “Nango.” Omunye wabakhomba kuJesu; basuka kubafundisi benkolo, baya kuJesu. Yilapho engifuna ukukhomba khona abantu; hhayi kimi, noma ibandla elithize, kodwa kuJesu. Wathi, “Unamandla okukwenza.”

⁵⁵⁵ Ngakho ubaba wagijima, wawela phansi ezinyaweni zaKhe, wathi, “Nkosi, hawukela umntanami. Ukhwelwe kabi yidemoni. Uphel’amandla. Ukhihliza amagwebu emlonyeni. Uyadlikiza,” isithuthwane. Wayesethi, “Futhi ngimyise ndawo zonke. Futhi ngisho nabafundi baKho abakwazanga ukumenzela lutho.”

⁵⁵⁶ UJesu wathi, “Ngingakwenza, uma uzokholwa, ngokuba konke kungenzeka kokholwayo.”

Nje o- . . .

Nguyena izolo, namuhla, naphakade! Kuphakathi konke manje. Thulani nonke.

. . . kholwa,
Konke ku . . . (Isikhathi esinje pho!)
Kholwa kuphela, kholwa kuphela nje,
Konke kungenzeka, kholwa kuphela nje.

557 O Nkosi, iZwi libekwe macala onke lapha manje. Makukhanye ukuKhanya kwakusihlwa, Nkosi, Lenze liphile. NgeGama likaJesu Kristu, ngiyakhuleka. Amen.

558 Manje, eGameni leNkosi uJesu Kristu, ngithatha bonke omoya abaphakathi lapha babe phansi kokulawula kwami, ngenxa yenkazimulo yaKhe.

559 Ngiwubuka phansi lomugqa womkhuleko. Akukho-namunye umuntu kulowomugqa womkhuleko engimaziyo. Bona, bonke, bayizihambi kimi. Nonke nina kulowomugqa womkhuleko, oyizihambi kimi, futhi angazi lutho ngani, izinkathazo zenu noma lutho, phakamisani izandla zenu, wonk'umuntu ngokuhambisana emgqeni womkhuleko.

560 Bangaki ezethamelini abayizihambi kimi, futhi angazi lutho ngani na? Ninegunya elifanayo phandle lapho, njengoba benza laba lapha. Kuphela, ngiphawula umuntu ngamunye ngesikhathi.

561 Lapha, angithathe lokhu ngapha, umzuzu nje. [UMfowethu Branham ugudluzela imayikrofoni—Umhl.] Seniyezwa manje ngalokhu na? [Ibandla lithi, “Yebo.”]

562 Lelinenekazi lapha. Nangu owesilisa nowesifazane, uyabonana futhi. Angimazi, angikaze ngimbone. Uyisihambi kimi, kodwa nje isihambi uqobo.

563 Ngenza kuphela phezu kwezisekelo zaleloZwi. LeloZwi lathi, “Imisebenzi eNgiyenzayo mina nani niyakuyenza, uma nikholwa yiMi.”

564 Ngokuny'ukusa, ngenkathi lowombono ufika futhi, emva kwezinkulungwane zayo, wase uthi, “UBukhona obungehluleki neze bukaJesu Kristu bunawe noma ngabe uyaphi.” Ngiyakukholwa lokho, ngesizotha, ngayo yonke inhliziyoyami. Uma ngingaphindi nginibone futhi, niyakukholwa lokho ukuthi kuyiQiniso na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Lokho kuqinisele.

565 Nangu owesifazane engingakaze ngimbone empilweni yami. Ungowesifazane nje omukele ikhadi lomkhuleko.

566 Indlela umfana ngokuvamile awenza ngayo, ungena lapha, athathe amakhadi omkhuleko bese ewashova onke phezulu, ndawonye, phambi kwenu bantu. Anike noma ubani ikhadi lomkhuleko olifunayo elilodwa, noma ngabe likuphi. Akukho-muntu owaziyo lapho umugqa uzoqala khona, noma lutho ngakho. Ngakho-ke, umfana ubengeke athi, “O, manje *lapha*, uma unginika *okungaka*, ngizokubeka ngaphambili phezulu, futhi ngiqiniseke ukuthi ulapho.” Akazi qobo lwakhe. Ehhe. Akukho-muntu owaziyo.

567 Siyaqala nje. Noma yikuphi lapho uMoya oNgcwele othi khona “biza,” sibiza kusukela khona lapho. Futhi ngiyethemba ukuthi ngezinye izikhathi ngithola omunye, nxa ngilapha,

ikakhulukazi, ukuthi omunye akakaze... izihambi, niyabo, ukuthi angazi.

⁵⁶⁸ Manje, uma lona wesifazane emi lapha, uma i... Kunento ethize engalungile. Angahle ukuba uyagula. Angahle abe nomunye umuntu, ogulayo. A—a—angahle ukuba nje umi lapho, mhlawumbe ushaya sengathi uyagula. Futhi mhlawumbe umi lapho nje, ezama ukudalula into ethize. Uma enjalo, bhekisisani nje ukuthi kwenzekani. Niyabo? Nibe nakho, nakubona lokho kuzanywa, nakho. Aninjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Yebo, mnumzane. Nibabhekisise bemthwele ephuma ngomnyango, efile. Niyabo? Ehhe. Ngakho manje nizo—tholani nje, nibone ukuthi kuqinisele noma qha. Niyabo? Kuzameni, niyabo.

⁵⁶⁹ Manje, asidlali lona ibandla, bangani. Sisesikhathini sokuphela. Isithelo sisesicongweni somuthi, siyavuthwa. Kunjalo. INkosi iyeza.

⁵⁷⁰ Angimazi. UNkulunkulu uyamazi. Wayemazi. Ngaphambi kokuba kuze kubekhona izwe, Wamazi. Wayazi ukuthi wayezoma khona lapho. Wayazi ukuthi ngangizoma khona lapha. Ngokuba, Ungongenasiphelo. Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Manje, uma Engongenasiphelo futhi wakwazi, khona-ke Uyazi ukuthi kungani owesifazane emi lapho. Manje-ke, uNkulunkulu ofanayo ukuthi i... .

⁵⁷¹ UJesu, ngenkathi Elapha emhlabeni, noNkulunkulu ekuYe, owakhuluma kowesifazane emthonjeni, wayesemthshela into ethize eyayingalungile kuye. Sonke siyazi ukuthi kwakuyini. Asazi na? Wayesethi, “Mnumzane, Ufanele ukuba ngumprofethi wena.” Lokho kwakungukuzwakalisa kwakhe kokuqala. “Manje, siyazi ukuthi sekuyisikhathi sikaMesiya ukuba abe lapha, othiwa uKristu. Futhi nxa Efika, leyo kuzoba yinto Ayenzayo.”

⁵⁷² Manje, uma E “nguyena izolo, namuhla, naphakade,” futhi wethembisa ngaleliZwi engisanda kulishumayela nje, ukuthi ngesikhathi sokuhlwa Uyoba lapha futhi enze into efanayo, khona-ke siyibhekile. Asiyibhekile na? Asinjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Sibheke lokho kuvuka kwaleloBandla. Manje, uma Ezokwenza kulona wesifazane okufanayo njengoba Enza emuva lapho, eqinisa iZwi, ukuthi Liqinisele. [“Amen.”]

⁵⁷³ Manje, inenekazi libambe isandla salo nje, nami futhi, ukuthi siyizihambi, omunye komunye. Angilazi. Angikaze ngilibone. Liyisihambi nje, limi lapha. Ninjalo nani, phandle lapho, abaningi benu.

⁵⁷⁴ Ngazi abanye balababantu behlezi ngapha. Futhi angibazi abaningi. Ngiyamazi uNkk. Collins lapha. Ngiqinisekile ngalokho. UDade, umkaMfowethu Ben, futhi ngibone uMfowethu noDade Dauch lapha, esikhashaneni... UMfowethu Wright; uMfowethu, uDade Dauch; umfowethu laphaya

ekugcineni. Ngazi abanye benu, ngapha. Kodwa a—angibazi abaningi kakhulu benu, ngoba angikho phakathi lapha kakhulu impela, ukuba sazane. Futhi sinezihambi phakathi lapha.

Futhi ngakho khulekani nje.

575 Uma ngiba yisihambi kini, futhi ngisho ukuthi iziNkanyiso zakusihlwa sezifikile. NokuKhanya kwakusihlwa kuyofana njengokuKhanya kwasekuseni. Kuyokwembula izithelo zikaNkulunkulu eziyimfihlakalo ezifanayo, sikhuluma ngokukamoya. Kunjalo. Manje, ngikhuluma kuphela kini njengoba Enza kulowo wesifazane emthonjeni. Wathi, “Ngiphuzise.” Niyabo? Ngisho into efanayo. Lowo akusimina. NguYe. Kodwa uma Ubezokwembula kimi ukuthi umeleni lapho, uyabo, uma Ezokwembula kimi ukuthi ungani lapho, khonake uzokwazi ukuthi Wazi konke ngokuphila kwakho. Uma Ezokutshela into ethize ebikhona, uyabo, uyazi noma ngabe lokho kuqinisle noma qha. Manje-ke uma Ekwazi obekuyikho, futhi engakutshela lokho, Anga...impela uzoMkholwa-ke ngalokho okuzoba yikho. Uma Engakutshela vele okwenzile emuva lapha, ngempela lokho bekungembula ingaphambili lakho, noma ingemuva lakho, ingaphambilini lakho, nakho konke kwakho, akwenze kube ngokuyikho.

576 Inhlangano yebandla izokholwa kuYe, ngayo yonke inhliziyu yenu, uma Ezokwenza na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Ngikhulwa ukuthi benizokholwa, noma ngabe Wakwenza noma qha. Nisakukholwa, kodwa lokhu kuphela kukubopha phansi ngeklempu.

577 Manje, ngibuka owesifazane nje, futhi uba ngogcotshiweyo. Uyazi, eyisihambi kimi.

578 Kodwa ake nginikhombise nje manje. Abaningi benu uyasibona lesosithombe silenga phezulu lapho. Manje, Lokho akusikho, phezulu, lokho kuKhanya. Lokho yikho impela okulenga khona lapha phakathi kwami nalowo wesifazane khona manje. Anikuboni lokho na? Kuthi ukuba—kuthi ukuba khrimu, okul’hlazatshani-saphuzi, ukuKhanya okusasimaragidu, njengoba sikubiza, Kuphithiza ngqo... Yilokho okumenza azizwe... .

579 Manje, ake nje ngikukhombise into ethize. Uzwe okukamnandi ngempela, ukuzizwa uthobekile. Uma lokho kunjalo nenekazi, phakamisa isandla sakho ukuze abantu bakwazi ukubona. [Udade uthi, “Yebo.”—Umhl.] Uyabo? [“Haleluya.”] Ku...Akuvumi angaKuzwa, Kukhona khona lapho. Uyabo?

580 Manje, manje, uma Kwephukela kuye, angazi. Kuyancika. Lokho kuzofanele kube nguNkulunkulu. Ngingeke ngakwenza, ngesingami. Ngu—nguNkulunkulu ozofanele akwenze. Yebo.

581 Inenekazi ngempela li, ngokwemvelo, belizobe lisalindele ukuhlinzwa. Linento ethize udokotela obengalitshela yona,

“Lokho kufanele kuhlinzelwe,” kodwa aliyi kudokotela. Kunjalo. [Udade uthi, “Qhabo. UJesu unguDokotela wami.”—Umhl.] Futhi u—u...Yisi—simila. Nalesosimila singakwesokudla, eduze komhlandla. Lokho kunjalo. Uma lokho kunjalo phakamisa isandla sakho, ukuze abantu babone. [“Kunjalo.”]

582 Manje niyakholwa na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Manje, anikuboni, (Niyabo? Niyabo?) kodwa niyakukholwa ngayo yonke inhliziyu yenu manje, lokho kuqinisile. Kulungile. Kulungile.

583 Manje wena uthi, “Mhlawumbe ukuqagelile lokho, Mfowethu Branham.” Ungeke wakuqagela lokho, kasigidi, kuphelele.

584 Awu, ake ame lapho nje, umzuzu. Sekusukile kimi, khona manje. [Udade uthi, “Yebo.”—Umhl.] Manje, nje, asibone, umzuzwana nje, niyabo. [“Haleluya!”] Ubonakala sengathi ukahle; umKristu. Manje asibone. Manje uma nje Ezositsihela enye into ethize ezoba yiyo. Yebo. Nangu eza ebuya ngqo enyuka futhi. [“O, qhabo.”] Yebo, mnumzane. Uyi—uyi...Yebo. Yi—yisimila, lokho ngukuthi, ukuthi odokotela bebezosisusa. Futhi si...Besingambangela inkathazo. Kodwa uzokwethemba uKristu ngaso.

585 Futhi akusikho lokho kuphela. Akasuye owangapha. Futhi unomunye anaye. Ngumyeni wakhe. Futhi uyagula, naye. [Udade uthi, “Yebo.”—Umhl.] Kunjalo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela, ngisayibuka ngqo indoda lapha, kulombono, ukuthi yini engalungile kuyo na? [“Yebo.”] Awu, itshele nje ihambe iyodla idina layo. Inkathazo yayo yesisu isisukile. Uyakholwa ukuthi nguKristu enza lokho na? Yebo? UngowaseTennessee. [“Yebo.”] ENashville. [“Yebo, mnumzane.”] Kunjalo. Nkk. Binkley. Kulungile. Ungabuyela ekhaya manje futhi usinde, wena nomyeni wakho. UNkulunkulu akubusise.

586 Niyayikholwa iNkosi uJesu na? [Ibandla liyathokoza—Umhl.] Uma leyo kungesiyona iNkosi uJesu ofanayo owayelapha ezinsukwini ezedlulayo, eBandleni lesiKhathi sokuhlwa. Mhloleli owesifazane, nikhulume kuye, nimbuze ukuthi ngabe lezozinto ezishiwo bekuyiqiniso yini. Uma nje nizokholwa. Manje nenelisekile ukuthi UnguKristu ofanayo na? [“Amen.”] Manje, niyazi bengingekwenze lokho. Ngingumuntu. Ngingumfowenu. Kodwa UnguNkulunkulu.

587 Manje asibone. Ngabe lona ngumuntu olandelayo na? Uyilo obesemgqeni womkhuleko na? Kulungile.

588 Manje, kusobala, lologcobo, uyaqonda, lungiqeda amandla nje, njengokungathi angazi ukuthi kuyini. Manje, uJesu, ngenkathi lowo wesifazane omncane ethinta ingubo yaKhe, Wathi, “Ngiyabona ukuthi kuphumile amandla kiMi.” Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Lokho kuchaza “ukuqina.”

Waphela amandla. Futhi uma A...Uma lokho kwakwenzeke eZwini, qobo Lwalo, bekungenzani kulowo nje iZwi eleza kuye na? BeKungenzani na? Uma kwenza lokho eNdodaneni kaNkulunkulu, bekungenzani kufika kimi, isoni sisindiswe ngomusa waKhe na? Niyabo? Kungibhukudisa nje ngizungeze ngizungeze. Niyabo?

⁵⁸⁹ Kodwa, nokho, ngilapha ukuMmela. Ukume-... Ngingompofu omele. Ngi-ngiphenduka kuzo zonke izono zami, ukuthi—ukuthi anizukubuka kulokho engiyikho; kodwa nibuke ukuthi UnguBani, ukuthi nizobuka ngaleyondlela.

⁵⁹⁰ Manje, ngiyisihambi kuwe, nenekazi. Angimazi lona wesifazane, naye. Siyizihambi omunye komunye. Kunjalo. Manje, uma iNkosi uJesu (mina ngingakwazi wena, nawe ungangazi), uma iNkosi uJesu izokwembula into ethize kimi, ongayo lapha, into ethize oyenzile, noma into ethize obungafanele uyenze, noma into ethize ngaleyondlela, uyazi lokho bekungaba yi, lokho bekungaba yisimangaliso esiqhamileyo. Leyo yinto ethize engechazwe. Isimangaliso yinto ethize engechazwe. Noma ubani uyakwazi lokho. Niyabo? Leso bekungaba yisimangaliso esiqhamileyo.

⁵⁹¹ Bekungaba yisimangaliso esikhulu kunoma ukuba bekune—nenenekazi lihlezi lapha esihlalweni esinamasondo, futhi belinesifo samathambo, nakho konke kushisisiwe. Bengingalitshela, “Sukuma futhi uhambe,” futhi belizohamba liphume lapho, wonk’umuntu ubengadazuluka kulokho. Kodwa, niyabo, eqinisweni amandla o—okukholwa kwalo ukuba likholwe, futhi nje lisukume futhi lihambe, belingakwenza lokho.

⁵⁹² Kodwa ukubuyela ngaleya futhi lihoshe ukuphila ndawondawo, lokho kuthatha okungaphezu kwalokho. Lokho kuthatha uNkulunkulu yedwa, lapho ongasho khona, uyabo, uyazi ukuthi ngabe kuqinisile yini.

⁵⁹³ Manje, ikhona into eyenzekile, kwenye indawo. Manje linda. Sekusukile lapha. Sekuhambile kwaya... hambile ezethamelini, ndawondawo, ndawondawo. Sekuhambile manje.

Umzuzu nje. Ake ngikhulume kowesifazane futhi.

⁵⁹⁴ Manje, hloniphani ngokuzithoba nje ngempela futhi nibhekisise manje. Khulekani nje, yibani ngabakhulekayo phandle lapho. Ngifuna nikhuleke, “Nkosi, akube yimi.” Abanye benu bantu phandle lapho, abangezukuba semgqeni womkhuleko, khulekani nje.

⁵⁹⁵ Futhi ngikhuluma kuwe, ukwakh-...ngokukholwa kwakho. Uyabo? Uma bekungenziwa kulowo omunye wesifazane, kungenziwa kuwe. Ngukukholwa kwakho. Uyabo? Nguwe okwenzayo. Akusimina. Ngukukholwa kwakho kuNkulunkulu. Uyabo?

596 UJesu akazange athi, “O, beNgazi ukuthi beNgizobonana nalowo wesifazane laphaya.” Qhabo.

597 Kodwa ngenkathi ukuvuka kukaLazaru kufika, manje, yilokho uNkulunkulu aMkhombisa ukuba akwenze. Uyabo? UNkulunkulu wathi, “Suka uhambe.” Futhi Wa—Wakufakazisa nje Ayeyikho. Wasuka wahamba. Kwase kuthi-ke ngenkathi Esebuya, Wathi, “ULazaru ulele.” Futhi Uyabuya, wayesehamba wayesevusa uLazaru ethuneni. Wabiza umphefumulo wakhe, emva kokuba wayesehambe izinsuku ezine. Akazange athi Waphela amandla lapho. Lowo kwakunguNkulunkulu esebenzisa isiphiwo.

598 Kodwa, lokhu, ngenkathi lowo wesifazane eMthinta, kwakungwesifazane esebenzisa isiphiwo sikaNkulunkulu.

Naleyo yinto efanayo lapha. Nguwe ukwenza.

599 Manje, kulokhu, ezinkambweni zokuzingela, lapho i... Ngibone ibhere, nalapho izinto ezehlukene, nazo zonke lezizinto ezehlukene okushiwo phambili lapha, kwashiwo ukuthi kungani zifizeka, nje izwi ngezwi. Lowo nguNkulunkulu. Lokho akungikhathazi.

600 Kodwa nxa abantu beqala ukusebenzisa isiphiwo sikaNkulunkulu, niyabo, uba yinceku kaNkulunkulu yomphakathi, ukuba wena nje uqhwebaze emgqeni. Uyabo?

Bese kuthi-ke uMthinta ngalokho, bese-ke Ekhluma aphenjule. Uyabo?

601 Manje, yebo, manje owesifazane uza embonweni. Uyangena, noma umbono uyangena. Kubukeka sengathi ubungakubona lokho ngakuye. Owesifazane uyagula. Ugula ngempela. Uyagula, into eyodwa, nenkathazo yesisu, kubi kabi. Phakamisa isandla sakho uma lokho kuqinisile. Futhi unokwelakanyana kwezinto. Lokho kuqinisile.

602 Ukanye nomunye futhi. Ngumyeni wakho. Futhi uyagula. [Udade uthi, “Kunjalo.”—Umhl.] Uma uNkulunkulu ezokwembula kimi, kumyeni wakho, ukuthi yini engalungile kuye, uzongikhulwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na? Indoda ikhathazwa amehlo ayo, yizindlebe zayo, futhi isesimweni esibi kakhulu. [“Yebo. Yebo. Ayidunyiswe iNkosi! Ayidunyiswe iNkosi!”] Yebo, mnumzane.

603 Uyakhulwa ukuthi uNkulunkulu uyakwazi ukuthi ungubani na? [Udade uthi, “Yebo.”—Umhl.] Ubungangikhulwa ukuthi ngingumprofethi waKhe, umboni waKhe, uma ngikutshela ukuthi ungubani na? [“Yebo.”] Uyakhulwa na? Nkk. Robertson. Futhi ungowaseHuntsville, leyo yiAlabama. Buyela emuva, wena nomyeni wakho, futhi usinde.

604 Niyakhulwa na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] “Konke kungenzeka kwabakhulwayo.” Uma ningakhulwa, uma nje nithatha eyenu—indawo yenu eyiyonayona futhi nikhulwe

ukuthi uNkulunkulu uyakwenza. Manje, ningangabazi, kodwa nje nikhholwe ngayo yonke inhliziyu yenu, ukuthi uNkulunkulu uzonipha lokhu ukuphiliswa, futhi ningaba nakho enikucelayo.

605 Kulungile, mnumzane, yenyuka manje. Asibone. Nguwe umuntu olandelayo na? Kulungile, mnumzane. Ngithi siyizihambi, omunye komunye, mnumzane. Uma... UJesu wafika endodeni egama linguSimoni, wamtshela ngesimo sakhe, futhi samenza uSimoni ahambe futhi akholwe, ngayo yonke inhliziyu yakhe. Bekungakubangela yini ukuba wenze into efanayo na? [Umfowethu uthi, “Yebo.”—Umhl.] Bekungakwenza. Awu, thina siyizihambi.

606 Manje, uNkulunkulu akanakwehluka phakathi kwesilisa noma isifazane. Uyafana nje. UnguNkulunkulu. Uyabo?

607 Futhi uya, uzokukholwa lokho (lokho kuzwa okukuzungezile manje), ukuthi uNkulunkulu uzokwazi ukwembula kuwe, ngami, inceku yaKhe, leyonto ongayo lapha, ikhona into engalungile kuwe, noma ngabe iyini na? Awu, uzokwazi noma ngabe iyiqiniso noma qha. Kulungile. Kwangathi Angakupha khona.

608 Indoda iza embonweni, noma umbono ungena endodeni. Ayikho lapha ngokugula. Ilapha ifuna umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Yilokho ekufunayo. Kunjalo, mnumzane. Yebo, mnumzane. Futhi awusuye owalapha. Ungowasenhla nomgwaqo lapha, indawo ethiwa iSeymour, eIndiana. Ukuthi, ungowa—walapho-ke. Bakubiza ngo, “Bill.” Bill, phindela emuva, yemukela uMoya oNgcwele, eGameni likaJesu Kristu. Kholwa.

609 Woza, nenekazi. Uyangikhholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na? Uyakhholwa ukuthi uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, uyaphila na? Futhi uyakhholwa ukuthi nguYe evumela lokhu ukuba kwenzeke kanje na? Uyakukholwa na?

610 Bangaki esesibe nabo na? Ini? Niyabo, angifuni ukuphela amandla kakhulu. Kulungile.

611 Qhabo, akulutho; awukho lapha ngesingawe. Ulapha ngomunye umuntu. Nalowo omunye umuntu akekho lapha. Uma ngizokutshela ukuthi yin’indaba ngalowo omunye umuntu, uzokwemukela ukuphiliswa, futhi uthathe futhi ukholwe na? Ngumdlavuzo. Uyakhholwa ukuthi bazophiliswa na? Hamba-ke, eGameni leNkosi uJesu, futhi ukholwe. Nje asi . . .

612 Niyakhholwa, nonke na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Niyakukholwa lokho kugcoba kukaMoya oNgcwele na? [“Amen.”] Akamangalisi na? [“Amen.”] Niyakhholwa na? [“Amen.”] Kulungile.

613 Manje, bangaki esibe nabo na? Ngokuvamile ababili, ababili noma abathathu, ngukuqinisa. [Omunye uthi, “Bathathu.”—Umhl.] Nithini? [Omunye futhi uthi, “Lowo

ngowesine onaye.”] Owesine na? [“Yebo.”] Ngabe lona ngowesihlanu omi lapha na? Kulungile.

614 Asi—asikholwe ngayo yonke inhliziyi yethu, ukuthi uJesu Kristu iNdodana kaNkulunkulu inguye izolo, namuhla, naphakade.

615 Ulapha ngaleyongane. Uma uNkulunkulu ezokwembula kimi ukuthi yini engalungile ngengane yakho, uzokholwa ukuthi uNkulunkulu uzoyiphilisa na? Umfo omncane unenkathazo yenhliziyi ekabi kabi. Kunjalo. Inga-... awunjalo, ingane ayisiyo eyalapha. Ingeyangaphandle kwedolobha. Ingeyangaphandle kwesifunda. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi ingane iphumaphi na? Uzokholwa, futhi ukholwe ukuthi izosinda-ke na? Ibuyisele eFranklin, eKentucky. Yebo, mem, futhi ukholwe ngayo yonke inhliziyi yakho. Uma uzokholwa, yilokho kuphela ozofanele ukwenze.

616 Ake—ake...Woza lapha umzuzu nje. Ngiyayilahla leyonto embi. EGameni likaJesu Kristu, kwangathi ukufa kungasuka, futhi ukuphila kuze.

“Bayobeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayosinda.”

Ufuna ukuhamba uyodla na? Ucabanga ukuthi Uzokwenza uzizwe ungcono na? Qhubeka. Sekusukile kuwe manje. Amen.

617 Uyakholwa ukuthi leyonkathazo yabesifazane izosuka kuwe na? Kulungile. Yana esihlalweni sakho bese uthi, “NgiyaKubonga, Nkosi.”

Sawubona, mnumzane? O, lelodemoni, isifuba somoya!

618 Umzuzwana nje. Umzuzwana nje manje. Ikhona into ethize engahambanga kahle...Into ethize ayihambanga kabi; ihambe kahle. Manje, kukhona into ethize phakathi lapha, efanayo, ebambe leyondoda ngalesosikhathi nje. Angibone futhi ukuthi bekuyini. Manje ngibuke nje. Ungasho lutho. Umzuzwana nje.

619 Yindoda eyikhaladi, ihlezi emuva ngqo lapha, ingibuka. Ngeyayo...i—inomunye ogulayo. Kunjalo. Okwesifuba somoya nokuphathwa amankanka. Kunjalo. Uthinte Yena. Awusuye owalapha, mnumzane. Uvela eMpumalanga, enyakatho-mpumalanga, ngalendlela. Uvela eNew York. Yebo, mnumzane. Kunjalo. UnguMnu. Hunt. Uyakholwa manje. Kulungile, mnumzane. Lokho kuhle.

620 Lowo ngumngane wakho ehlezi lapho ngakuwe, ekhuleka. Uyangikholwa, mnumzane, ukuthi ngingumprofethi kaNkulunkulu na? [UMfowethu Coleman uphendula ngokuqinisa—Umhl.] Uza lapha naye. Igama lakho unguColeman. [“Yebo. Haleluya!”] Futhi u—ukhulekela ubaba. [“Yebo.”] Onestroki. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. [“Haleluya!”] Kholwa. Hamba, kholwa manje, kuzosuka kuwe.

621 Unesisu esigula imizwa, sikunika inkathazo. Lokho akunjalo na? Hamba, udle. eGameni leNkosi uJesu. Uyakholwa ukuthi Ukuphilisile na? Buyela emuva nje bese uthi, “Ngiyakubonga Nkosi Jesu.” Kholwa ngayo yonke inhliziyi yakho.

622 Ukhathazwa yinkathazo yokwethuka, konke ukuxhaphazela, kanjalonjalo. Kholwa ngayo yonke inhliziyi yakho. Buyela emuva futhi usinde.

623 Ukwethuka. Kholwa nje ngayo yonke inhliziyi yakho. Kholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa, futhi Uzokwenza. Ungangabazi nakancu.

624 Ukwethuka nenkathazo yenhliziyi. Uyakholwa ukuthi uJesu Kristu uzokusindisa na? Hamba, usinde, eGameni likaJesu.

625 Ukwethuka, ukuxhaphazela, inkathazo yesisu ikukhathaza nesimo sokugayeka kokudla esiswini sakho kubangela ukudla kwakho kube muncu. Hamba, ungangabazi enhliziyweni yakho; futhi kuzofezeka, ungeke usaba nakho.

626 Iqolo lakho kade likuhlupha. Uyakholwa ngayo yonke inhliziyi yakho na? Hamba-ke, noJesu Kristu uyakusindisa kulokhu.

627 Umzuzwana nje. Bambelela uthule, umzuzwana nje. Manje ikhona into ethize eyenzekile. Lona wesifazane lapha uyisimanga. Lokho kuKhanya kumzongolozele, ngokushesha ngempela, kwase kusuka kuhamba, futhi kwagijima kwabuya ngqo futhi. Ikhona into ethize eyenzekile. Umzuzwana nje. Bekuyindoda eyikhaladi, ngiqinisekile bekungesuye umfowethu oyikhaladi lapho, ngoba kufika . . . Umzuzu nje. Nakhu. (Hlehla, Billy.) Nakhu.

628 Yilendoda ehlezi lapha, indoda eyikhaladi. Uhlushwa yinkathazo yeqolo, nawe. Kunjalo. Uyisihambi kimi. Ngiyiso kuwe. Kodwa kunento eyodwa oyidinga kangcono kunenkathazo yeqolo, leyo ingukuthi, unikele inhliziyi yakho kuKristu, ube umKristu. Awu. . . UzoMemukela njengoMsindisi wakho na? Uvela eOhio. Kunjalo. EOhio. Buyela emuva, usinde. UJesu Kristu uthethelela izono zakho, futhi ungaya ekhaya futhi uphiliswe. Manje sekuphelile. Manje ungaya ekhaya. Kholwa ngayo yonke inhliziyi yakho.

629 Kulungile, dade, woza. Izifo ezelakanyanayo, nokwethuka, nokukhandleka. Uyakholwa ngayo yonke inhliziyi yakho ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? Yana esihlalweni sakho, bese uthi, “NgiyaKubonga, Nkosi Jesu, ngakho konke lokho Ongenzele khona.”

630 Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uSomandla uzokusindisa, futhi aphilise iqolo lakho, futhi akusindise, futhi elaphe inkathazo yezinso. Hamba—hamba ngqo ngendlela yakho, uthokoza, futhi uthi, “NgiyaKubonga, Nkosi Jesu.”

631 Uyakholwa, mfanyana, Uyakusindisa na? Thana, “NgiyaKubonga, Nkulunkulu othandekayo.” Hamba, udumisa uNkulunkulu nje.

632 Manje uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, dade na? Hamba-ke, noJesu Kristu uyakusindisa.

633 Umzuzwana nje. Qhabo, bekungesuye. Umzuzu nje. Bekungesilo inenekazi lapho. Owesibili nje manje. Umzuzwana nje.

634 Ngibone amanzi esaphazeka entweni ethize. Ukhona umuntu olapha owele ulwandle, evela ndawondawo. Ngowesifazane, futhi uvele eHolendi. Uphi na? Nanguya. Kulungile, dade. Uvela kude le ngokuzophiliswa. Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na? [Udade uthi, “O, yebo.”—Umhl.] Uguliswa wufehlane, nesifo samathambo, ukugongobala. Kholwa yiNkosi uJesu Kristu, bese uyisa uMlayezo kubantu bakini. UNkulunkulu akubusise. Kuzosuka kuwe futhi unghamba futhi usinde. Amen.

Niyakholwa na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

635 Lapha, le emuva lapha ngemuva, ngowesifazane ehlezi ngqo emuva lapha. Futhi uphethwe yisimo senyongo. O, kuzomshiya. Nkulunkulu, ngisize. U—uvela eIndianapolis. Igama lakhe nguGilbert. Sukuma lapho okhona, nenekazi. Ulapho-ke. Sindiswa, eGameni likaJesu Kristu.

636 Niyakholwa nonke, ngazo zonke izinhliziyo zenu na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Beka esakho... Ngabe uJesu uvukile kwabafuleyo na? [“Amen.”] Ngabe Unguyena izolo, namuhla naphakade na? [Ibandla liyathokoza.] Bekani izandla zenu phezu komunye nomunye futhi asikhuleke, ngisakhulekela uDade Kelly.

637 Nkosi Jesu, makuthi Amandla aKho aNgcwele angene ebandleni manje! Futhi kwangathi Angashanela edlule naphakathi kudadewethu lapha ukuba asindise impilo yakhe, Nkosi. Muphe lokhu ukuphiliswa okukhulu akubizayo, Nkosi. Philisa abantu baKho lapha. Thola inkazimulo kuWe uqobo. Siphe khona, Nkosi.

638 Futhi kwangathi lababantu lapha okuthi manje babeke izandla zabo phezu komunye nomunye.

639 Sathane...

Manje siza kulamaduku; eGameni likaJesu Kristu, kwangathi umuntu ngamunye angaphiliswa. Nkosi, qinisa iZwi laKho ngezibonakaliso zilandela.

640 Futhi manje, Sathane, wena Develi ongcolile, wehluliwe. UNkulunkulu wathi Uyobuyisela iNdodana kaNkulunkulu, kuYo owayikhaphela ngezivumokholo zakho. Wethembisa ukubuyisela iBandla ezimweni zalo zasekuqaleni, ngenkathi iziNkanyiso zakusihlwa zikhanya. Futhi siphila kuKho.

Futhi ngokubuyisela, sinelungelo, sinoMmeli wethu, sineSazimthetho sethu, umPristi wethu oMkhulu, futhi sizophoqa imfuno. Usubabambe isikhathi eside ngokwenele. Ungeke usakwenza isikhathi eside. Siyakuyala, eGameni likaJesu Kristu, ngamandla okuvuka kwaKhe noMoya oNgcwele okhona manje: Phuma kulezizethameli! [Ibandla lithokoza kakhulu—Umhl.]



UKUBUYISELWA KOMUTHI WOMLOBOKAZI ZUL62-0422
(The Restoration Of The Bride Tree)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgesi ngoLwesihlanu kusihlwa, ngo Apreli 22, ngo 1962, eTabernakele likaBranham eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgesi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2015 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org